# Isineke

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise. Ngiyabonga.

Sanibona ekuseni, bangani. Kuyinhlanhla ukuba lapha kulokhu ukusa eBukhoneni beNkosi, etabernakele kanye nabantu. Futhi lusuku olunemvula ngaphandle, futhi ngisanda kushayela nje ngenyuka manje nje, futhi indlela ebenikade nicula ngayo futhi nishaya izandla zenu, kufanele ukuthi bebenezihlambi zezibusiso ngaphakathi. Ngakho-ke lokho kuhle kakhulu. Ngakho-ke siyabonga kakhulu ngalolusuku. Yi. . . Sifanele sibe nemvula. Uma singenayo imvula, khona-ke iNkosi angeke ibuthe izithelo zaYo. Ngakho-ke sine—nemvula ngaphakathi, yokomoya, noma angeke kube khona noma yiziphi izithelo zesivuno. Sifanele sibe nemvula ngaphandle noma angeke sibe nesivuno semvelo. Kunjalo.

2 Futhi, niyazi, kokubili, kuthatha into ethize eyafa ukuze sizokwazi ukuphila. Isivuno siletha ukuphila, futhi ukuphila kufanele kuveze ukufa. Ngokufa siyaphila. Niyazi, nsuku zonke, ngokuphila kwakho kwemvelo, into ethize izofanele ife ukuze uzophila. Ufanele u . . . into ethize iyafa. Ngakho-ke wena—wena uyadla futhi uphile ngento efile. Uma udla amaqatha enyama yengulube, ingulube yafa. Uma udla isiteki senyama yenkomo, inkomo yafa. Uma udla ummbila, wafae. Uma udla isinkwa sikakolweni, awu, wafa. Udla imifino ikheyli, yafa. Uphila ngento efile, ngokwemvelo. Khona-ke, akusibo lobobufakazi bokuthi iNto ethile ifanele ukuthi ife ukuze singaphila Phakade na? UKristu wafa, iNdodana kaNkulunkulu, ukuze singaphila Phakade. Ngakho-ke ngijabule kakhulu ngakho konke lokho kulokhu ukusa, ukwazi ukuthi lezizikhathi ezinkulu ezilimazayo kabi esiphila kuzo manje, nokwazi ukuthi uKristu wafela izoni, futhi leso kwakuyimina, ukuthi Wangifela.

3 Manje, ngicabanga ukuthi ngeSonto eledlule niyakhumbula ukuthi iNkosi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule yakhuluma nami futhi yathi sasizo. . . Niqaphelile eteyipini yangeSonto eledlule lapho kwakuza izinhlekelele. Ngiza nje ngehla bengilalele ukusakaza, futhi iJalimane ithole izikhukhula ezimbi kakhulu abake baba nazo esizweni. Sibulale amakhulu, futhi abantu bayazilengisa. Ngikubhalabhale phansi lokhu, ngiza ngehla. Futhi imipheme yokuvimbela amanzi yabhidlika, nayo yonke into, eJalimane. Futhi iNgilandi inezivunguvungu zeziphepho ezesabekayo kakhulu, sisakazile, ngiyakholwa, izindlu eziyizinkulungwane ezingamashumi ayisikhombisa zamuka, kuyimanje. Niyabo? Awu, sesisesikhathini sokuphela. UJesu uzobonakala ngolunye lwalezizinsuku, futhi sisesikhathini

sokuphela. Khumbulani nje, lokhu kungukuqala nje, kuzoqhubeka nokuza futhi kuze. Niyabo? Sisekugcineni.

4 Manje, kusasa, ngemuva ngqo komlayezo namuhla, silungiselela ukubamba siye e-Arizona futhi, ngakho-ke sicela ibandla ukuba lisikhulekele, futhi lapho sisahamba. Futhi khona-ke nginezinqumo ezinkulu engifanele ngizenze, bangane, futhi angeke ngizenze ngedwa, ngoba angazi ukuthi ngenzeni. Futhi ngizocela lelibandla, njengeqembu lamakholwa eligogobele lapha kanye nami, ukuthi nizongikhulekela, ukuthi izinqumo zami zizoba yindawo efanele ukuya kuyo. Amadolobha aphesheya kwezilwandle athile angamakhulu amathathu, ngiyacabanga, liyabiza, ne—ne—neSwitzerland, iJalimane, ne—ne-Afrika, nakuyo yonke indawo. Ngakho-ke siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzosisiza nje senze into elungile lapho Angasisebenzisa khona. Futhi ngikhulekeleni. Ngizobe nginikhulekela njalo, niyakwazi lokho. Ngakho-ke ngikhulekeleni ukuthi iNkosi uNkulunkulu izongihola.

5 Manje, ekubuyeni ngivela e-Arizona, iNkosi ithanda, ngi—ngifuna ukunakisa futhi sizokumemezela ebandleni, bazoba lapha, futhi ngingathanda ukuba nesikhathi esithe xaxa ukukhuluma nebandla lapha. NginoMlayezo, futhi ngithanda ukushumayela cishe amahora ayisishiyagalombili noma okuthize, niyabo, ngakho-ke kanjalo nje. Lapho si . . .

6 Inenekazi lalikhuluma nami, uNkk. Wood lapha webandla, ngangikhuluma naye, futhi ngangiseMilltown ebandleni laseBaptisti lapho sasinenkonzo, futhi khona-ke ngiyakholwa eyodwa yenkonzo yabo yokuqala, wathi, "Ngingena ngehora leshumi, Mfowethu Branham, ubushumayela." Futhi wathi, "Ushumayele kwaze kwaba semini, khona-ke yonke intambama, khona-ke babeneyishumi nahlanu emincane, imizuzu engamashumi amabili ukudla isidlo sasemini." Futhi wathi, "Sisuke ngalobobusuku ngehora leshumi nqo, ubusalokhu ushumayela."

Ngi—ngathi—ngathi, "Awu, uyazi angazi okuningi kakhulu, kodwa, uyazi, uma ngithola lokho okuncane engikwaziyo kusuke endleleni, futhi ngiMyeke akhulume, ngi . . . Wazi inqwaba." Ngakho-ke, futhi ngiyathanda nje ukukuzwa nje, nami, ngakho-ke ngi . . . Kodwa bengisho lokho nje ngendlela ezungezayo.

7 Kodwa, ngibuya, iNkosi ithanda, ngingathanda ukuqala kuse-eli futhi ngigijime ngedlule ngoMlayezo lowo iNkosi ewubeka enhliziyweni yami. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzongipha ukugcwala kwakho kimi ngaphandle ehlane, ngenxa yebandla osukwini lokugcina manje. Niyabo, owodwa nje weminyakazo yokugcina woMoya, ngiyakholwa, ususeduze. Futhi siyakholwa ukuthi iNkosi uJesu ilungiselela ukuqaqa amazulu ngamandla kaNkulunkulu, ukuthi azodabula amazulu, ukuthi siyakholwa ukuthi Uzokwenza. Futhi ngakho-ke

siyethemba ukuthi Uzonikeza umyalezo ogcwele ngakho lapho sibuya. Futhi sibe cishe. . . siqale cishe ngehora lesishiyagalolunye nqo ekuseni, futhi, noma ligamenxe elesishiyagalolunye, futhi sigijime sedlule kuze kube cishe elesibili noma elesithathu nqo, noma nanoma yinini lapho ngithola isikhathi sokuqeda ngakho, niyabo. Lapho . . .

8 Khona-ke ngiyacabanga khona-ke mhlawumbe ngiye e-Afrika ukusuka lapho, ngakho-ke, uma iNkosi iqhubeka nokuhola ngaleyondlela, noma, eSwitzerland kuqala, bese-ke kuba yiPalestine ne-Afrika, ezingqungquthеleni. Ngakho-ke, yibani semkhulekweni. Noma ngabe yini eniyenzayo, bhekani phezulu nje namhlanje futhi nikhuleke, nikhuleke. Yilokho kuphela, yilelothemba kuphela esinalo, ngumkhuleko.

9 Sesisedlulile i. . . Ngiyethemba angizwakali njengokuthuka okungcwele, noma njengomunye—omunye umuntu obengazi ukuthi bebekhuluma ngani, kodwa ngiyakholwa isizwe sakithi, njengesizwe, sesivele sikwedlulile ukuhlengwa. Kukhona futhi. . . Ukuba bekukhona amaKristu enele noma enele ndawonye ukukudonsa ndawonye, kodwa njengoba ukudonsa okuningi sekwenziwe, abavangeli abakhulu nezinkonzo ezinkulu yonke indawo, futhi noma kunjalo kusaqhubeka kungena shi enxushunxushwini. Ngakho ngi—ngiyakholwa ukuthi njengazo zonke nje izizwe ezinkulu, niyabo, zonke zifanele ziwe. Zona, zonke lezi zinqubo nokunye nokunye kufanele kuwe.

10 Ngicabanga ngamadoda enikela ngezimpilo zawo ngenxa yentando yeningi. Lokho—lokho yinto ethembekile esizweni. Kuhle lokho. Akukho lutho ukuphikisana nalokho. Kodwa kuthiwani ngezimpilo zethu ngoKristu na? Niyabo? Indoda iba yiqhawe; ivuke, umfo osemcane ekuphelеleni kobusha, futhi adutshulwe ikhanda lisuke emahlombe akhe, futhi ukuba abe yiqhawe, futhi mhlasimpe mhlawumbe angezwa ngisho ngakho ngaphandle uma kungumndeni wakhe ekhaya, noma omunye umuntu ngakomakhelwane bakhe ababemazi. Kodwa nokho siyesaba ukuphuma qekelele futhi sithathe lowo mnyakazo owanela konke ngenxa kaKristu, niyabo, lapho, "Lowo othola ukuphila kwakhe uyolahlekelwa yikho; lowo olahlekelwa ngukuphila kwakhe ngenxa yaMi uyokuthola, agcine ukuphila kwakhe." Ngakho-ke nje asi—asibeke yonke into esinayo ngqo eNkosini uJesu futhi sizinamathisele ngophawu siqhele ezintweni zezwe, futhi sibheke kuYe futhi sikholwe yiZwi laKhe futhi sihambe siqhubeke kanye naYe.

11 Manje, ngaphambi nje. . . Manje, namuhla, ngiyaxolisa, ngi. . . NgeSonto eledlule nginigcine isikhathi eside kangako kuleyondaba yobunye phakathi kukaNkulunkulu nabantu baKhe. Futhi manje namhlanje ngicabange ukuthi ngizonikhipha kuse-eli namhlanje, ngoba ngeSonto eledlule bebebaningi obezokhulekelwa futhi angibanga naso isikhathi

sokuqhuba umugqa womkhuleko ngemuva—ngemuva kokuba siqede ukushumayela. Futhi—futhi ngicabanga ukuthi bakhipha amakhadi athile ngeSonto eledlule noma okuthize kwabantu, noma ngabe yini okuyikho, sizobabiza uma besesakhiweni, futhi, uma engekho, sizokhuleka noma kanjani.

12 Manje, namhlanje ngifuna ukukhuluma ngodaba ukuthi ukwakhela ukukholwa. Nizofanele. Uma wakha noma yini . . . Uma kukhona abefundisi lapha okungukuthi akukho kungabaza ukuthi ukhona, uyazi ukuthi uma ukhuluma kubantu unesimo sendawo sokushumayela kwensindiso, khona-ke ufuna ukwenza lokho kubiza kulokho. Futhi khona-ke uma ufuna isimo sendawo sokuphulukiswa, u—uthola ukugcotshwa qobo lwakho, ngeZwi likaNkulunkulu, futhi ukwethule kubantu, futhi lokho kubeka iqembu lonke ekugcotshweni kwento ethile. Ngaphandle kwalokho, ngaphansi kokulindela kwezinto ezithile. Niyabo, silindele okuthize.

13 Futhi niyazi, ngiyakholelwa-ke, ukuletha lokho kuthi ukuphakama kakhudlwana, ukuthi uNkulunkulu unabo bonke abeBandla laKhe manje, ababizelwe ngaphandle, insali yeBandla laKhe, ngaphansi kokulindela ukuFika kwaKhe, niyabo. Ngiyakhumbula esangweni ekuFikeni kwaKhe, kufanele ukuthi kwakube noLwesihlanu lukaGudi olukhulu kakhulu ngenkathi babazi ukuthi Wayeza emkhosini, nokulindela. Abaningi babo babelindele ukuthi Yena abe lapho, ukubona uhlobo oluthile lwesimangaliso Ayezolwenza. Noma, futhi abanye babefuna ukuMbona. Abanye babefuna ukuhlekisa ngaYe. Futhi kwakuluhlobo lwe—iphasika elihlukile kunalelo obekuyilo isikhathi eside, ngenkathi Egibele wangena emzini. AsiMlindele nje ukuba eze asithathe asise eKhaya, bese kuthi-ke sizo . . . uma Efika ngalesisikhathi.

14 Manje asikhothamise amakhanda ethu njengoba sikhuluma naYe. Manje phezu kwalesi izethameli zabantu, uma kukhona noma yisiphi isicelo lapha esingathanda ukwaziswa kuNkulunkulu, ungavele nje uphakamisele isandla sakho kuYe, futhi, njengokuthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Ngi—ngidinga insindiso, ngidinga ukuphulukiswa, ngifuna ukuhamba eduze naWe." UNkulunkulu akubusise. Kusesakhiweni sonke.

15 Baba wethu waseZulwini, njengoba sisondela esihlalweni saKho somusa, eGameni leNkosi uJesu, Lowo Owasilethela lomusa omangalisayo, siKubonga kanjani ngazo zonke izinhliziyo zethu ngaYe Owayengenasono futhi wehla futhi wasithengela insindiso, abangafanele, ukuze kuthi thina esingafanele nokho singasondezwa kuYe ngokuchitheka kweGazi laKhe, ukuthi Angahle asigeze ngamanzi eZwi futhi asethule kuBaba waKhe njengentombi emsulwa, ehlanzekile, engcweliswe ngeGazi laKhe, futhi yenziwa yemukeleka ebusweni bukaNkulunkulu, yagezwa futhi yalungela. Njengoba

sicabanga ngokugezwa koMhlatshelo, sicabanga ukuthi ngenkathi uJohane eMbona eza engena emanzini, wakhuluma futhi wathi, "Yimina engiswela ukubhaphathizwa nguWe, futhi Wena uzelani kimi na?"

16 Wathi, "Vuma, Johane, kalokhu." O, ngiyakuthanda lokho. Ngelinye igama, "Johane, ungumprofethi, NginguNkulunkulu wakho. Singamadoda aholayo alolusuku. Ngiyazi uyaqonda, naMi ngokunjalo ngiyaqonda. Kodwa, khumbula, Johane, kufanele thina, kusifanele ukuthi sigcwalise ukulunga konke." UJohane, azi ukuthi uMhlatshelo ufanele ugezwe ngaphambi kokuba Unikelwe, futhi WayenguMhlatshelo, ngakho-ke waMbhaphathiza, Ongenasono, egeza uMhlatshelo ngaphambi kokuba Wethulwe.

17 Nkulunkulu, geza izinhliziyo zethu kulokhukusa. Sigeze ngamanzi eZwi, ukuze sizibonakalise qobo lwethu kuWe. Sihlanze, Nkosi, kukho konke ukungakholwa, ukuthi singasondezwa kuWe njengomhlatshelo ophilayo, ongcwele nowemukelekayo kuNkulunkulu, ngokuba lena yinkonzo yethu efanele. Siyakubonga Wena ngalezizinto. Sibonga Wena ngawo wonke umuntu okhona. Siyakhuleka ukuthi Uzobusisa iBandla lomhlaba wonke elikhulu likaNkulunkulu ophilayo, kuzo zonke izizwe nasemhlabeni jikelele. Kulokhu ukusa, lapho abefundisi bemi epulpiti, ngiyakhuleka ukuthi Uzothululela uMoya waKho, Nkosi, ngendlela emangalisayo phezu kwawo wonke umelusi othembekile emsebenzini wakhe, ekuvangeleni, phezu kwezimishini. O Nkulunkulu, uma ngicabanga ngabo phandle lapho, abanye babo bengafake pheya lezicathulo, ibhulukwe elidala elimanikiniki lisongelwe kubo, bedabula ehlathini, ukuletha ukuthula nokukhululwa kulabo abaqhelile kuKristu.

18 Nkulunkulu, sithi, "Thumela uJesu masinyane. Woza, Nkosi Jesu." Futhi manje sibona imvelo, sona kanye isibonakaliso njengenkanyezi eyahola izazi ziya eBetlehema, ekuhambeni futhi. UJesu wathi kuzoba ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe, izibonakaliso ezulwini nasemhlabeni, ukuduma kolwandle, iziphepho ezinkulu namagagasi amakhulu nokuzamazama komhlaba ezindaweni ezahlukahlukene. Lezizinto nje ziyi. . .zingukunswininiza okuxwayisa izinhliziyo zethu, Nkosi, ukuthi siyakwazi ukuzilungiselela. Asazi ukuthi Angahle avele ngamuphi umzuzu noma ihora.

19 Futhi njengoba siza namuhla, siyakhuleka ukuthi Uzobusisa imfihlo engemuva kwaso sonke isandla esiphakanyisiwe. Nkulunkulu, Wazi konke ngakho. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobageza, Nkosi, nomhlatshelo wabo nesifiso, futhi ubanikeze lokho abakudingayo. Futhi njengoba siza namuhla, Nkosi, ngiyakhuleka uma bekhona labo lapha ongakwazi Wena njengoMsindisi, ukuthi lolu kuzoba yilolosuku, usuku olukhulu

kunazo zonke lwempilo yabo, lapho bezothi "yebo" eNkosini uJesu. Siphe khona, Nkosi.

20 Busisa labo manje, Baba, njengoba sizama ukulungiselela ukubangela abantu ukuba babe nokukholwa, ngokufunda iZwi laKho. Nkulunkulu, thumela iZwi laKho ngamandla, phandle ngaphesheya kwesakhiwo lapha, nasemazweni lapho amateyipu ezoya khona, nasemazweni angaphandle, noma kuphi lapho kungabakhona, futhi kwangathi abaningi bangasindiswa futhi baphulukiswe namhlanje ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Sikucela eGameni leNdodana yaKhe eNgcwele ethandekayo, iNkosi uJesu Kristu. Amen.

21 Siyakhuleka ukuthi uNkulunkulu anezele izibusiso zaKhe ezinkulu kakhulu manje njengoba sifunda iZwi laKhe. Khumbulani, amazwi ami azohluleka, angamazwi omuntu, kodwa iZwi laKhe angeke lehluleke. "Kuyodlula amazulu nomhlaba kepha iZwi laMi alisoze." Ithemba elinje pho namuhla! Ngizwa kuthi angicule no-Eddie Perronet, "Bayede mandla eGama likaJesu, makuthi izingelosi ziwe zilale phansi; zimthwese umqhele wobukhosi, futhi ziYithwese umqhele iNkosi yakho konke. KuKristu, iDwala eliqinile, ngimile; yonke eminye imihlabathi iyizihlabathi ezibishayo, wonke omunye umhlabathi."

22 Manje, kwabaningi benu abafunda kanye nathi futhi ningathanda ukumaka indikimba, futhi ngezinye izikhathi lokho kubhekisela emiBhalweni engiyibhale lapha emanothini, sizoqala, sizofunda kulokhukusa kuMathewu oNgcwele 15:21.

> *UJesu ephuma lapho, wamuka waya emaphandleni aseTire laseSidoni.*
>
> *Bheka, kwavela emikhawulweni yakhona owesifazane waseKhanani, wakhala kuye, wathi, Ngihawukele, Nkosi, ndodana kaDavide; indodakazi yami ikhwelwe kabi yidemoni.*
>
> *Kepha akamphendulanga ngazwi. Base besondela kuye abafundi bakhe bamncenga, bathi, Mmukise; ngokuba uyakhala emva kwethu.*
>
> *Kodwa waphendula wathi, Angithunyelwanga kwabanye kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa-Israyeli.*
>
> *Kepha wayeseza wakhuleka kuye, wathi, Nkosi, ngisize.*
>
> Futhi *Waphendula wathi, Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphonse ezinjaneni.*
>
> *Yena wathi, Qiqiniso, Nkosi, kepha nezinjana zidla . . . imvuthuluka* ewa *etafuleni labaninizo.*
>
> *Khona uJesu waphendula wathi kuye, O mame, kukhulu ukukholwa kwakho: makube-kuwe*

*njengokuthanda kwakho. Indodakazi yakhe yasinda kusukela kulesosikhathi.*

23 Manje, namhlanje ekuseni sifuna ukukhuluma ngokukholwa. Manje, indaba yami namhlanje ekuseni ithi: *Isineke. Isineke* kusho "uku—kuphikelela, ukwenza umgomo." Manje, "Ukukholwa kuyizinto ezithenjwayo, ezingubufakazi bezinto ezingabonwayo."

24 Sinomzimba wethu, futhi ubuthina lapha bunjengembewu. Futhi imbewu ngaphandle inegobolondo; ngaphakathi kwegobolondo inoqweqwe, noma intibintibi, ngiyaxolisa; futhi ngaphakathi kwentibintibi kunembewana. Yileyondlela esiyiyo: umzimba, umphefumulo, umoya. Manje, emzimbeni kunemizwa emihlanu: ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, nokuzwa. Emphefumulweni kunonembeza, nokunye nokunye, imigwaqo emihlanu eya kuwo.

25 Ingaphakathi linye, umgwaqo owodwa. Futhi lowo mgwaqo indawo efanayo uNkulunkulu ayihlelela wonke umuntu kusukela ku-Adamu no-Eva, ukuzithandela. Uthanda ukuphila noma uthanda ukufa, okukodwa kwakho okufunayo. Kungukuthi, wencike ekuzikhetheleni, futhi noma yimuphi umoya owuvumela ukubuse uzothela izithelo, impilo yakho izobuswa ingaphakathi. Futhi ukukholwa . . . Abantu abaningi kakhulu bathembele phezu kwalemizwa emihlanu engaphandle. Ikahle, akukho lutho olumelene nayo, uma ivumelana nalomuzwa wesithupha. Lo mphefumulo . . . lo moya ungaba ngowezinhlobo ezimbili kuphela, omunye wawo nguMoya kaNkulunkulu, omunye ngumoya kadeveli. Angeke ukhonze amakhosi amabili ngesikhathi esifanayo. Uzinikele ngakho konke kweyodwa noma uzinikele ngakho konke kwenye. Futhi uma unoMoya kaNkulunkulu kuwe, unokukholwa, futhi uzolikholwa lonke iZwi uNkulunkulu alilobayo. Futhi uma ungakakwenzi, ungahle ube . . .

26 Manje, udeveli akafani nabanye abantu abacabanga ukuthi, "unonya nakho konke," kodwa uyakhohlisa. Udeveli ukwenza ucabange ukuthi uqinisile. Kodwa uma ungavumelani neZwi, lokho kukhombisa ukuthi akusiwona uMoya kaNkulunkulu, ngoba uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli. Futhi khona-ke kuzofanele kuvumelane neZwi. Futhi niyakhumbula ngeSonto eledlule, ukungakholwa okuncane nje okukodwa eZwini likaNkulunkulu. U-Eva, uSathane wamtshela iqiniso, futhi akazange aphike ukuthi iZwi liyiqiniso, kodwa leyongxenye encane eyodwa yeZwi yabangela yonke lenkathazo. Owesifazane akaKukholwanga ngoba wayezingela ukuhlakanipha esikhundleni sokuhlala neZwi. Uma uNkulunkulu esho noma yini, amazulu nomhlaba kuzodlula kodwa iZwi laKhe alisoze ledlula. IZwi likaNkulunkulu lifanele ligcwaliseke kuze kufike echashazini. Kuze nje kube kokuncinyane, Kufanele kugcwaliseke.

27 Manje, isineke, ukuphikelela, ukuzama ukwenza umgomo, uzama uku, unengqondo yakho ibekwe entweni ethile, futhi u—uphikelele kuyo ngoba ukholwa ukuthi yinto oyifunayo, futhi ukholwa ukuthi ungayithola. Manje, [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] (Uxolo.) Ukuphikelela, usucabangisisile manje ukuthi uzokwenzani. Manje, angeke ube nokukholwa kuNkulunkulu ngaphandle kokwazi iZwi likaNkulunkulu noma ukwazi okuthile ngoNkulunkulu.

28 Manje, omunye umuntu wakutshela ukuthi, "Uma uzothinta lesosigxobo, uzosinda. Uyagula." Bengingeke ngikukholwe lokho. Ungahle ukwenze. Kodwa lokho kuqine kakhulu kancane ngokukholwa kwami. A—angikholwa ukuthi kunamandla athile kulesosigxobo, akungaphezu kunoma ngikholwa ukuthi kunamandla esithombeni esiqoshiwe noma esikhumbuzweni noma isiphambano esinomfanekiso kaKristu, noma okuthize kanjalo.

29 Ngikholwa ukuthi amandla akuKristu, futhi uKristu uyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, futhi wakha phakathi kwethu." Manje, iZwi qobo lwaLo libuyela emuva esimweni sikaMoya oNgcwele, lingene kithi, futhi YiZwi kuwe. UNkulunkulu ekuwe. Abaningi kakhulu ufuna ukukhomba uNkulunkulu entweni ethile efiphele le kude, noma kude kakhulu le bafinyelela kukho ngokweqile. UNkulunkulu ukuwe. Ithemba leNkazimulo, uKristu, umqondo owawukuKristu, kuwe. Ufinyelela ngqu usuke kukho, uzama ukuthola lokho obekunikezwe wena. UNkulunkulu, esidalweni esingumuntu! Konke . . .

30 UKristu, ngenkathi Wayesemhlabeni, wayengumzimba kaNkulunkulu. UNkulunkulu wadala lo mzimba. Kwakungumzimba ohlukile, nokho kwakungumzimba womuntu. Niyazi, uSolomoni waMakhela indlu. Kodwa uStefanu wathi, "Kodwa oPhezukonke akahlali emathempelini enziwe ngezandla, kepha UNgilungisele umzimba." Manje, uNkulunkulu wazilungiselela Yena uqobo umzimba esimweni seNkosi uJesu, okwakunguKristu, okusho oGcotshiweyo. Futhi, manje, konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, kwakukuKristu, Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Yilokho umBhalo okushoyo. Manje, nakho konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu. Wayengu-Imanuweli, uNkulunkulu unathi!

31 Futhi konke lokho uKristu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni. Kuyini na? Ogcotshiweyo, ukuqhuba umsebenzi waKhe ukuthi iZwi laKhe lingahle liphile njalo njalo. Wayephila ngeZwi likaYise. "Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Futhi iBandla aliphili ngesinkwa sodwa, kepha ngeZwi likaKristu. Futhi uMoya oNgcwele uyangena futhi uthathe

iZwi likaKristu futhi uLenze libe isenzo esiphilayo namhlanje. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

32 Niyabona, uNkulunkulu angeke aguquke. Uma uNkulunkulu eke wenza isinqumo, sizofanele sihlale ngaleyondlela. Uma Eguquka, khona-ke Ungumuntu njengami, U—Ungumuntu nje ongenza iphutha. Kodwa Akanasiphelo! Ngakho-ke, futhi Akanasiphelo futhi U—Ungumninimandla, futhi Angeke enze iphutha futhi abe nguNkulunkulu. Ngakho-ke isinqumo saKhe sokuqala. . . Lapho umuntu onile Wa—Wamthethelela ezisekelweni zokukholwa yiZwi laKhe. Umuntu wesibili uyafika, Uzofanele aziphathe ngendlela efanayo noma Wenza ngokungalungile ngenkathi Enze okokuqala. Uma umuntu aphulukiswa ngokuphulukiswa kobuNkulunkulu, ngokukholwa kuNkulunkulu, Wanikezela ngalokho kumuntu wokuqala, uma umuntu olandelayo efika, uNkulunkulu uzofanele enze ngendlela efanayo uma kuhlangatshezwana nakho ngezisekelo ezifanayo. Uma Engakwenzanga, Ubheka ubuso bomuntu futhi ukhombisa ubandlululo, ngokuqinisekile okungeke kuMenze uNkulunkulu. Niyabo?

33 Uzofanele ube nokukholwa kulokho okwenzayo. “Futhi uma inhliziyo yakho ingasilahli.” Uma sazi ukuthi iBhayibheli lisifundisa okuthize futhi sehluleke ukwenza lokho, khona-ke kukhona okuthize esingeke sibe nokukholwa kukho. Niyabo, a—angeke uzihlanganise, ngoba uyazi ukuthi kukhona izinto ezithile lapho uNkulunkulu azifundisayo, ukuthi angeke uhambisane nazo. Futhi uma wenza lokho, khona-ke ukuphi na? Uyabona, angeke u—ube nokukholwa kulokho oza kukho. Angeke ukhuphukele lapha bese uthi, “Ngi—ngi—ngi, izolo ebusuku bengiphumile ngidakiwe, futhi, Nkosi, ngifuna Wena ungiphilise kulokhu ukusa. Ngi—ngi, angeke ngisa—ngisaphinde ngiphuze kakhulu.” Uzofanele uzinikele wena uqobo, uzofanele uzinikele ngokuphelele kuNkulunkulu. Uzofanele ulalele konke nokuncinyane kweZwi. Uthengise ngokuphelele bese-ke uthatha iZwi. LeloZwi lisebandleni. YiZwi eliphilayo.

34 IBhayibheli lathi, “IZwi liyimbewu umhlwanyeli aphuma ukuyoyihlwanywela.” Manje, angeke ulindele ukuhlwanyela ugudluthukela bese uthola ukolo. Uma uhlwanyela, uvuna ukolo. Uma uhlwanyela ugudluthukela, uvuna ugudluthukela. Ngakho-ke, ufanele ube neZwi likaNkulunkulu.

35 Futhi alikho ikholwa eliyoke libeke iZwi likaNkulunkulu kwenye indawo enkathini edlule, lingalokothi liMenze intekenteke noma uNkulunkulu womlando—womlando. UnguNkulunkulu womlando, kusobala, kodwa “Unguye,” kwasho iBhayibheli, kumaHeberu 13:8, “onguye izolo, namuhla, naphakade.” Ngakho-ke, kakhulu nje njengoba Wayenjalo emlandweni, Unjalo namuhla. Angeke alahlekelwe amandla aKhe. Futhi lapho ubuthakathaka bukhona ukuthi

kuwela emabandleni ethu, ekuqaleni, ebandleni lababphostoli lasekuqaleni. Futhi senzani na? Saqala ukuthatha lelobandla futhi sephula inhlanganyelo futhi senza abantu abaphathelene nehlelo elilodwa lenkolo nezinhlangano, saze safika nakho phansi enxushunxushwini enkulu yangalutho. Buyela eZwini! Buyela kuNkulunkulu! Buyela eZwini eliphilayo!

36 LeloBhayibheli alivezi yonke into Eliyisho ukuthi Ikhona, kuso sonke isithembiso, anginakho noma yikuphi ukukholwa kuLo. Kodwa lona impela iZwi lokuqala elathi, "Wozani kiMi nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo," ngenkathi ngilihlola, kwakuyiqiniso. Khona-ke ngabe Leli iZwi noma akusiLo iZwi na? Uma KuyiZwi, Lizofanele liveze yonke into eLayithembisa. Uma kungenjalo, khona-ke lona. . . Yikuphi okulungile nokungalungile na? Konke kuyiZwi likaNkulunkulu noma, kimi, akukho okuyilo. Lutho noma konke, okukodwa. Ngakho-ke ngiyaLikholwa, wonke umthetho, wonke umudwa, zonke izigcizelelo, bonke okhefana, onke amakhonco, ngiyakholwa yiyo yonke into ukuthi iyiZwi likaNkulunkulu. Ngilengisa umphefumulo wami phezu kwaLo!

37 Kungesikho ukuthinta isigxobo, ukuthinta enye into, noma isigxobo esiqoshwe umfanekiso wesilwane esiwuphawu lwesizwe, noma owesilisa othile noma owesifazane othile; ngiyakholelwa ekuthinteni uNkulunkulu ngokukholwa yiZwi laKhe, ngokukholwa. Khona-ke uma wenza lokho, leloZwi liba ngukuphila kuwe, iZwi elihlumile. Futhi lonke eleZwi likaNkulunkulu lihlumile. Into kuphela, oyithathayo ukolo ongagcwala isandla futhi uwubambe lapha emsamo, awusoze wenza lutho ehlezi lapha. Uzofanele ungene emhlabathini. Hhayi umhlabathi kuphela, kodwa uhlobo olufanele lomhlabathi ukukwesekela. Uma iZwi elihle liwela emhlabathini ongalungile, uzoletha isivuno esingalungile. Wena thatha okusanhlamvu okuhle futhi ukufake emhlabathini omuhle, esimweni esikahle kuzothela ngekhulu. Linjalo neZwi likaNkulunkulu lapho Lifakwa enhliziyweni yomuntu, ngokukholwa, ukukholwa okungafi eNkosini uJesu Kristu, noMoya oNgcwele namandla kaNkulunkulu lapho ukuLinisela, Lizohluma futhi lithele yonke into Elathi Liyoyenza. YiZwi. Yi—YiZwi likaNkulunkulu.

38 UJesu wathi, uJohane 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Ngani, impela! Ngiyakukholwa lokho. "Lemisebenzi eNgiyenzayo," ihumusho elikahle lalokho, "eminingi kunalona uyoyenza." Lithi, "Omkhulu kunalona uyakuwenza." Ubungeke wenze omkhulu; Wamisa imvelo, Wavusa abafileyo, Wenza yonke into. Kodwa, ngamanye amazwi, uNkulunkulu wabonakaliswa kuMuntu oyedwa, uKristu, manje Ubonakaliswa emhlabeni wonke eBandleni laKhe. "Eminingi kunalona," imisebenzi efanayo.

39 Omunye washo kimi kungekudala, ukuba ngogxekayo kancane, wathi, "'Imisebenzi emikhulu,' Wathi, 'uyakuyenza.' Senza imisebenzi emikhulu."

40 Ngathi, "Yenza omncane ngaphambi kokuba wenze omkhulu. Ngikhombise nje imisebenzi emincane." UngaWenza, uWusonte futhi uzame ukuWenza usho okuthize, kodwa noma kunjalo Ulokhu ufana. Futhi buka noma ubani onokukholwa okwenele uyakukholwa lokho, Kuyozibonakalisa qobo lwaKho ngendlela efanayo uNkulunkulu akwenza ngayo. Manje sinokuningi kakhulu namuhla ngaphansi kwamadlingozi nokunye nokunye, lokho nezinto. Akukho engingakusho ngokumelene nakho, lokho kuphezulu phakathi komuntu ngamunye noNkulunkulu.

41 Kodwa, kimi, lonke izwi, wonke umnyakazo uzofanele uvele kuleliBhayibheli. Kufanele kube yiZwi likaNkulunkulu, khona-ke ngiyazi ukuthi yiqiniso. Uma uNkulunkulu, iBhayibheli, likusekela futhi lithi kuyiqiniso, ngesithembiso, khona-ke yiQiniso. Ngumuntu othile othole ukukholwa, omi lapho kuleloZwi futhi aLenze liphile futhi. "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Uma sibona lokho esithembisweni sikaNkulunkulu, khona-ke singaba nesineke. Singakholwa impela, sihlale lapho ngoba yisithembiso sikaNkulunkulu. Hlala naso ngqo kungenandaba ukuthi kusithatha isikhathi eside kangakanani, sizokukhipha.

42 Niyazi, Wakhuluma ngesinye isikhathi ngembewu yesinaphi, noma ukukholwa njengehlamvu yembewu yesinaphi, encane kunakho konke. Imbewu yesinaphi iphakathi kwezimbewu ezincane kunazo zonke ezikhona emhlabeni namhlanje. Kodwa iyini na? Angeke yaxutshaniswa nalutho. Imbewu yesinaphi angeke yaxutshwa nenye. Ungathatha uhlobo lwemfino ikale nesipinashi, futhi wenze uhlobo lwesithombo nokunye nokunye, futhi ungaletha into ehlukile ngokuxubanisa izimbewu. Kodwa isinaphi ayixutshaniswa, bangitshela ukuthi angeke wayixubanisa nalutho. Yisinaphi, futhi ihlala iyisinaphi.

43 Futhi uma indoda ithatha iZwi likaNkulunkulu, kungenandaba ukuthi lokho kukholwa kuncane kangakanani, kodwa uma kungeke kuxubane nanoma yikuphi ukungakholwa, kuzoyikhiphela ekuKhanyeni. Abanye bethu banokukholwa okukhulu okungavele kwenze izimangaliso. Abanye banokukholwa ukuba nje ubambelele kuze kwenzeke. Kodwa uma kungukukholwa kwangoqobo, uma nje sekukubambile, akukho lutho okuzokunyakazisa kukususe kukho. Angeke kuxubane. Khona-ke lowomuntu uyaphikelela. Unesineke. Akunandaba ukuthi bangaki abantu othi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," akakukholwa. Uyabambelela ngoba uhlangabezane nezimo futhi wacwilisa leloZwi langena enhliziyweni yokukholwa eLikholwayo. Lapho uyahlala.

44 Ngiyakwazi. Ngiwubonile umdlavuza oyithumba eliyisimila usuka kubantu, nezithulu, izimungulu, nezimpumputhe, emhlabeni wonke, emhlabeni jikelele, abafileyo bevuswa, futhi ngiyazi ukuthi kuyiqiniso. Kunjalo! Kusebenza phezu kombono, kusobala, khona-ke niyazi. Khona-ke niyazi ukuthi iyini intando kaNkulunkulu. Angeke usebenze uze wazi intando kaNkulunkulu. Isethembiso eBhayibhelini esikutshela into ethize, lelo yiZwi likaNkulunkulu. Khona-ke Uthumela uMoya waKhe ubuyele emuva ebandleni ngeziphiwo, ukuzibonakalisa Yena uqobo ukukhipha nje aqede imehlukwana nokunye nokunye, ukuzenza Yena uqobo abe nguye ngempela phakathi kwethu. O, ini, besingacela kanjani noma yini ehlukile, niyabo? uma Eza kithi futhi azazise kakhulu Yena uqobo, azenze umuntu qobo lwaKhe, uNkulunkulu phakathi kwabantu baKhe.

45 "Kuseyisikhashana nezwe," izwe, kunegama lesiGreki, *kosmos*, elichaza "uhlelo lwezwe." Lizocwila. Lonke uhlelo lwezwe luzofanele lucwile, sonke isizwe esibuswa nguSathane. Besihlala njalo futhi siyohlala njalo, ngaphandle kuka-Israyeli, lapho beba yisizwe. USathane wakhuphulela uJesu esinqongweni sentaba, washo, waMkhombisa imibuso yezwe, konke okwakukhona nokuzokuza, wathi, "Ngizo—ngizokunika Wena uma Uzowa phansi futhi ungikhonze."

46 Wathi, "Suka, Sathane." Wayazi ukuthi Wayezoba yindlalifa kuwo esikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Kodwa wonke. . .Ngama lapho oFaro abake babusa izwe, baziwa, futhi ubungadingeka ugubhe amafidi angamashumi amabili ngaphansi komhlaba ukuthola imibuso yabo, izihlalo zabo lapho abake bahlala kuzo, oKhesari baseRoma no—noFaro baseGibhithe, zonke lezizinto. Futhi uma izwe belizofanele lime, kanjalo nalemibuso yentando yeningi ubuyoba njalo. Kodwa kukhona. . .bakhuluma ngani bonke na? Okuthile okusenhliziyweni yomuntu kuzama ukuthola lobo bunye.

47 Futhi uma kuphela ubungabuka phezulu, ubunye buvela kuNkulunkulu, amandla kaNkulunkulu. Uma ikholwa, indalo lapha emhlabeni uNkulunkulu ayidalile, ihlangene noNkulunkulu, khona-ke kuza ubunye futhi bunikeza ukukholwa. Futhi uma umuntu ebona lokho, uyaphikelela, akekho ozomnyakazisa.

48 UJesu washo ngapho, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana nezwe, i-*kosmos*, lingabe lisaNgibona." Lelo uhlelo lwezwe, "AbasaNgiboni."

49 Amalungu ebandla amaningi, abantu abakahle baya esontweni, bephila ngaphansi kwalowo mcabango wokuthi balungile. Ngani, wena awulungile njengelungu lebandla. Uyisakhamuzi. Ungahle uzame ukwenza okulungile, kodwa, mngani, ake ngikutshele, ufanele uzalwe kabusha. Awungeni eBandleni, awungeni eBandleni ngokuxhawulana,

awungeni eBandleni ngobulungu bebandla. Ungena eBandleni ngokuzalwa.

50 Sengibe semndenini wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu nambili, abakaze bangicele ukuba ngijoyine umndeni ukwenza igama lami libe nguBranham. ngazalelwa emndenini wakoBranham. NginguBranham ngokuzalwa.

51 Futhi wena uba kanjalo-ke umKristu, ngokuzalwa, lapho uzalwe ngoMoya kaNkulunkulu. Uphikelela! Yebo, yilapho ongazuza khona ngempumelelo okuthile. Bonke abantu ezansi kwedlule eminyakeni bebekwazi njalo ukuzuza ngempumelelo lokho. . .Bayaphikelela uma be—uma benokukholwa kulokho abazama ukukuzuza ngempumelelo. Kuya ngokuthi kuyini ukuzuza kwakho ngempumelelo. Kuncike kulokho ozama ukukwenza, noma ngabe uyaphikelela noma qha, kungakanani ukukholwa onakho kulokho okwenzayo. Sifanele sibe nokukholwa kuNkulunkulu. Sifanele simkholwe uNkulunkulu.

52 NginemiBhalo eminingi ebhalwe lapha engifuna ukubhekisela kuyo. Manje, uma umuntu ezama ukuphikelela, futhi u—uzofanele abe nento ethile kuqala ezomnikeza ukukholwa kulokho akwenzayo. Manje siyakhumbula, okokuqala, iBhayibheli lisitshela ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Manje, kukhumbuleni lokho. UNkulunkulu, ngenkathi uKristu esemhlabeni, Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." UMarku 16, wathi, "Hambani niye ezweni lonke." Intshumayelo yokugcina uJesu ayinikeza ibandla. Lalelani.

53 Ukuthunywa kokuqala Ake akunikeza iBandla laKhe, kwakungukuthi, yanini emzini ngaphambi kokuba Afike, uMathewu 10, noku "phulukisa abagulayo, nihlambulule abanochoko, nivuse abafileyo, nikhiphe idemoni, futhi njengoba nemukelisiwe ngesihle, yiphani ngesihle." Lokho kwakungukuthunywa kwaKhe kokuqala eBandleni.

54 Ukuthunywa kokugcina, noma amazwi okugcina awa ephuma ezindebeni zaKhe ngenkathi Enyuka, aze Aphinde abuye futhi ngokumemeza, iPhimbo leNgelosi enkulu, Wathi, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kuso sonke isidalwa. Okholwayo futhi abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwayo uyakulahlwa, futhi. . ." *Futhi* yisihlanganisi, ukubophela umusho wakho ndawonye. "Futhi lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha. Uma bephathe izinyoka noma baphuze okubulalayo, akusoze kwabalimaza. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayosinda." IBhayibheli lathi, "Babuyela emuva bejabula, iNkosi isebenza nabo, iqinisa iZwi ngezibonakaliso ezilandelayo." Niyabo? Babene. . .Babephikelela kukho ngoba babenokuthile ukuba

bakuzuze ngempumelelo. Babenokuthunywa okuqondile. Kwakuzohamba ibanga elingakanani lokho kuthunywa na? Kulolonke izwe, kuso sonke isidalwa. Izizukulwane ezingaki na? Zonke izizukulwane, konke okudaliweyo.

55 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Phendukani, nonke. Nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele, ngokuba isethembiso ngesenu nabantwana benu nabo bonke abakude, ngisho abaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Ungawubeka kanjani uMoya oNgcwele namandla kaKristu emuva le kwesinye (cishe ngaphambi kokulotshwa komlando) emuva le kwesinye isizukulwane emuva lapho na? UNkulunkulu wayazi ukuthi bayokusho lokho. Yingalesosizathu Athi, "Angiyikunishiya niyizintandane. Ngizokhuleka kuBaba anithumelele omunye uMduduzi, uMoya oNgcwele. Kuseyisikhashana nezwe angeke lisaNgibona, kepha niyongibona nina ngokuba Ngi . . ." Futhi u *Ngi* yisabizwana somuntu. "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa." Amen. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu ephila eBandleni laKhe, kubantu baKhe.

56 "Liphi lona ihlelo, Mfowethu Branham na?" Akancengi hlelo. UNkulunkulu usebenzana nabantu ngamunye. Owesilisa ngamunye, owesifazane ngamunye, umfana noma intombazane ezoMkholwa. Kungenandaba ukuthi bahlelo lini, Uzingela izinhliziyo ezilambile.

57 Manje, ukuphikelela, uzama ukuzuza okuthile. Bonke abantu kuyo yonke iminyaka bebekade bengaleyondlela. Manje sithatha, isibonelo, uNowa. UNowa waphikelela kakhulu emva kokuba wayethole intando kaNkulunkulu.

58 Ufanele kuqala uthole intando kaNkulunkulu. Manje, uzofanele uthole intando kaNkulunkulu kulokhu ukusa, njengoba uza uzokhulekelwa, uzofanele uthole intando kaNkulunkulu, noma ngabe kuyintando kaNkulunkulu ukukuphilisa noma qha. Futhi into elandelayo ozofanele uyenze, uma uza ukuzothola insindiso, uzofanele uthole ukuthi ngabe kuyintando kaNkulunkulu yini ukukusindisa noma qha. Into yokuqala ozofanele uyithole, ukuthi iyini intando kaNkulunkulu. Bese kuthi-ke, uma ngempela uyemukelile imbewu enhliziyweni yakho, khona-ke ungaphikelela. Akukho okuzokunyakazisa. Akunandaba ukuthi indoda ehlakaniphile izama kanjani ukuthi, "Akunjalo, futhi akusikho *lokhu* na*lokho* no*kunye*," akukunyakazisi nakancane, ngoba uyazi ukuthi iyini intando kaNkulunkulu. Ukukhulumile enhliziyweni yakho, ukukholwa kwakho kuhlezi lapho futhi kuzobambelela akunandaba uma kungekho okunye okufana nohlamvu lwembewu yesinaphi. Kuzokhiphela ngqo e—endaweni. Intando kaNkulunkulu. Yebo.

59 UNowa, emva kokuba ezwile iPhimbo likaNkulunkulu limtshela ukuthi kuzoba nozamcolo ufikile, uyafika, ngiyaxolisa, owawuzobhubhisa umhlaba, imvelo yayizonqamuka. Akashongo yini uJesu ukuthi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyoba-njalo nokufika kweNdodana yomuntu"? Imvelo izodlubulundela, futhi siyayibona namuhla.

60 Ngifuna ukuma lapha umzuzu. Ngenkathi ngifika eBombay, lapho thina . . . iNkosi yasinikeza isixuku esikhulu kunazo zonke esake saba nazo, izinkulungwane ezingamakhulu ayisihlanu ngesikhathi esisodwa, ukuba sishumayele kuso. Kwakukhona isiqephu ephephandabeni engangilifunda, sasithi, "I, awu, ukuzamazama komhlaba kufanele ukuthi sekuphelile." Sathi, "Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kokufika kokuzamazama komhlaba, zonke . . . " ENdiya bampofu, bampofu ngempela. Bakha uthango lwabo ngamadwala, nokunye nokunye. Futhi izinyoni ezincane zandiza zaphuma emadwaleni ziphuma ezidlekeni zazo futhi zaphumela emasimini futhi zahlala ezihlahleni. Izinkomo ezazimi ngasezindongeni nemibhoshongo, zaphumela emasimini elangeni elishisayo, zazingenakuma emthunzini. Zama elangeni phandle lapho. Babengazi ukuthi lento exakile yayiyini. Khona-ke, khona manjalo, ukuzamazama komhlaba kwashukumisa izindonga zawa phansi, imibhoshongo yawa phansi. Ukube izinyoni ezincane zazikade zilapho, zaziyobulawa. Ukube izinkomo zazikade zimi ngaphansi kwalokho, zaziyobulawa.

61 Animboni uNkulunkulu ofanayo owaxwayisa izinyoni nezilwane ngezinsuku zikaNowa na? Futhi kungani nifuna ukukubiza ngokuthi isibikezelo, noma ngaba yini enifuna ukuyisho, uNkulunkulu wasebenzana kanjani nalezizinyoni na? Wazinikeza ukuzizwela ngokwemvelo ukuba zindize ziphume kulolodonga futhi zisuke kuleyonto ngaphambi kokuthi ishaye. Nicabanga ukuthi uNkulunkulu ucabanga ngokwanele ngomzwilili ukuba awukhiphe odongeni, ungakanani-ke wena kunomzwilili na? Uyakwazi ukunakekela abaKhe uQobo.

62 Udadewethu olele lapha kuloluhlaka lombhede, uhlaka, uma Ondle umzwilili futhi wembesa insimu ngotshani, Ucabanga kangakanani ngawe! Wena umkhulu kangakanani kunomzwilili na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu kungakhathalekile ngemizwa nanoma yini enye. YiZwi likaNkulunkulu. Libambe futhi ubambelele kuLo. Kunjalo! Futhi phikelela, uLikholwe, bambelela eZwini laKhe.

63 Khona-ke emuva kokuba ukuzamazama komhlaba sekunqamukile, izinyoni ezincane zandiza zabuyela emuva, zandizela ezindaweni zazo futhi zenza amadwala azo ukuze zizobambelela, noma izindawo emadwaleni futhi, futhi zakha isidleke sazo; izinkomo.

64 UNkulunkulu ofanayo owayekhona ngezinsuku zikaNowa. UNowa! Awu, ucabanga ukuthi isayensi ibiyosho kuye... Babenesayensi enkulu kakhulu kunalena abanayo manje. Babengazuza ngempumelelo ubungcweti obukhulu kakhulu kunalokho abangakwenza manje. Ba—babenodayi owenza izinto zibukeke ziphelele kuze kube yilolusuku. Babenoketshezi lokugqumisa ababengenza ngalo izidumbu zingaboli. Angeke sikwazi ukwenza lokho namuhla, ngiyatshelwa kanjalo. Khonake enye into, bakha isivivane. Ubani ongakha isivivane namhlanje na? Lawo matshekazi lapho ami lapho futhi buka phezulu lapho futhi ubone ibhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe, futhi, ngani, bekungathatha izinqola eziflethi ukubeka unyawo lwalo olulodwa phezulu lapho. Bawaphakamisa kanjani lawo matshekazi phakathi lapho na? Bakwenza kuphi na? Amandla kaphethiloli angeke akwenze. Akukho lutho esinalo, ngaphandle kokuthi kube amandla e-atomu, futhi lokho kungahle ukuba bekuyinto efanayo eyabangela ukubhujiswa komhlaba ngozamcolo okwaphosa umhlaba waphuma ekunakekelweni futhi walahlwa wasuka elangeni, wadudulelwa emuva futhi wabangela imvula.

65 Uma uNkulunkulu athi kuzoba nemvula, yayizobakhona imvula kungakhathaleki ukuthi yake yaba khona noma qha. Akunandaba ukuthi babungakanani ubufakazi besayensi kuNowa, uNowa wezwa iPhimbo likaNkulunkulu, lathi, "Lizokuna." Futhi kwakungakaze kube khona imvula phezu komhlaba. Niyabo?

66 Ngenkathi Ethathe u-Abrahama wamenyusela esiqongweni sentaba, futhi lapho wamtshela ukuthi akanikele ngendodana yakhe uqobo. Futhi ngenkathi u-Abrahama esemlungiselele u-Isaka, futhi u-Isaka omncane wabuza. Awu umfanekiso kaNkulunkulu neNdodana yaKhe. Wabopha izandla zakhe ngemuva kwakhe. Wathi, "Nanku umlilo, futhi nazi izinkuni, nokunye nokunye, nanka amatshe, nali i-altare, kodwa uphi umhlatshelo na?"

67 Futhi lowo baba omdala, manje cishe eneminyaka eyikhulu neshumi nane ubudala, enendodana ayeyilindele iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, ebunzimeni nokunye nokunye, nokuthi wabambelela kanjani kuleloZwi likaNkulunkulu elingafi, lalitshalwe enhliziyweni yakhe, wayezoba nengane noma kanjani. Wayeyini na? Ukuphikelela. Wathi, "Ngimbambile kuze kube manje. Ngiyazi ukuthi uma uNkulunkulu enginike yena ngokuMkholwa, Uyomvusa kwabafileyo." Nakho lapho okhona. Ukuphikelela, ebambe leloZwi likaNkulunkulu kuqala.

68 Futhi, ukuthi, lapho esekulungele ukuthatha impilo yakhe, kwakukhona iNgelosi eyambamba ngesandla futhi yabamba ummese. Futhi kwakukhona inqama ehhukiwe ngezimpondo zayo, ehlane emva kwakhe. Yavelaphi leyonqama

na? Wayesohambweni lwezinsuku ezintathu, futhi noma yimuphi umuntu ngalolosuku wayengahamba kalula amamayela angamashumi amabili nanhlanu. Ngihamba amashumi amabili nanhlanu namashumi amathathu njalo uma ngiyozingela noma ngigadile, noma yini, ngiwahamba kalula. Futhi sasinalokho okubizwa ngezinyawo zikaphethiloli. Leyondoda yahamba isuka ohambweni lwezinsuku ezintathu, yase-ke ibuka le kude futhi yabona intaba. Ngani, izilwane zasendle zaziyoyibulala leyonqama. Futhi enye into, wayephezulu esiqongweni sentaba lapho kungekho manzi khona. Akumangalisi abiza indawo ngokuthi *Jehova-jire*, "iNkosi iyozibonela Yona umhlatshelo."

69 "Angazenza kanjani lezizinto, Mfowethu Branham, ezinsukwini zesayensi, ezinsukwini zezwe lesayensi elikhulu na? Angakwenza kanjani lokhu na? Ucabanga ukuthi Uyoke azedlulele kanjani ngaphandle kwakho na?" UsenguJehova-jire, iNkosi. Sigcina iZwi laKhe futhi Uyakwazi ukwenza lokho Akushilo. Amen. Angathatha elifile, ibandla eliyilo ngegama nje elibandayo, Angakhipha ilungu kulelobandla futhi afake ukuPhila kukaNkulunkulu kulowomfo, futhi amvuthise ngeVangeli. Angasusa unondindwa emgwaqweni, Angakhipha isidakwa emhubheni ngaleya, enze indoda nenenekazi ngabo, ngoba UnguJehova-jire, "iNkosi izozibonela umhlatshelo." Amen.

70 Simbeka kanjani phansi uNkulunkulu phezu kwesisekelo sethu! Sicabanga ngesisekelo sethu. Sikholelwa esisekelweni sethu. Sidedele leyonto. Yilokho okwafaka u-Eva enkathazweni, wayecabanga ngesisekelo sakhe uqobo. Cabanga ngesisekelo sikaNkulunkulu, lokho iZwi laKhe elikushoyo. Ziphakamise ngaphezu kwalokho, ngokukholwa, ukholwa yiZwi laKhe.

71 UNowa wathi, "Angikhathali ukuthi isayensi ingafakazisa kangakanani ukuthi akukho manzi phezulu lapho, uNkulunkulu uyakwazi ukubeka amanzi phezulu lapho. Uzokwenza ngoba Wakwethembisa. Uma Akwethembisa, Uzokwenza."

72 Futhi yena—yena, wenzeni na? Akahambanga nje wazungeza futhi athi, "Awu, Ungitshele lokho. Yebo, ngi—ngiyakholwa ukuthi kuzoba njalo." Wenze okuthile ngakho. O, mfowethu, dadewethu, uyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Akavelanga wahlala lapho futhi athi, "UNkulunkulu usho njalo," wenze okuthile ngakho. Uma ufuna ukusindiswa kulokhu ukusa, uNkulunkulu uthembise insindiso. Khona-ke yenza okuthile ngakho, ungahlali nje lapho. Ungajoyini ibandla elilodwa futhi uthathe incwadi yakho uyisuse ebandleni uye ebandleni. Wethembise insindiso, ukukhululwa.

73 Uma ugula, "Uhlaleleni lapha na?" Njengoba onochoko asho ngalolosuku ngenkathi umuzi uvinjezelwe, "Sihlaleleni lapha size sife na?" Ngenkathi iSamariya livinjezelwe amaSiriya, bathi, "Sihlala lapha size sife, sizo—siyohlala silapha njalo.

Sizofela khona lapha. Uma singena emzini, bayafa phakathi lapho yindlala. Asehlele ezansi ekamu lesitha." O, he, yeka elimpofu . . . Yeka ukukholwa okuncane ababengaba nakho. Into encane kangaka . . . Baya ekamu lesitha esasizama ukubabulala. Kodwa bathi, "Uma sifa, sizokufa noma kanjani. Ngakho-ke uma sisindisa . . . sizosindisa impilo yethu, ngani, sizokwenza kahle." Futhi behlela ezansi lapho, futhi uNkulunkulu walihlonipha lelochashaza elincane lokukholwa okuphuphile. Futhi akakhululanga nje bona kuphela, kodwa wakhulula u-Israyeli.

74 Esikudingayo namhlanje abesilisa nabesifazane abazothatha uNkulunkulu ngeZwi laKhe futhi baphikelele ngaLo. UNkulunkulu uzobangela ukuzamazama komhlaba nokushukumisa ukuba kwehlele ekamu kuqala. UNkulunkulu uzonakekela ukuthi ngabe kuzobakhona imvula phezulu lapho noma qha.

75 Uthi, "Awu, Mfowethu Branham, udokotela ungitshele ukuthi ngangifa. Nginomdlavuza." Kungahle kube njalo. Indoda ikutshela konke ekwaziyo ukuthi kwenzeka kanjani. Kodwa, into kuphela engayenza, inemizwa emihlanu ukuba isebenze ngayo, emibili yayo engayisebenzisa. Kuyini na? Omunye umuzwa ukuzwa, indawo elandelayo uku—ukubona. Ukubona nokuzwa, angakuzwa okuthile, noma abone okuthile nge x-ray. Yilokho kuphela umuntu afanele asebenze ngakho. Yilokho kuphela akwaziyo, kodwa wenza okuhle ukwedlula konke angakwenza. Kodwa ningabheki kulokho, usefike ekupheleni kwakhe. Bhekani phezulu lapha ukuthi Lokho kwathembisani! Uthi, "Kungenziwa kanjani na?" UNkulunkulu washo njalo. Lokho kuyakuxazulula ngenkathi uNkulunkulu ekusho. Lokho kuyakuxazulula, kuxazululwe Phakade kuze kube ingunaphakade eZulwini, iZwi laKhe linjalo. Futhi amaZwi aKhe enziwa inyama, futhi Liyinyama namuhla kuwe, uma uzoLivumela libe yinyama. "Uma nihlala kiMi naMazwi aMi kini, khona-ke celani enikuthandayo futhi kuyokwenziwa," uJohane oNgcwele 15. Niyabo, sifuna nje lawo maZwi ahlale phakathi lapha. Kukholweni, kuliqiniso. Yimbewu, futhi kuzo—kuzofeza konke Akwethembisa.

76 Manje, qaphelani, okwesayensi kwakuyophuma lapho, iqembu lososayensi, futhi bathi, "Mnu. Nowa, ungumfundisi okahle. Si—siyakuthakasela. Unebandla elihle lapha, umndeni wakho, kodwa, futhi noma kunjalo, uma u . . . asivumelani nawe, futhi siyazi ukuthi we—wehlukile. U—ubangela ukushiseka ngokweqile ukuba kuhlwanyelwe phakathi kwabantu, futhi wesabisa ngisho abanye abantu, ubatshela ukuthi umhlaba usufika ekugcineni. Sifuna ukukhombisa futhi sifakazise ngokwesayensi kuwe."

77 O, lowodeveli akazange afa neze. U—usazama namanje ukwenza lokho. Loyo ofanayo owathi, "Uma UyiNdodana

kaNkulunkulu, angibone isimangaliso. Yenza isimangaliso futhi uphendule lesisinkwa, lesi. Ulambile, yenza lamatshe isinkwa, ngizoKukholwa." Udeveli ofanayo kulabobapristi abafundile, wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni futhi ukufakazise kithi." Niyabo? Lowo develi akalokothi, akafi nje. Niyabo, udeveli njalo uthatha umuntu wakhe kodwa umoya wakhe uhlala lapha ukuze uthole omunye. Kodwa ake nginitshele isikhuthazo: UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe kodwa uMoya waKhe uhlala lapha ukuze uthole omunye, futhi. Yebo. Omunye umuntu uzokwemukela leloZwi. Omunye umuntu uzogcotshwa ngenye indlela noma ngenye. Kuyangokuthi ungubani, yimuphi umoya ongaphakathi kwaloluhlamvu. Yilokho, uzoLikholwa noma awuzukuLikholwa. Lokho yi, awu, awuzuku . . .

78 Omunye washo kimi kungekudala, umfundisi. Uzomangaza. Futhi ngangisehhovisi likadokotela ngenkathi ekusho. Futhi nginitshela iqiniso, ngithole odokotela abaningi abakholelwayo ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu kunokuba nginabefundisi. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Bengingaphansi kwe . . . ngangibuzwa engxoxiswaneni, niyazi, lapho, odabeni lwephephabhuku i *Look*, noma hhayi i *Look*, kodwa . . . Kwakuyiliphi lelophephabhuku elabhala ukuthi "Isimangaliso sikaDonny . . .?" I *Reader's Digest*. Ya. Futhi ngenkathi benami engxoxiswaneni lapho eMayo Brothers, niyazi ukuthi bathini na? "Asizisho ukuthi singabaphilisi, sizisho ukuthi sisiza imvelo kuphela. Munye kuphela uMphilisi, lowo nguNkulunkulu." O, he! Nakho lapho okhona. Ngumuntu ongacabanga. Umuntu othile ongabuka ngaleya futhi abuke phezu kwayo yonke into. Siyizidalwa ezingabantu. Singabamiselwe ukufa, amaphutha nakho konke. UnguNkulunkulu, ongenasiphelo.

79 Sifanele sikukholwe. Uma ngingakuchaza, khona-ke akusesikho ukukholwa. Angeke ngichaze ukuthi kungani inkomazi emnyama ingadla utshani obuluhlaza futhi inikeze ubisi olumhlophe, kodwa iyakwenza. Kunjalo. Nawe angeke ukuchaze. Qhabo, mnumzane. Angeke ngichaze ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani lezizinto, kodwa Wavele washo ukuthi Uzokwenza. Angisoze ngakwazi, awusoze wakwazi, kodwa siyakukholwa. Ngokukholwa usindisiwe. Ngokukholwa uphulukisiwe. Yonke into ezayo, nayo, evela kuNkulunkulu, izofanele ize ngokukholwa.

80 Esikhathini esedlule, ngimile ekusakazeni, umfo wayehlekisa ngomhlangano, wayengazi ukuthi ngangingubani. Wathi, "Angikukholwa Lokho." Wathi, "Bekungeke kwenzeke. AngiKukholwa nje kanjalo." Wathi, "Ngifanele ngi . . . Kuzofanele kufakazelwe ngokwesayensi kimi."

81 Ngathi, "Khona-ke awusoze waba ngumKristu. Angeke neze."

Wathi, "O, ngingumKristu."

82 Ngathi, "Angeke ubenguye. Angeke." Ngathi, "Kufakazele ngokwesayensi kimi ukuthi uKristu ukuphi." Ngathi, "Uganiwe na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Uyamthanda umkakho na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Kufakazele ngokwesayensi kimi ukuthi luyini uthando." Yena, ngathi . . .

"Awu," wathi, "ngingekwazi ukwenza lokho."

83 Ngathi, "Manje-ke awunalutho engikubiza ngokuthi uthando. Uyabo? Manje, wena nje . . . wena, lokho ukuzenzisa emqondweni wakho. Uyabo? Uma ungeke ukufakazele ngokwesayensi. Ngitshela ukuthi yini . . . Yehlela ezansi lapha futhi ungithengele uthando olungabiza ikota. Ngithengele ukukholwa okungabiza usheleni. Angeke ukwenze."

84 Futhi zonke izikhali zikaNkulunkulu ukukholwa, uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Zonke izikhali zekholwa ukukholwa. Siyamkholwa uNkulunkulu ngokukholwa, ngoba, uNkulunkulu washo njalo. Khona-ke kuyini na? U-Abrahama walungisiswa, nguPawulu, ngokukholwa; kodwa, ngoJakobe, ngemisebenzi. U-Abrahama wayekhuluma ngalokho uNkulunkulu akubonayo, noJakobe wayekhuluma ngalokho umuntu akubona. "Ngikhombise ukukholwa kwakho ngemisebenzi yakho," "ngaphandle kwemisebenzi yakho," nokunye nokunye. Niyabo? Khona-ke uma ungenayo imisebenzi ngokukholwa kwakho, kukhombisa ukuthi awunakho ukukholwa, ukhuluma ngokuphuma emlonyeni wakho nje. Kodwa uma unokukholwa ngempela, uyakukholwa futhi wenze njengakho. Kunjalo, kufake emnyakazweni!

85 UNowa wakwenza, wakufaka emnyakazweni. Waqhubeka nokwakha umkhumbi. Kungenandaba ukuthi noma iyiphi isayense yathini, "Manje, bukani lapha, sizokufakazela ngokwesayensi kuwe ukuthi ayikho imvula phezulu lapho."

86 "Anginandaba ukuthi ningakufakazela kangakanani kimi, ukuthi ningasho kangakanani ukuthi ngokucwaninga ngokwesayense, noma ngabe yini enifuna ukukubiza ngakho, uNkulunkulu wangitshela 'Kuza imvula,' futhi ngiyamkholwa uNkulunkulu." Yilokho-ke. "Lizokuna."

87 "Ivelaphi na? Mnu. Nowa, ngingathanda ukukubuza, mnumzane, mfundisi ohloniphekile, ivelaphi leyomvula na? Ikuphi na?"

88 "Awu, uNkulunkulu angayibeka phezulu lapho uma Engitshele ukuthi izoba lapho." Kunjalo!

89 Futhi namhlanje bathi lokhu ngeke kwenzeke. Babona ukubona okufihlakele emhlanganweni. Bathi, “Kuzofanele kube wukufunda umcabango.” Ukufunda umcabango, ukufunda umcabango na? Ukwahlukanisa umoya, kwemibono yeNkosi! Hlobo luni lokufunda umcabango abaprofethi ababenalo na? Wayenani uJesu ngenkathi Emi lapho ngalolosuku na?

90 Futhi nakhu kukhuphuka uFiliphu, futhi wasindiswa futhi wawelela ngaleya wathola uNathanayeli, wamkhuphulela phambi kukaJesu, futhi uNathanayeli wathi, “A, manje kungebe bikho lutho oluhle oluvela—eNazaretha.”

91 Ngakho-ke ngenkathi efika lapho uJesu wayekhona, uJesu wambuka futhi wathi, “Wena—wena ungumIsrayeli. Awunankohliso.”

92 Futhi wathi, “Rabi, Ungaze nini na? Ungaze kanjani na?”

93 Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi komuthi Ngakubona.”

94 Manje, ngokomzimba, lokho kwaku . . . Uma wake waba lapho, kungamamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba. Izindawo ezimbili, uhambo losuku uzungeza intaba. Wayengambona kanjani na? Khona-ke ini na? Ngokuba ngumuntu okholwayo, ngokuba ngumuntu owayefuna ukubona iZwi likaNkulunkulu libonakalisiwe, wayefuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu wathi, “INkosi uNkulunkulu wakho iyakuvusa, lapho uMesiya efika Uzoba ngumProfethi,” njengoba wayenjalo. Futhi wakubona lokho, futhi wakwazi. Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu.” Kunjalo. Igama lakhe alifi.

95 Kodwa lapho kwakumi labobapristi abakhulu abanesitashi ababenama DD., Ph.D., LL.D ayenele ngemuva kwabo, mhlawumpe, beza ngomugqa wabefundisi bema lapho, babecabanga ukuthi babelazi iZwi. Babelazi, izwi, kodwa kunenqwaba engalazi . . . Bengalazi iZwi laKhe, kodwa bazi Yena, ukwazi Yena oseZwini. Kunjalo. Ukwazi Yena, ukuPhila okuseZwini. Manje, bama lapho futhi bathi, “Lomuntu unguBelzebule. Ungumbhuli. Uyazibona lezozinto. Ungu—Ungumbhuli. Lokho yi . . . ”

96 UJesu waphenduka wathi, azi. Manje lindani, abakaze bakusho lokho ngokuzwakalayo, babecabanga lokho enhliziyweni yabo. Futhi Wayeyazi imicabango yabo. Ngabe iBhayibheli liyakusho lokho na? ULuka oNgcwele. Ya, Wayeyazi imicabango yabo. Niyabo, babecabanga ukuthi Wayefunda imicabango yabo. Ebone imicabango yabo. Wathi, “Nikhuluma izwi elimelene naMi, Ngizonithethelela ngakho. Kodwa,” ngokunye, “ngeliny’ilanga uMoya oNgcwele uzofika ukuzokwenza into efanayo, futhi ukhuluma igama elilodwa elimelene nawo, ukhuluma ngokumelana nalokho, awusoze wathethelelwa khona kulelizwe, nasezweni elizayo.” Niyabo?

97 Niyabo, uMoya oNgcwele, abakwazanga ukuWuqonda. Babefanele baphendule ibandla labo, ngoba ibandla labo lalimi lapho. Futhi bathi, "Awu, kufanele ukuthi U—Ufunda imiqondo yabo. Unokufunda umcabango. UnguBelzebule, umbhuli." Futhi noma ngubani uyazi ukuthi umbhuli ungokadeveli. Futhi babiza umsebenzi kaNkulunkulu "ngodeveli," bebiza imisebenzi kaNkulunkulu.

98 Anazi yini ukuthi noma yini udeveli anayo yinto ethile ephendukezelwe isuka kokwangempela na? Yini amanga na? Yiqiniso eliphendukezelwe. Yini ukuphinga na? Isenzo sokulunga esiphendukezelwe. Sonke isono yi—yiqiniso nokulunga okuphendukezelwe. Yini ukufa na? Ukuphila okuphendukezelwe. Impela, yindlela okungayo eZwini laKhe. Yileyondlela okungayo, futhi abantu bazama ukukufiphaza, ukukusitha, bakwenze kusho izinto ngoba abazi, abazi. Abanakho ukukholwa ukuthatha iZwi. Kodwa uNathanayeli wakwenza.

99 Kanjani ngoSimoni ngenkathi ekhuphukela lapho na? Wezwa lowobaba wakhe ongumFarisi omdala, ethi, "Simoni, ndodana yami, ngaphambi kokuba isikhathi sokuphela sifike, mhlawumpe kuzoba . . . BengiMbhekile ukuba afike ezinsukwini zami, kodwa Akafikanga. Angahle afike ngesikhathi sakho. Futhi uma Efika, Simoni, nakhu okuzokwenzeka: Kuzoba khona yonke into iqhubeka, ndodana, futhi kuzoba khona lonke uhlobo lwezinto zamanga zivuka yonke indawo. Kodwa ukhumbule lokhu, hlala neZwi. Niyabo? Manje, loMesiya uyavuka, Uzoba ngumProfethi. Futhi loMesiya uzoba ngumProfethi njengoba uMose wayenjalo, ngoba iZwi lethu likaNkulunkulu lithi Uzoba ngumProfethi njengaye. Manje, nizokwazi ukuthi Uzoba ngaphezu koMprofethi, Uzoba nguNkulunkulu-Mprofethi. Kodwa iminyakazo yaKhe namazwi ayoba nguMprofethi, ngoba angeke uhambe ngaphezulu kunalokho uze uye kuNkulunkulu. Niyabo?" Ngakho-ke wathi, "Uzoba, Uzoba nguNkulunkulu-Mprofethi. Imisebenzi yaKhe lapha emhlabeni izokhombisa uMprofethi, ngakho-ke siyazi ukuthi kunjalo, kuzoba nguNkulunkulu. Kukhumbule lokho."

100 Futhi ngiyacabanga ngenkathi u-Andreya efika futhi wamtshela ngalobobusuku, "O, simbonile uMesiya," ngiyacabanga uSimoni wathi, "Suka, suka. Hamba. A, qhubeka, ungangikhathazi."

101 Kodwa ngosuku olulandelayo ngenkathi ethamele umhlangano, wakhuphukela eBukhoneni beNkosi uJesu, futhi Yathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi wena uyindodana kaJona." Lokho kwakhipha isitashi kuye. Wenzeni na? Yena, uJesu . . . Lowomdobi ongazi lutho owayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe uqobo, iBhayibheli lathi wayeyikho kokubili engazi lutho futhi engafundile. Kodwa kwamthokozisa uNkulunkulu, ngalokho kukholwa, ukumenza

uPetru, itshe elincane, umnika izihluthulelo zoMbuso, "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi." Ini, phezu kwedwala njengoba iKatolika lisho na? Qhabo. Phezu kwani, kuyini na? Phezu kwesambulo sokomoya. Niyabo, "Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kepha uBaba waMi oseZulwini ukwambulele khona. Phezu kwalelidwala, phezu kweZwi likaNkulunkulu elilotshiwe elembulwe ngokomoya, Ngizolakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayiKulahlula." Ngani na? Kungaphezu kwembewu yesinaphi. Ngamandla kaNkulunkulu ehamba phakathi kwabantu abafayo phezu kweZwi, iZwi elenziwa laphila.

102 Yilokho okwakuyikho kuNowa. Wathi . . . IZwi lingukuPhila kuye. "Futhi ngizoyilungiselela."

103 "Awu, alinanga izolo. Uthe belizokuna. Lizokuna nini na?"

"Angazi, kodwa lizokuna."

"Wazi kanjani ukuthi lizokuna na?"

"UNkulunkulu usho njalo."

104 Njengoba basho ku-Abrahama, ngani, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, yena; nomkakhe, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye. Unkosikazi wakhe omdadlana bandla egijima ngapho, ekade ephethe ophini nezinto zamabhuzu amancane engane, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu; nangu lapha enamashumi ayisishiyagalolunye, ngekheyni encane yokudondolozela, ka *njena*, ehamba ezungeza. U-Abrahama, isifumbu, nobuhwanqa bulengela phansi. "Uthini ngakho, Abrahama na? Heyi, ushiye—ushiye umuzi wase-Uri esikhathini eside esedlule. Uthe uzoba nengane. Uthini ngakho manje na?"

"Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani!"

"Ngani na?"

"UNkulunkulu washo njalo!"

"Ngani, sekube yiminyaka engamashumi amabili nanhlanu edlule."

105 "UNkulunkulu washo njalo! Akwenzi mehluko uma kuyiminyaka eyikhulu namashumi amabili nanhlanu, Uzokwenza noma kanjani!" Niyabo? Ukuphikelela, isineke, ulandela, ukulandela ngemuva. Ukubambile!

Njengomfana omncane endizisa ikhayithi. Wathi, "Ikuphi na?"

106 Wathi, "Angazi, kodwa iphandle lapho ndawo ndawo, ngiyayizwa ekugcineni kwentambo."

107 Yilokho-ke. Owesilisa noma owesifazane othatha iZwi likaNkulunkulu, ubambe okuthile. Ihange lakho libambelele ngaphakathi kweveli. Iziphepho nezivunguvungu zingacindezela futhi zishukumise ngayo yonke indlela, kodwa

ubambelele okwehange. Yena uza uyaqhubeka ngqo phezu kwendawo. Wena uyabekezela. Wena uzoLikholwa.

108 UNowa waKukholwa, impela, futhi wayizuza ngempumelelo injongo kaNkulunkulu ngempilo yakhe. Uyafuna ukuzuza ngempumelelo injongo kaNkulunkulu empilweni yakho na? Bese-ke uba nesineke uma u . . . uba nesineke lapho uthola iZwi. Bambelela kuLo, isithembiso, ngesakho.

109 UMose. Bangaki abalingiswa engingaya kubo manje! Ngithi lapha uMose, ngale ku-Eksodusi, uMose, wayeyisifundiswa, usomaqhinga, isosha. Engesilo isosha kuphela, wayengujenene. Akasiyena ujenene kuphela, kodwa wayenguFaro ozayo. Amen. Ngizizwa nginokukholwa khona manje, ngakho-ke ngiyaxolisa. Yebo, uFaro ozayo. Uma wayefuna ukukhulula abantu bakhe, awu, wayeneGibhithe esandleni sakhe. WayenguFaro ozayo, wayezokwenza lokho ayekufuna lapho eba nguFaro. Kodwa uNkulunkulu wakhuluma kuye, e-hhe, ngelinye ilanga ngaleya esihlahleni esivuthayo.

110 O, wagijima njengegwala, nayo yonke imfundo yakhe. Konke okwesayense yakhe yezenkolo, wehluleka. Konke okwezinto zakhe ezinkulu, wehluleka. Kodwa ngelinye ilanga, esihlahleni esivuthayo, uNkulunkulu wahlangana naye. Ngenkathi uNkulunkulu eza kuye kulesisihlahla esivuthayo, mbukeni, ephethe induku ngesandla sakhe, umkakhe emnyuzini, uGeshomi omncane ehleli enqulwini yakhe, endleleni yakhe eya eGibhithe. Wayeyini na? Ehlela ukuyolidla. Waye, wayenesineke, wayephikelela kakhulu.

111 "Mose, ucabanga ukuthi wena, uneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, nangenduku egwegwile esandleni sakho, yome njengoba ingabanjalo?" Mm! Induku egwegwile, ukuhlasela komuntu oyedwa, ehlela eGibhithe njengendoda eyodwa eya ngaleya eRashiya ukuyoyidla. Sidinga kuphela . . . uNkulunkulu udinga umuntu oyedwa kuphela. Lokho kuphela, Udinga umuntu oyedwa kuphela ngokuphelele esandleni saKhe. Umuntu oyedwa, yilokho kuphela Akudingayo. Angashukumisa iRashiya ibe yizicucu ngaleyondoda eyodwa.

112 Wathatha uNowa, noma uMose, ngiyaxolisa. Wathatha uMose ngenkathi esagijima *ngale*ndlela, wazinza empilweni emnandi, intombazanyana ethandekayo, wayishada, waba nengane, eyindlalifa yezimvu zikamkhwewakhe, uJethro, umpristi wakwaMidiyani. Wayenayo yonke into yenziwe. Wayenekhaya elihle, indawo, ehlala ntofontofo phandle lapho, futhi ezingela kanye ngasikhathi ngomnsalo, mhlawumbe, futhi wabulala inyamazane idiye, nenqwaba yamajikijolo nenqwaba yezimvu eziningi, novolo nokuhweba, uhide lwamakameli lwalufika lwedlule. Ngani, wayenakho kwenziwe, akukho lutho ayefanele akhathazeke ngakho. Kodwa ngeliny'ilanga, ngeliny'ilanga umthwalo wabantu, abantu bakhe ababethwele

wayesevele ewushiyile umqondo wakhe. Babesezansi eGibhithe. Wayehlulekile, ngakho-ke uNkulunkulu angenza okunye ngakho. Kodwa ngelinye ilanga lapho uNkulunkulu ehlangane naye esihlahleni esivuthayo, wena ukhuluma ngesineke, nangu ehamba!

"Liphi ibutho lakho na?"

113 "Angilidingi. Ibutho lami liyibutho elingabonwayo." Njengoba kwakunjalo eDothani ngokunye ukusa, lapho umprofethi . . . "Ibutho lami liyibutho elingabonwayo." Nangu ehamba, into kuphela ongayibona induku endala egwegwile, ehola lomnyuzi ngemuva, nobuhwanqa buphephezela. "Makabongwe uNkulunkulu!" Amehlo akhe ebheke ngaseZulwini, ehlela ukuyolidla.

114 Ngezinye izikhathi ukukholwa kukwenza uziphathe ngokuhlekisayo emqondweni wenyama. Kodwa uma kuyiZwi likaNkulunkulu, kuzofanele kufezeke. Yiba nesineke, ubone uNkulunkulu ekwenza kufezeke.

115 Wehlela ezansi, wayephikelele kakhulu. Wenyukela phambi kukaFaro, kwakubukeka sengathi wayezokwehluleka. Wathi, "Ngizokukhombisa ukuthi ngithunywe nguNkulunkulu noma qha." Waphosa phansi induku phansi *kanjalo*, njengokuthi uma uzothi . . . futhi yaphenduka inyoka; yena no-Aroni. Futhi wavele wabiza nje ngaphezulu osonkanyezi ababili, noma amadoda amabili akhwele amadimoni njengoba sinawo ezinsukwini zokugcina, elingisa eKhethiweyo impela, uma kungenzeka. Kunjalo. Behla, baphonsa phansi izinduku zabo, zaphenduka into efanayo. Manje, uMose wazi lento eyodwa, ukuthi uNkulunkulu owayemthumile wayekwazi ukumnakekela. Manje, wayengazi ukuthi enzenjani ngokulandelayo.

116 Ufika endaweni lapho ungazi ukuthi wenzeni, futhi abantu bethi, "Akazange aphulukiswe. Ngani, nanso into iselapho." Uma uNkulunkulu ebeke lokho enhliziyweni yakho, yima uthule. Qhubeka nje ufakaze enkazimulweni kaNkulunkulu. Qhubeka!

117 UMose wathi, "Ngiyazi ukuthi uNkulunkulu ungithumile." Kwenzenkani na? Inyoka yafutha kathathu noma kane, kakhulu kangaka, mhlawumpe inhlwathi noma okuthize, yaphakama ngaphezulu futhi yagwinya ezinye. Senake nacabanga ukuthi zaba yini ezinye izinduku na? Bacosha eyodwa kuphela. Yazidla zonke ezinye. Zazingasekho ndawo. Futhi yileyondlela uNkulunkulu azokwenza ngayo ngolunye lwalezizinsuku ngamandla aKhe. Yebo.

118 UMose wayenesineke. Khona-ke, into yokuqala uyazi, Wamthuma, futhi wathi, "Yenza lokhu, Faro." Futhi wathi, "Uma ungakwenzi, sizokwenza *ukuthi-nokuthi*." Futhi wabiza uNkulunkulu, futhi Wathumela izimpukane, amazeze, nakho konke okunye phezu komhlaba. Wayeyini na? Wayephokophele.

UNkulunkulu wamtshela, "Buyisela abantwana kulentaba, emuva lapha." Wayazi ukuthi wayenentando kaNkulunkulu, wazi ukuthi wayenombono phambi kwakhe. Wayazi ukuthi kuyodlula amazulu nomhlaba, kodwa lowo mbono wawungeke wehluleke. Ngakho-ke wehlela ezansi lapho, ephikelela.

119 Lalela, mfowethu, uma ungeza namhlanje ekuseni ngombono wentando kaNkulunkulu, uma ungeza neZwi likaNkulunkulu, anginandaba ukuthi kwenzekani, "Ngizophikelela. Ngi . . . enhliziyweni yami, selokhu ngihlezi lapha, nginombono kaNkulunkulu. Ngiyaphikelela. Ngizoba—ngizoba nonesineke. Ngiyehla, ngizolidla. Lezizinto zizongishiya." Zizokushiya, mfowethu. Ungakhathazeki, zizokushiya.

120 UDavide, emi phezulu lapho phambi kukaGoliyati, ngani, wayephikelela. Wathi, "Niqonde ukungitshela ukuthi nizoma futhi nivumele leyosayensi yesimodeni, ososayensi phandle lapho na?" Manje kuzwakala kungukuthuka okungcwele, kodwa ngiyethemba niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Niqonde ukungitshela ukuthi labososayensi besimodeni bangama lapho futhi bathi izinsuku zezimangaliso selwedlule, lapho iZwi likaNkulunkulu ophilayo liphikisana nakho na? Niqonde ukungitshela ukuthi nizovumela isayensi yesimodeni ithi ayikho into efana nokuphilisa ngokukaNkulunkulu, futhi iBhayibheli, amaphesenti angamashumi ayisithupha ngaphezulu enkonzo kaJesu kwakungokukaNkulunkulu . . . ya, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili nesithupha, ngiyacabanga, kwakungokuphulukisa ngokukaNkulunkulu? Nesithembiso, nezithembiso zokugcina!

121 Niqonde ukungitshela, mzalwane wami ongumfundisi, ukuthi nizoma futhi nivumele lena izinkoleloze zamahlelo ezibizwa kanjalo zesimodeni zingena eNhlanganweni yamaBandla lapha, noma uMkhandlu wamBandla, futhi niqonde ukungitshela ukuthi nizoma kuleyonhlangano futhi nibavumele bagqibe iZwi likaNkulunkulu kini, futhi banitshele ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule na? Ningobani empeleni na? Sewake waba naso isehlakalo na? Sewake wazalwa kabusha ngoMoya kaNkulunkulu na? Wena, uma unakho, mfowethu, impela uzothatha iZwi likaNkulunkulu ngakho. Makuthi yonke enye into ibe ngamanga. Impela!

122 Qaphelani, uDavide waba nesahlakalo. Wathatha indwayimane encane. Wayengenakho okuningi. Kwakuyindwayimane, kepha wayazi ukuthi uNkulunkulu waseZulwini wayenaye. Futhi waphumela lapho futhi wabulala ibhere nebhubesi, futhi wayazi ukuthi kuyokwenzani. Futhi wathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi, uma uNkulunkulu enganikela lelobhere nebhubesi ezandleni zami, Angakukhulula kakhulu kangakanani lowo oqhoshayo, umFilisti ongasokile phandle lapho na?"

123 Lelizwe eliqhoshayo namhlanje, lithi izinsuku zezimangaliso selwedlule, neRashiya evukayo lapha, ihlasela amabandla ezansi futhi iwabeke ehlazweni. Akukho lutho kuwo ukuyisebenzela. Kungani uCastro omdadlana ezansi lapho, lowomfo omncane okhwelwe amademoni. . . Manje, ngi—ngiyamazi, ngamxhawula futhi ngahlangana naye, nokunye nokunye, ngenkathi ngangilapho. Futhi wakhuluma kamnandi kimi, futhi yonke into kanjalo; wathi wayekholwa ukuthi kwakuza iminyaka eyiNkulungwane noKristu, nokunye nokunye, kodwa wathengisa kudeveli. Kodwa wenzeni na? Wenze izinto ezithile ezinhle. Uyenzile into eyodwa, wenze imali mbumbulu ngayo yonke leyomali waqala imali entsha. Yilokho okuzofanele kwenzeke lapha ngolunye lwalezizinsuku, lapho lababa didiyeli bewisiki abakhulu babaphisi botshwala, nezinkampani zikagwayi ezingenza intela yemali engenayo futhi ziyikhiphele ngaphandle kuthelevishini phandle lapha. Ngiyazi ngikhuluma kumateyipu. Kodwa ake nginitshele, lelo yiqiniso, noma kunjalo. Leyo yimali efanele iye kuhulumeni. Kodwa bangadlula kukho. Kodwa kuqala, uyehluleka ukukhokha eyakho ngesinye isikhathi futhi ubone ukuthi kwenzekani. Bayokuhhundula ngakho.

124 Niqonde ukungitshela ukuthi lesisigejane samaFilisti esingasokiwe singama phandle lapha futhi seyise izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na? Sisekela into enjengaleyo. Ibandla elikudingayo namhlanje ukubuyela emuva kuNkulunkulu, emuva eZwini laKhe, libuyele eMandleni, libuyele epentekoste; hhayi enhlanganweni yePentecoste, emuva esahlakalweni sasepentekoste. Lababafo bangaphandle kwesondo uma bekhuluma ngenhlangano yePentecostal. IPentekoste isehlakalo, siza kuMethodisti, iBaptisti, amaPresbyterian, nanoma ubani oKufunayo. Kunjalo. UNkulunkulu akasebenzani nesizwe, nabantu, nehlelo, usebenzana nomuntu ngamunye. Njalo, nabeZizwe, ekhipha abantu kwabeZizwe ngenxa yeGama laKhe. Niyabo? Yileyondlela Asebenzana ngayo nabo. Manje, masinyane, ngifanele ngisheshise.

125 UDavide wathi, “Niqonde ukungitshela ukuthi nizovumela lokho kwenzeke na?” Wathi, “Lendwayimane encane!” Wayilandela leyo ngonyama. Ini na? Futhi wayibulala. Futhi walandela ibhere futhi walibulala. Wathi, “Uyonginikeza kakhulu kangakanani uNkulunkulu lowomFilisti oqhoshayo phandle lapho othi izinsuku zezimangaliso selwedlule na?”

126 Wamhleka futhi wathi, “Ngizokuthatha ngesihloko salenayithi yomaluki, umkhonto, ngikulengise phezulu, futhi ngededele izinyoni zidle inyama yakho.” Wayengakwenza.

127 USawulu wamtshela, wathi, “Lowo muntu u. . .ngani, iminwe yakhe ingama-intshi ayishumi nane ubude.” Wathi, “Ngani, leyondoda iyiqhawe kwasebusheni bayo, futhi wena awuyilutho ngaphandle kokuba umfanyana obomvana.”

128 "O, kodwa," wathi, "kunokuthile engizonitshela khona. Nginokuthile eningazi ngakho."

129 "Ngani, awulutho," abafowabo basho, "qhubeka ubuyele ekhaya. Ugangile. Ngizotshela ubabayoi akubhaxabule uma usubuya."

130 Wayezothini na? Wathi, "Ngangelusile. Inceku yakho, ubaba wami, ngangeluse izimvu zayo ngaphandle lapho ngelinye ilanga. Ngethembela eNkosini uNkulunkulu. Futhi ingonyama yafika yase ithatha elilodwa lamawundlu, futhi ngayilandela." Ngani na? Wayalwa, eholwa nguyise. "Futhi ngayishaya ngayilahla phansi. Futhi lapho ivuka, ngayinquma, ngoba ngangishiywe nomyalo."

131 O, mfowethu ongumfundisi, sishiywe nomyalo. Ingonyama iyangena futhi ithole eyodwa yezinceku zaKhe futhi iyikhiphe, ngiza nendwayimane kulokhu ukusa. Indwayimane yomkhuleko wokukholwa iyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakumvusa. Lokho Akushoyo! Siyamlandela, ukubuyisa lelowundlu esibayeni. Siyakudinga, wonke umKristu, sinidinga nonke. Siyakudinga, sifanele sibe nawe. Baba sinikeze umyalo, asihambe siyomuthola. Asigcine umyalo.

132 Wathi, "Futhi uma Engakwenzela lokho ngenxa yaleyomvu, kakhulu kangakanani-ke ukuma lapha weyisa izimpi zikaNkulunkulu ophilayo! Nginamahloni ngabafowethu nangabo bonke," washo, nokuningi ukuba akusho. "Nginamahloni ngabo, ubuthakathaka benu."

133 Futhi nginamahloni ngeqembu lami lobufundisi ngelinye ilanga lapho ngibezwa bema futhi bevumelana, bethatha uhlangothi nabangakholwayo ekutheni, "O, ayikho into enjalo. Ayikho. Wena—wena—wena awuzilindele lezozinto ukuthi zenzeke."

134 UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, "Isithembiso ngesenu nesabantwana benu, nakubantwana babantwana benu, nakulabo abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Uma Esabiza, Usathulula uMoya oNgcwele. Uma uMoya oNgcwele usaphila namanje kini, Uzofanele uphile ukuphila okufanayo Owakwenza emuva lapho kuKristu Jesu.

135 Uma ubona igatsha liqhamuka, futhi liveze i-apula, awu, elilandelayo akuzukubalona ipheya nelilandelayo iplamu. Uma kunjalo, lifakelwe. Kunjalo. Kodwa uma impande yasekuqaleni yesihlahla iveza elinye igatsha, kuzoba yi-apula. Ngakho-ke, namhlanje, sinezinqwaba zezinhlangano namahlelo afakelwe. Lezozihlahla zizophila. Yebo, mnumzane.

136 Ngibone isihlahla ngelinye ilanga sinezithelo eziyisishiyagalolunye ezehlukene ezisawolintshi kuso, futhi sasinamapomegranathi, futhi sasine, ngikholwa ukuthi kwakuyigrapefruthi, ulamula, zonke kuso, kodwa empeleni

kwakungesiso isihlahla samawolintshi. Futhi ngathi endodeni, Mnu. Sharrit, mngani wami, ngathi, "Awu, kukanjani lokho, ekubeni kuyisihlahla samawolintshi na?"

137 Wathi, "Awu, uvele wehlukanise isihlahla bese ufaka lokhu kufakelwa phakathi lapho."

138 Ngathi, "Awu, uma sithela isithelo, sizothela amawolintshi na?"

Wathi, "Qhabo, sithela inhlobo yaso."

139 Nakho lapho ukhona! Mfowethu, uma ngikutshela, uma amabandla efakelwe kuKristu, okunjalo, noma azame, afanele abe njalo, avele azawule angene phakathi ngegama, azibize ngamabandla kaKristu, uma ekwenza, alethani na? Izithelo zamahlelo. Kodwa uma lelogatsha lize liveze elinye igatsha, liyofana nelasekuqaleni. Kodwa ake nginitshele, mfowethu, uma uMoya oNgcwele uyiwo ngempela eBandleni namhlanje, uhlobo lweBandla Elalinalo elaloba iNcwadi yeZenzo ngemuva kwaLo, uma iBandla likaNkulunkulu ophilayo, iBandla likaJesu Kristu liphinda liphile ngoMoya oNgcwele ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste, Lizoloba iNcwadi yeZenzo ngemuva kwaLo. Kunjalo. Lizophikelela, ukuba nesineke kuze kuthi leyonto iyafezeka. O Nkulunkulu, sihawukele. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.

140 USamsoni, uSamsoni, waba nokuba nesineke kakhulu inqobo nje uma wayengawezwa lawomagoda ayisikhombisa emzungezile. Wazi ukuthi leso kwakuyisithembiso leso uNkulunkulu ayemnike sona. Futhi wonke owesilisa nowesifazane engaba ngophikelelayo njengoba uSamsoni wayenjalo, inqobo nje uma ungawezwa lawomandla esithembiso ekuzungezile, kaNkulunkulu. Nanti iZwi, iZwi lasho njalo. Futhi ungaba nonesineke inqobo nje uma wazi ukuthi unalesosithembiso enhliziyweni yakho, lokho kukholwa okukutshelile, ngenkathi usahlezi lapha manje, lokho kukholwa kuthi, "Ngiphulukisiwe. Ngiphulukisiwe." Niyabo? Wena uzwa lokho, qhubeka nje uhambe uqhubeke. Mfowethu, uNkulunkulu uzowanakekela amaFilisti, ungakhathazeki.

141 Sewake wacabanga ukuthi kanjani uSamsoni, nalelothambo lomhlathi elidala lomnyuzi . . . Niyazi ukuthi lezozigqoko eziyizivikelo zaziwugqinsi kanjani na? Ezinye zazo zicishe zibe yi-intshi, noma yi-intshi nengxenye yethusi eliqinile. Kwakungathatha inkemba ebanjwa ngezandla zombili futhi umshaye ngayo ekhanda, kwakungeke kumlimaze. NoSamsoni wathatha omdala obolile, ngiyaxolisa, lelothambo lomhlathi elidala elomile lomnyuzi, wawucosha futhi washaya walahla phansi inkulungwane yawo. Ngani, ukukhotha kokuqala ngaphezulu kwelinye lalawomakhanda, lelothambo lomhlathi lalingaba yizingcwezu eziyisigidi. Kodwa, niyabo, isimangaliso sasisethanjini lomhlathi ngokufanayo njengakuSamsoni.

Wezwa, “Uma ngingezwa lesosithembiso lapho,” wathi, “baletheni.” Futhi, mfowethu, waqala ukushaya amaFilisti kwesokudla nesokunxele. Ngani na? Wayephikelele kwaze kwathi umFilisti wokugcina wayelele emhlabathini. Amen! Wayenani na? Kungesikho okuningi kakhulu. Wayenomhlathi womnyuzi ukuba alwe ngokumelana nezinkemba nemikhonto namadoda aqeqeshiwe. Kodwa wayenamandla kaNkulunkulu kuye. Uyaqaphela, amandla kaNkulunkulu afika phezu kwakhe, kuqala.

142 O, mfowethu, yilwa kuze kuthi lonke uphawu seluhambile. Haleluya! Yilwa kuze kuthi konke—konke ukungabaza sekuhambile.

143 Uthi, “Awu, udaba lwami lwehlukile.” Thatha lelothambo lomhlathi futhi ushaye ngalo phandle lapho.

144 Lona wathi, “Kodwa, uyazi, ngehlukile nje kancane, sengiyaguga kakhulu.” Kushaye ukulahle phansi. U-Abrahama wayenekhulu. Qhubeka.

145 “Awu, kodwa udaba lwami lubi kakhulu.” UJona wayesesiswini somkhomo, izandla ziboshwelwe ngemuva kwakhe, elele ebuhlanzweni bomkhomo. Yonke indawo lapho ayeqalaza khona kwakuyisisu somkhomo. Wayenenqwaba yezimpawu, kepha waphenduka wathi, “Kanye futhi ngingabuka ethempelini laKho elingcwele, Nkosi.” Angeke uMfihle. Yilokho-ke kuphela, ukuphikelela! Isineke, hlala ngqo neZwi likaNkulunkulu. Kungani uJona ahlala kanjalo na? Ngoba wayazi ukuthi lapho uSolomoni enikela ithempeli, wakhuleka wathi, “Nkosi, uma abantu baKho besenkathazweni noma kuphi futhi babheke ngakulendawo engcwele, khona-ke yizwa useZulwini, uphendule umkhuleko wabo.” Futhi wayazi lento eyodwa, ukuthi uNkulunkulu uyowuzwa lowomkhuleko.

146 Futhi uma uJona, ngaphansi kwalezozimo, wayengaba nalokho kukholwa okungako kuNkulunkulu, kuthiwani ngawe na? Akekho noyedwa kini lapha omubi ngaphansi kwezimo. Manje kakhulu kangakanani! Bhekani ethempelini lapho indoda ekugcineni yahlubuka, uSawulu, owakhuleka umkhuleko, kodwa kwakungukuzinikela kukaNkulunkulu ngenkathi uMoya oNgcwele ukufakaza ngeNsika yoMlilo engenayo futhi yehlela phansi ngemuva na? INsika yoMlilo efanayo eninesithombe sayo namhlanje, ihamba phakathi kwethu, yenza izibonakaliso ezifanayo nezimangaliso. Yini indaba na? Lalelani ngokuthula. Lalelani. Singakwena kanjani, uma singabheki ethempelini lasemhlabeni, noma inhlangano ethile noma ihlelo elithile, kodwa ngakwesokunene sikaNkulunkulu, lapho uJesu ehlezi lapho nezingubo zaKhe uQobo ezinegazi, amen, iGazi laKhe uQobo phambi kukaYise, ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwenu! Amen. AmaHeberu 3, asho ukuthi U—UngumPristi oMkhulu, ophila njalo ukwenza ukunxusela, o, he, phambi

kukaBaba kulokhu ukusa. UmPristi oMkhulu! Ukuba uJona wayebuke ngaphandle, wenqaba ukubuka isisu somkhomo, singehluleka kakhulu kangakanani ukubona ukuqaqamba okuncane nobuhlungu obuncane, noma okuncane noma ngabe yini esinayo! "Ngibheka ngasesithembisweni saKho esingcwele, Nkosi." Angeke wafihla ongcwele emkhulekweni wakhe, yilokho kuphela okukhona kukho. Impela, o, wayenjalo.

147 Ngizofanele ngisheshise, bangane bami, ngizophinde ngibe leyithi kakhulu futhi. Ake ezimbalwa futhi, izindikimba ezincane lapha.

148 UJohane, wayeqinisekile kakhulu, ngoba uNkulunkulu wamtshela. Niyazi, manje uyise wayengumpristi, niyazi, kodwa, okuxakayo, akehlelanga phansi ukuba ngumpristi, waya ehlane. Wayengafuni ukuzihlanganisa nokucabangela komuntu. Waya ehlane ukuyothola, eneminyaka eyisishiyagalolunye. Uyise nonina sebekhulile, babazi ukuthi babengakaze bayibone indodana yabo engumprofethi ike ingene emandleni ngalolosuku.

149 Futhi, khumbulani, lowoMoya ofanayo sithenjiswe wona ngalolusuku lokugcina, u-Eliya.

150 Khumbulani, uJesu akazange abhekisele kulokho ngenkathi Ethi . . . Wakhuluma ngoJohane umBhaphathizi. Uma uqaphela, "Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi," uMathewu 3. Isizathu, awuqondi, unokuphikisana emBhalweni.

151 Wathi, "Ngaphambi kokuba lolusuku lufike, lolukhulu nosuku olwesabekayo lweNkosi luyakufika ukuzoshisa umhlaba ngomlilo." Umhlaba awuzange ushiswe ngomlilo emuva ngalezozinsuku. Umhlaba uzoshiswa ngomlilo ngemuva kwa*lokhu* ukuza. Uzothumela u-Eliya ukuqondisa izinto nokubuyisela abantu ekubuyisaneni. Futhi lokhu u-Eliya, owokuqala ofikayo, uyobuyisela, uyobuyisela ukukholwa kobaba ebantwaneni, kodwa lowo ngezinsuku zokugcina uyobabuyisela emuva ekuKholweni kwawoyise. Niyabo? Niyabo, emuva kubobaba bepentekoste basekuqaleni, uMlayezo ofanele, ekuqaleni. U-Eliya! "Nkulunkulu, mthumele," ngumkhuleko wami. "Mthumele, O Nkosi, mthumele ngokushesha." Sizomkhulekela, ukuthi uzobonakala enkundleni. Futhi uNkulunkulu njalo unabathile abaMmele ndawo ndawo emhlabeni. Akakaze angabi nofakazi ndawo ndawo, uhlala enofakazi omile oqinisile. Futhi ngiyakholwa u . . . Ngiyakholwa sisibekela ukuFika kweNkosi khona manje. Isikhathi samandla kaNkulunkulu ukuba aphinde avuke futhi ngesimo somprofethi u-Eliya, futhi awathumele ezansi lapha futhi aqondise abantu, futhi abalethe, leloqembu elincane. Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaLoti, kuyoba njalo, edlanzaneni nje ngesibalo, iBandla lizoba njalo.

152 Kulungile, sithola ukuthi uJohane akehlelanga ezansi ukuyothola ukuqeqeshelwa kwakhe kobufundisi wasesontweni, kodwa waya ehlane ukuyothola isehlakalo. Ngenkathi ebuya ephuma, wakhuluma ehlane. "Nzalo yezinyoka," izinyoka azithola ehlane. "Izembe libekiwe empandeni yomuthi." Izintshumayelo zakhe zazisekelwe kokunjalo. Kodwa, qaphelani, bayafika, wathi, "Kukhona Oyedwa omi phakathi kwenu manje eningamaziyo." Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani.

"Ngabe wena unguMesiya na?"

Wathi, "Qhabo."

153 "Ngabe wena uyilowoMprofethi, lowoMesiya-mProfethi owayezovuka na?"

"Angisiye," washo, "kodwa Yena umile phakathi kwenu manje."

154 Mhlawumpe mhlawumbe uKayafase, umpristi omkhulu, wayekade elapho. Okungukuthi, ngiyacabanga ukuthi wayengenjalo, wayenesithunzi kakhulu ukwehlela endaweni enjalo. Kodwa yena, omunye wabapristi kungahle ukuthi wathi, "Mnumzane, nangu uMfowethu Jones. Ungumfo okahle. UMfowethu u*S'bani-bani* lapha, uMfowethu John Doe, yena, ngi—ngiyakholwa ukuthi yena, iNkosi imenza uMesiya."

155 UJohane wathi, "NgizoMazi. Kuzoba khona isibonakaliso esiMlandelayo." Wayazi ukuthi ini. Babusisiwe abangokomoya abaqondayo. Babusisiwe abanamehlo nabangabona, abanezindlebe abangezwa. Wathi, "NgizoMazi. UNkulunkulu uzokhomba, uzoMkhomba." UNkulunkulu uqinisekisa izinceku zaKhe. Yebo, mnumzane. Futhi emva kwesikhashana Uyafika, wabheka phezulu futhi wabona, wathi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe." Wayephikelele ukuthi akukho Ph.D., LL., oL ababili, noma ngabe kwakuyini, okungenayo, umpristi othile, indoda ethile eyintandokazi yehora nohlobo oluthile lomdanso waseSpeyini ifandango. Waye... lowoMuntu wehlela lapho futhi wazi ukuthi WayeNgubani ngoba kwakukhona isibonakaliso esiMlandelayo. Wayazi ukuthi Khona kwakunguBani.

156 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." IBandla likaNkulunkulu livuswa futhi libekwa emandleni. Yebo. Manje, ezansi ngize ngiqede indikimba manje. UJohane, waphikelela. Futhi wayenesineke ngoba wayazi ukuthi wayezomazi lowoMesiya, ngoba uMesiya wayezothwala isibonakaliso. Futhi sibona izibonakaliso namhlanje, izibonakaliso zikaMesiya ozayo, zicindezela zingena. Manje lalelani ngokuthula manje.

157 Lapho lona wesifazane ongumGreki, ngenkathi ezwa ngoJesu, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa." Manje, wayengumGreki, umhedeni, ngakho-ke wezwa futhi uyafika. Uyazi ukuthini na? Ukukholwa kuthola umthombo abanye

abangawuboni. Ukukholwa kuthola umthombo abanye abangeke bakubone.

158 Wena uthi, "O, yini ephezulu lapho na? Yini esezansi lapha na? Yini engaphezulu lapho na? Yini lena encane . . . O, ukuthunywa okuncane. U*kuthi-nokuthi*. Uma uNkulunkulu ubezokwenza noma yini, Ubezokuza ezindabeni ezingcwele zeRoma eliKatolika, Ubezoza kumbhishobhi omkhulu webandla leMethodisti, Ubezoza ko—ko—kobaba baseSheshi, noma abanye babo. Ubezoza . . . " Ya, yilokho abakufundisa ekuqaleni. Kepha Wazalelwaphi na? Esibayeni. Wabatholaphi abafundi baKhe na? Ngaphandle komfula, abadobi, iziqu eziphansi, akukho mfundo. Niyabo, uNkulunkulu wenza lokho Akufunayo, kodwa niyaMazi.

159 Kwakwehluke kanjani lapha, kukaMowabi phezulu lapha, ngenkathi u-Israyeli wayedlula na? UMowabi wanikela ngezinkunzi eziyisikhombisa, khona kanye u-Israyeli ayenakho. UMowabi wanikela ngemihlatshelo eyisikhombisa, izinqama, khona impela lokho u-Israyeli. Ngokuqavile, babefana ncamashi. Futhi empeleni babeyizelamani, uMowabi uvela endodakazini kaLoti. Futhi nangu uBalaki enhla lapho enikela ngomhlatshelo ofanayo, enze ngokuqavile njengoba wayengenza. Kodwa yini eyenza umehluko na? Omunye wabo wayeneDwala elishayiwe, iNsika yoMlilo, umsindo weNkosi ekamu, isigejane esingakhethi-mahlelo. Babengenakhaya, bengenandawo ababeyibiza ngeyabo. Babeshushumba, abafokazi nezihambi, abazulazulayo, bezisho ukuthi bangabafokazi nezihambi. Babefuna umuzi.

160 Yileyondlela okungayo namuhla. Kungesikho ukuxhumana okuthile nenhlangano ethile enkulukazi. Okulungile, kodwa, lokho, anginandaba ukuthi ingakanani inhlangano ongowayo, yiba ngowanoma yiyiphi oyithandayo. Kodwa, into yokuqala, faka igama lakho eNcwadini Lapho, makuthi uNkulunkulu alilobe eGazini likaJesu Kristu, yemukela uMoya oNgcwele, ngokukholwa ukukholwa lonke iZwi Aliloba, lelo yiQiniso. Nakho lapho okhona. Ya.

161 Manje, lona wesifazane wayengumGreki, kwasekuqaleni, kodwa ukukholwa kuthola umthombo abanye abangazi lutho ngawo.

162 Manje, khumbulani, iZwi laKhe—laKhe liyiNkemba. IBhayibheli lasho njalo. LiyiNkemba. AmaHeberu, 4, 4:12, uma ufuna ukukubhala phansi lokho. AmaHeberu 4:12, athi Uyi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili." Ake ngime lapha umzuzu nje. Lalelani. "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lize lihlukanise ithambo, nokunye nokunye, umnkantsha, noWahlulela imicabango yenhliziyo." Ngabe kunjalo na? Lokho—lokho, asime umzuzu nje, cabanga manje,

"LaHlulela imicabango yenhliziyo." Ngabe umBhalo uqamba amanga na? Angeke. Uma Uziphikisa qobo lwaWo, awulifanele iphepha obhalwe kulo, ungumkhohlisi. Uma izethembiso zikaNkulunkulu ziziphikisa qobo lwazo, yini—yini ozoyikholwa na?

163 Njengomfana oyiNdiya osanda kuza nje kuDokotela Morris Reidhead kanye nabo, umongameli weSudan Mission, futhi wama lapho futhi wathi, "Khumbula," wathi, "siyazi ukuthi uJesu uyaphila," wathi, uDokotela Reidhead wathi—wathi, "ngoba Uyaphila enhliziyweni yami. Kunjalo."

164 Wathi, "Yebo, noMohamedi uyaphila enhliziyweni yami, naye." Wathi, "Singaveza injulamqondo nje eningi ebuMohamedeni njengoba ubuKristu bungenza." Kodwa wathi, "Awu, ngifuna ukubona lezozimpawu zesibonakaliso, izibonakaliso zikaMarku 16 zigcwaliseka."

165 Wathi, "O, lokho," wathi, "wena u—wena nje u . . ." Wathi, "Uyabona, mnumzane, kusukela esahlukweni 9 . . . ivesi le 9 lesahluko se 16 sikaMarku, asiphefumulelwe njengasosonke. Sifakwe lapho nje yiVatican."

166 Wathi, "Manje-ke mhlawumbe konke okwaLo akuphefumulelwe. Ngakho-ke hloboluni lweNcwadi olufundayo na?" Wathi, "Yonke iKoran iphefumulelwe." Ihlazo elinjena pho! Ihlazo elinjena ebandleni lobuKristu! Lokho kuphakathi kokuthi yiZwi likaNkulunkulu noma Akusilo iZwi likaNkulunkulu. Futhi uma nje ufaka ukukholwa kuLo, Libhekisise lisebenza. Likholwe, uLemukele. Yebo, mnumzane. SiyaLikholwa.

167 Ini na? UmaHluleli wemicabango yenhliziyo. Manje bukani, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu," uJohane oNgcwele 1, "futhi uLizwi waba yinyama, uKristu." Futhi ngenkathi Efika lapha, Wababukela phansi abantu. Owesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe, Waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?" UPetru waMkhuza. Waqalaza wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

Wathi, "Wonke umuntu uyaKuthinta."

168 Waqalaza wayesethi, "Kodwa Ngiyabona ngibuthakathaka." Waqalaza. "Ukopha kwakho sekunqamukile." Ini na? IZwi likaNkulunkulu libona umcabango.

169 Labo baFarisi bathi, ezinhliziyweni yabo, bathi, "UnguBelzebule. Niyabo, Yena, yilokho Ayikho. Kunjalo impela."

170 Waphenduka wayesethi, "Ngizonithethelela ngalokho." UJesu ebuka phezu kwezethameli futhi ebona umcabango wabo. Kwakuyini na? IZwi, iZwi lenziwa inyama, umahluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo. Yilokho iZwi

likaNkulunkulu eliyikho manje. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyabo?

171 Ufanele uthole iZwi eliphilayo kuwe ukuba ube noNkulunkulu ophilayo kuwe, ngoba iZwi lapha linguNkulunkulu uma Lenziwa inyama kuwe, lenziwa uMoya, ukuPhila kuwe. Uma Lingena enyameni yakho nasekukholweni kwakho, futhi liba ukuPhila, khona-ke uyisibonelo esiphilayo. Uyincwadi kaNkulunkulu, efundwa ngabantu bonke. Ngeke ube naYo njengoKristu, hhayi ukugcwala, ngoba Kwehlukaniswa ngoSuku lwePhentekoste.

172 Manje, nina bantu enikholelwa ukuthi nifanele nikhulume ngezilimi ukuze nibe noMoya oNgcwele, ngifuna nilalele lokhu umzuzu nje. Ngenkathi uMoya oNgcwele wehla, ngoSuku lwePhentekoste, Kwakuyizilimi zomlilo. Leyo kwakuyiNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli, yayiZehlukanisile futhi yayiphezu komunye nomunye wabo, uNkulunkulu eBandleni laKhe. Yebo, mnumzane, uMoya oNgcwele. Kunjalo. Yilapho abemukela khona uMoya oNgcwele, ngenkathi bekhulume ngezilimi. Kwakungelona ulimi olungaziwa, babekhuluma kubantu phandle lapha ababebaqonda. IVangeli kumele liphume ngalesosikhathi. Baphuma bangena ezethamelini, base-ke bephumela emagcekeni futhi baqala ukukhuluma ngezilwimi, hhayi ezingaziwa. Uthola inqola ngaphambi kwehhashi uma ucabanga ukuthi ufanele ukhulume ngezilimi ezingaziwa. Qhabo, mnumzane, bakhuluma ngezilwimi. Abantu baqonda wonke umuntu, "Kungani sizwe wonke umuntu ngolimi lwethu uqobo esazalelwa kulo na?" Isenzo sikaNkulunkulu sithumela uMoya oNgcwele. Kakhulu ngalokho.

173 LeliZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, leHlulela ngisho imicabango yenhliziyo. Futhi ini na? Lingaphathwa ngesandla esisodwa kuphela. Inkemba iyabusa. A—ayinalutho kuyo ngaphandle uma iphethwe ngesandla. Futhi uma isandla sokukholwa singacosha iZwi likaNkulunkulu, sizokwenza into efanayo uJesu ayenza. "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyoyenza."

174 Mhlawumbe ungasika nje okuncane, mhlawumbe unesandla esibuthakathaka sokukholwa, ungasika okwanele ukuthi uthi, "Awu, ngingabona ukukhanya kwasemini okwanele ukubona ukuthi ngisindisiwe." Kodwa kuthiwani ngezinye izithembiso na? Uma unesandla esiqinile sokukholwa, cosha iZwi likaNkulunkulu eligcwele futhi usike ngqo udabule kubo bonke ubumnyama, amen, kuze kuthi ukuKhanya kukaNkulunkulu kukhanya phakathi, futhi ubuke ubuso nobuso noNkulunkulu, umile eZwini laKhe. Amen.

175 Wayenezithiyo eziningi, lona wesifazane omncane ompofu wayenazo. Wayenezithiyo eziningi, kodwa ukukholwa kwakhe

kwakungenazo. Qhabo, qhabo. Wayezwile. Ukukholwa kunokubamba. Wayezwile futhi ukukholwa kwakhe kwakubambelele. Manje, kungenzeka ukuthi basho lokhu kuye, "Uyazi ukuthi ungumGreki. Uyazi ukuthi awuzukuthola lutho, ngoba kunokwehlukana, uyabo. Awusoze uthole lutho lapha." Kodwa ngabe wakunaka lokho na? Qhabo, mnumzane. Wayenokukholwa, futhi lokho kukholwa yilokho kuphela ayekudinga, ngoba wayazi ukuthi lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu limi lapho. Wayenokukholwa. Abanye babo kungenzeka ukuthi basho kuye kanjena, "Kodwa awume kancane!" Isizwe sakubo uqobo, ibandla lakhe uqobo kungenzeka ukuthi lathi, "Manje awume kancane, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ungayi ezansi lapho. Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Kodwa into ethize enye ngokukholwa, inomthombo ongakunaki lokho, futhi ongakuqapheli nje. Wayesevele elicoshile leloZwi. UyiZwi. Wayenokukholwa ukuLibamba. Wahamba waqhubeka. Kungenzeka ukuthi bamhleka, bathi, "Awu, wonke umuntu uzokuhleka, ngoba indodakazi yakho izobe igula nje ngonyaka ozayo njengoba injalo kulonyaka. Isazoba naye lowodeveli, isazobe ilokhu igula ngokufanayo." Kodwa akakunankanga lokho. Ukukholwa kwakubambile, niyabo. "Uzokhishwa ebandleni lakho uma uke waya lapho kokunye kwalokho. Khumbula nje, bazokukhipha. Bazokuxosha." Lokho kwakungasho lutho kuye. Ukukholwa kwaqhubeka ngaphezulu esiqonqweni salokho. Wayeshisekele ukufika kuJesu. Yilokho kuphela.

176 Manje, ukonga isikhathi, lapho besingathatha indikimba eyodwa yalezo futhi sihlale nayo, kodwa manje ukonga isikhathi. Lapho efika kuJesu, waphinda futhi wathola ukuphoxeka, yena qobo lwakhe, kodwa hhayi ukukholwa kwakhe. Lapho efika kuJesu, Wathi, "ANgithunyelwe esizweni sakini." Ukwenqatshwa isiqothu! "ANgithunyelwe kubantu bakini." Cabanga nje, Lowo ayecabanga ukuthi wayenokukholwa okuningi kakhulu kuye, futhi Wamenqaba. "Angithunyelwe kini bantu, ngithunyelwe ku-Israyeli kuphela. UngoweZizwe, angithunyelwe ngisho kini. Futhi, ngaphandle kwalokho, aniyilutho kuphela izinjana." Whewu! Lokho akuzange kukukhathaze lokho kukholwa, kwakulokhu kuqhubekela phambili. Yebo, wathi, "Ngithunywe nje ezimvini ezilahlekile zakwa-Israyeli."

177 Manje, uma lokho kwakungahle kube ngokunye kwethu, o, he, lokho bekungaba yikho. "Ihlelo lakho, akukho lutho kulo."

"Uuu, ukhulume ngehlelo lami, angisophinde ngiMlalele!" E-hhe, nakho lapho okhona. Qhubeka, uyabo, awusoze wathola lutho. Hlala nje naleloZwi. Lapho leloZwi likhona, hamba ngqo naLo. Ukukholwa kwakugxilise okwehange!

178 Abanye babo kungenzeka ukuthi bathi, "Awu, manje, ngizokutshela ukuthi, bazokuhleka. Bazokukhipha ebandleni lakho."

"Mabangikhiphe. Niyabo, kulungile."

179 UJesu wathi, "Angithunyelwe esizweni sakini, angizelanga nina bantu nhlobo. Futhi anilutho ngaphandle kwezinja, akukuhle kiMi ukuthatha isinkwa sabantwana futhi ngisiphonsele kinina zinja." Whewu!

180 Bekungathiwani ukube bekungomunye wenu maMethodisti, omunye wenu maBaptisti, maPresbyterian, omunye wenu maPentecostal na? O, he! Beniyothi, "Ngani, loyo mkhohlisi! Ngizotshela uDokotela *S'bani-bani* no*S'bani-bani* u—ubeqinisile." Niyabo, awunakho ukukholwa.

181 Wayazi lapho kwakulele usizo. Wayezwile. Ukukholwa kufika ngokuzwa. Ukuzwa ini na? IZwi. Wayazi ukuthi kwakukhona okuthile kwangempela lapho. Yebo. Noma kunjalo waqhubeka wabambelela. Akunandaba ukuthi yena . . . Wathi, "Manje, khumbula, angithunyelwe kuwe. UBaba akazange aNgithume kini beZizwe, nina sigejane sezinja. Nicabanga ukuthi ngizothatha isinkwa sabantwana futhi ngisiphonsele kinina sigejane sezinja ezingafanele na? Angithunyelwe kini." Kodwa noma kunjalo ukukholwa kwakhe kwaqhubeka kwabambelela.

182 Mfowethu, wayengesiso isithombo esikhuliselwa endlini eyingilazi, efanele aphathiswe okwengane, atotoswe njengohlobo oluthile lwesitshalo sanamuhla, "O, he, awu, angisoze ngahamba futhi, yilokho kuphela okukhona kukho." O, he. Akumangalisi ungeke wayibamba leyoNkemba yokukholwa, akumangalisi uxegisa eZwini. Yana ndawo ndawo lapho ungezwa khona uhlobo oluthile lwento esasitabane encane ihlanganisiwe ndawonye. Wena sithombo esikhuliselwe endlini eyingilazi encane, wena. Ibhungane elincane lokuqala liyakushaya, liyakubulala, ufanele ufuthwe ngaso sonke isikhathi. "O, ungayikholwa leyonto, izinsuku zezimangaliso selwedlule," yisifutho sikadeveli. Imfundamakhwela!

183 Wayengesiye. Mfowethu, wayeqinile. Wayenokuthile ngempela. Wabambelela. Wayeyokwenzani na? Uvumile ukuthi Yena wayeqinisile. Yena uhlala njalo . . . Futhi ukukholwa kwangempela kweqiniso, lalelani, noma ngabe kusika inhlangano yakho noma qha, kuzolivuma iQiniso. Yebo, mnumzane, iQiniso, ukukholwa. Uma unokukholwa, futhi yiZwi likaNkulunkulu nesithembiso sikaNkulunkulu, akunandaba ukuthi abanye bathini, uyaLikholwa, uyaLivuma. Wathi, "Lelo yiQiniso, Nkosi. NgingumGreki, angifanele. Ngi—ngiyinja, angisiyo . . . Angi—ngifanele lutho, kodwa ngifuna imvuthuluka kuphela."

184 Ngingumzingeli wemvuthuluka, qobo lwami, awusuye na? Ngifuna nje izimvuthuluka, Nkosi. Angeke ngibe nebandla njengoba bakwenza ngoSuku lwePhentekoste. Uma ngingeke, Nkosi, mangibe nezimvuthuluka ewayo. UPetru washo, ngoSuku lwePhentekoste, "Lokhu yiLokho." Futhi bengihlale ngisho, uma lokhu kungesikho Lokho, ngizogcina lokhu kuze Lokho kufike, niyabo. Ya. Ya. Ngizokugcina nje lokhu kuze Lokho kubonakale. Niyabo? Leli yiZwi. Uma umuntu othile . . . angi . . . ngi—ngi—ngingahle ngingabi nakho ukukholwa okwenele ukuba ngihambe njengo-Enoke, futhi ngishaywe umoya wantambama futhi ngikhuphukele ekhaya noNkulunkulu, kodwa ngizonitshela into eyodwa, angisoze ngama endleleni yomuntu onalokho kukholwa okungako. Yebo, mnumzane. Uma enakho, makadunyiswe uNkulunkulu, ngiyabonga kakhulu ngakho. LeloZwi maligxilise okwehange phakathi lapho. Ngiyethemba Ligxilisa okwehange kimi kanjalo lapho ukufa kufika, ngibona umgwaqo uvulekile ngaleya, vele uhambe uqhubeke uphume ngqo. Kunjalo. Yebo, mnumzane. O, ngakhoke ngifuna izimvuthuluka.

185 Kodwa, uzama ukutshela abanye balaba bantu besimanje namhlanje, vele uthathe izimvuthuluka. "O, qhabo!" Uma bengeke bebe nendawo yokuqala, abafuni lutho nhlobo. "Kuphakathi kokuthi uzokwehla kimi . . ." NjengoNahamani nochoko lwakhe, "Uzokwehlela futhi uzoshaya izandla zakho phezu kwami futhi uzongitshela zonke lezizinto ezehlukene, nokunye nokunye, noma angikuKholwa nje nhlobo. Yileyondlela. Ngani, angeke ngisaphinde ngibuyele emuva." Yingalesosizathu ungatholi lutho. Niyabo?

186 Ufanele uvume ukuthatha izimvuthuluka. Uyakuzwa na? Thatha imvuthuluka, mfowethu, thatha imvuthuluka, dadewethu, kungakhathaleki ukuthi Ukupha ini, vele uYemukele. Uthi, "Nkulunkulu," Mbonge, "Nginokukholwa okuncanyana, kodwa ngineqiniso ngizobambelela kulokho futhi ngiKubonge ngaKho. Ngiyakholwa ukuthi ngingaphiliswa. Yebo, Mnumzane. Ngiyakholwa iZwi likaNkulunkulu liqinisile, futhi ngizobambelela ngqo kuLokhu. Futhi ngizophila." Bhekisisa ukuthi kwenzenkani. Thatha imvuthuluka nje, okungenani imvuthuluka encane. Impela.

187 Khumbula, wayengakaze asibone isimangaliso. Wayengumhedeni. Wayengakaze aMbone enza noma yiziphi izimangaliso. Wayengakaze azi ukuthi WayenguNkulunkulu. Wayengakaze azi, kuphela nje ngokuzwa. Kodwa ngenkathi efika lapho, mhlawumpe, futhi ebone okuthile Ayekwenzile, lokho kwakwehlukile. Niyabo, babebazwile bethi, "Awu, niyazi ukuthi eBhayibhelini labo Kuyasho ukuthi iNkosi iyovusa umProfethi, futhi Uyokwenza izimangaliso futhi azi izimfihlakalo zenhliziyo, futhi atshele abantu lezizinto, nezinto ezinkulu zizokwenzeka." "Kunjalo na?" Wayengakaze akubone

kwenziwe, kodwa wakukholwa noma kanjani. Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona.

188 Ngicabanga ngoRahabi isifebe, wayengakaze ambone u-Israyeli, kodwa wezwa, futhi wafihla izinhloli. Waphika ibandla lakhe uqobo—lakhe uqobo, abantu bakubo uqobo nakho konke okunye, futhi wafihla izinhloli, ngoba wayezwile. Akazange athi, "Linda ngize ngizwe uJoshuwa eshumayela ngesinye isikhathi. Ake ngidonse ukucabanga kwami ngemuva kokuba ngimuzwile eshumayela. Ake ngibone uNkulunkulu evula uLwandle oluBomvu ndawo ndawo, noma ake ngiMbone enza into enjengaleyo. Khona-ke mhlawumbe benginganifihla nonke ukube bengibone into enjengaleyo." Akakulindanga lokho. Wathi, "Ngiyakholwa. Sizwile. Sizwile."

189 O Nkulunkulu, ngizwile, ngiyazi ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngiyazi ukuthi UnguNkulunkulu obonakaliswe enyameni. Ngiyazi ukuthi Uyaphila namhlanje eBandleni laKhe. Ngiyazi ukuthi Ulapha manje. Ngiyazi. Ngiyazi ukuthi kwakungesiso isithombe sami Asithathile, ngiyazi ukuthi KwakungesaKhe. Ngiyazi ukuthi leyo yiNsika yoMlilo efanayo enathi namhlanje, ngoba Yenza imisebenzi efanayo, izibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo, izinto ezifanayo Azenza. YiNsika yoMlilo efanayo eyahola u-Israyeli. Ngenkathi, uJesu, noma ngubani olaziyo iBhayibheli lakho uyazi ukuthi WayeyiNgelosi yesiVumelwano, iNgelosi eyahamba phambi kwabo ehlane. Akazange uKristu . . . UMose wakwazisa ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo yaseGibhithe na? Walandela iNsika yoMlilo waphumela ehlane.

190 UJesu, ngenkathi E . . . LeyoNsika yoMlilo yabonakaliswa, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu futhi ngiya kuNkulunkulu." Wabuyela emuva kuBaba.

191 Khona-ke emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, nokwenyuka, uPawulu, uSawulu owayekwelaseTarsu ngaleyonkathi, endleleni eyehlela eDamaseku, washaywa phansi yileyoNsika yoMlilo efanayo, okungekho-muntu omunye owaYibona. Bonke bemile bezungezile, abaYibonanga, kodwa uSawulu waYibona. NeZwi lathi, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu." Niyabo? "Ngivela kuNkulunkulu, ngiya kuNkulunkulu."

192 Manje, uma ngikutshele ukuthi impilo kaJohn Dillinger ibikimi, ubuzongilindela ukuba ngibe nezibhamu ezinkulu phandle lapha ukuba ngikudubule. Ngikutshele ukuthi impilo yengcweti ibikimi, ubuzongilindela ukuba ngidwebe isithombe sengcweti. Lalelani, bandla! Anginithethisi. Bukani, uma ukuPhila kukaKristu kusebandleni, kuzokwenza i . . . Uma

uMoya oNgcwele usebandleni, uma leNsika yoMlilo isayense ethathe isithombe sayo, nokunye nokunye, esiyibonayo lapha ebandleni ngaso sonke isikhathi, uma lokho kunguMoya kaKristu, Izokwenza imisebenzi kaKristu. UJesu wathi, "Uma ningeke niNgikholwe, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo. Yiyo efakaza ngaMi." Uma uMoya oNgcwele useyiwo ngempela, khona-ke uMoya oNgcwele uzozifakazela ngesingaWo. Kholwani yimisebenzi kaMoya oNgcwele.

193 Kade kunokuningi ukuzenzisa okufakiwe. Ulindele lokho. UNkulunkulu wathi kuzofika. Kodwa yini okuzama ukukwenza na? Uma kukhona idola mbumbulu, lizofanele lenziwe ngelangempela. Ubabonile abantu bezisho ukuthi banoMoya oNgcwele, futhi baphila ngokuphinga, nokuphuza, nakho konke okunye, abanaKho. Bazama ukuKulingisa. Kodwa kukhona okwangempela koqobo umuntu othile onaKho, onoMoya oNgcwele, noNkulunkulu uqinisa amaZwi aKhe ngezibonakaliso zilandela. Isifebe salizwa, saLikholwa.

194 Manje, lona wesifazane, lona wesifazane waseSirofenike, wakholwa futhi, lomGreki. Wathi, "Nkosi." Kuqala wathi, "Wena Ndodana kaDavide." OweZizwe akanakubambelela kuKristu ngeNdodana kaDavide; lokho kwakungeNkosi uDavide, uhlanga lwamaJuda. Akazange amnake. Kodwa lapho ephenduka futhi wathi, "Nkosi, ngisize!" Amen, lokho kwaMthola. WayeyiNkosi yakhe; hhayi iNdodana kaDavide, kodwa WayeyiNkosi yakhe. "Nkosi, ngisize!" Lokho kwaMbamba. Futhi yena . . . Waphenduka. Wathi, "Yiqiniso izinja zidla imvuthuluka etafuleni lenkosi. Lelo yiqiniso." Niyabona ukuthini, lowo wesifazane wayenokusondela okufanele esiphiweni sikaNkulunkulu. Wathini na? Wathi wasondela kukho kahle.

195 Wamdumaza, Wathi, "U . . . Angithunyelwe kini. Niyizinja esizukulwaneni senu. Uhlanga lwenu aluyilutho ngaphandle kwezinja. Angithunyelwe kini."

196 Futhi wathi, "Yiqiniso, Nkosi." Nanto iZwi. Amen. Hlala neZwi. Ukukholwa kuyoliqonda njalo iZwi. "Kodwa izinja zidla imvuthuluka ngaphansi kwetafula lamakhosi azo." Lokho kwaMthola. "Nkosi, ngisize!"

197 Waphenduka futhi Wathi, "Ngenxa yalelizwi, O sifazane, kukhulu ukukholwa kwakho. Futhi, ngenxa yalelizwi, udeveli useyishiyile indodakazi yakho." Ini, watholani na? Wasondela esiphiweni sikaNkulunkulu ngendlela efanele. Ufanele usondele e . . . Futhi, khumbula, lowo kwakungoweZizwe wokuqala owake waba nesimangaliso senzeka kubo ngeNdodana kaDavide. Khumbulani, leso kwakuyisimangaliso sokuqala esenziwa koweZizwe, kunjalo, lokhu kuphulukiswa kowesifazane waseSirofenike. Kunjalo. Wayenokusondela okufanele

esiphiweni sikaNkulunkulu. Ukukholwa kuyavuma ukuthi iZwi liqinisile. Ngenhlonipho, ukuzithoba. Niyabo?

198 Awuzukuhamba uzungeza uthi, "Hhe! A—angeke ngiyikholwe leyonto. Uma ikhathekizimu lethu lingakusho, e-hhe, angiboni." Akunandaba ukuthi ikhathekizima lakho lithini, beka ikhathekizimu noma enye into ngaphezu kweZwi likaNkulunkulu? IZwi likaNkulunkulu liqinisile. Yonke enye into ngamanga. Niyabona?

199 Futhi uza ngenhlonipho, ngokuthula, ngenhlonipho, ngokuzithoba. Ufanele uzithobe. Indlela eyaphezulu iphansi, njalo. "Ozithobayo uyakuphakanyiswa, kepha oziphakamisayo uyakuthotshiswa."

200 Buka uMartha ngalolosuku. O, ngiyazi nginigcina isikhathi eside, kodwa ngi—ngizosikhokhela ngisiqede ngesinye isikhathi ngenxa yenu futhi ngenze isikhathi esifushane ngempela. Lalelani, nginezinye izinto ezimbalwa ukuba ngizisho nje manje, ngizohamba. Ngiyethemba anginikhandli ukubekezela kwenu. UMarta, wayekakhulu, wayenesineke kakhulu eBukhoneni bukaJesu. Bukani, wafika phezulu lapho futhi wathi, "Nkosi." Manje, khumbulani, wathumela kuYe ukuba eze ezokhulekela umfowabo, futhi Akakwenzanga.

201 Manje, kuJohane 5:18, uJesu wathi, uJohane 5:19, ngikholwa ukuthi nguye, uJesu wathi, ngenkathi Edlula echibini laseBethesda lapho, futhi Wabona, Uyazi ukuthi umuntu wayenobuthakatha iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Bheka, cishe abantu abayizinkulungwane ezimbili bemi lapho, izingane ezinamakhanda anamanzi, izishosha, izimpumputhe, izinyonga, abashwabeneyo, abasontekile. UJesu wadabula echibini, waqalaza, egcwele uthando, egcwele isihawu. Niyabo, asazi ukuthi uthando lusho ukuthini. Sikuthatha ngohlangothi lomuntu. Ugcwele isihawu, impela, ukhuluma ngezihawu zobuntu. Isihawu sangempela ukwenza intando kaNkulunkulu. Niyabo? Yilokho-ke.

202 "O, angizukusho lutho kuye, ngoba ungumfana olungile. U—u—uyaphuza, wenza *lokhu*." Udinga uKristu. "Bengingeke ngikusho kuye, ngoba ubekade engowalelobandla isikhathi eside. Bengingeke ngikusho ukuphulukisa ngokuNkulunkulu kuye." O, mfowethu, awazi ukuthi isihawu siyini.

203 UJesu wedlula lapho, Wayeyazi intando kaNkulunkulu. Khumbulani, Wavele—Wavele wavusa umuntu ofile. Futhi khumbulani okwenzeke lapha. Wadabula echibini lapho, wadlula eceleni kwalelichibi, kwakukhona omama abanezingane ezincane. Babezama ukulinda iNgelosi yeNkosi ukuba izamazamise amanzi. Wahamba waqhubeka ngapho, Waya endodeni eyayinobuthakathaka, ake sithi inkathazo yendlala engasesinyeni. Wayesebenayo iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili. Kwakumvimbela. Kwakungeke

kumbulale. Wathi, "Uyathanda ukusinda na?" Kuthiwani ngalempumputhe, isishosha, impumputhe, unyonga, oshwabene na? Wathi, "Uyathanda ukusinda na?" Niyabo, Wayazi nje ukuthi kufanele kuyiwe kuphi. UNkulunkulu, iZwi, laMhola. Manje, Wathi, "Uyathanda ukusinda na?"

204 Wathi, "Mnumzane, anginaye ongangifaka echibini." Wayekwazi ukuhamba. Wathi, "Uma ngehla, omunye umuntu uyangidlula angene."

205 Wathi, "Thatha uhlaka lwakho futhi uhambe ungene endlini yakho." Wabuzwa. Futhi baletha uJesu enkantolo ukuba baMbuze.

206 Futhi uma Enze leyonto efanayo namhlanje, Uzobuzwa. Kunjalo. "Washiya abayizinkulungwane ezimbili, kuthiwani ngabo na? Ngiyamazi uMfowethu *S'bani-bani* omdala ezansi lapho. Udadewethu *S'ban-bani*, ungowesifazane olungile. Kade elele lapho iminyaka engamashumi amabili. Uma ekhona noma yimuphi uNkulunkulu ngaYe, Ubeyokwehlela ezansi futhi enze lokho." Lowodeveli omdala ofanayo usho into efanayo namhlanje. "Uma Uyiyo. Uma lokhu kunjalo. Uma lokho kunjalo." Udeveli omdala ofanayo, niyabo, into endala efanayo.

207 Ngakho-ke lababaFarisi ababeMbuza phezulu laphaya ngalezizinto. Mbhekisiseni, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo ngaphandle kwalokhu Ebona uYise ekwenza." Wa—Wayekade enombono. Umbono waMkhombisa. "Lokho eNgibona uBaba ekwenza, iNdodana iyakwenza kanjalo." UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyabo, uNkulunkulu ofanayo.

208 Manje, uMartha, eBukhoneni baKhe, wayemi lapho. Wathi, "Nkosi, uma Ubulapha."

209 Manje, Akezanga ngani na? Ngoba uYise wayeMkhombise umbono ukuthi uLazaru wayezokufa. Manje, bukani, ba—bathumela, futhi Waya komunye umuzi. Futhi baphinda bathumela, Waya komunye umuzi. Khona-ke ekugcineni Wathi, "ULazaru ulele." O, bona . . . Yilawo magama Ayenayo. Akukho kufa kumKristu. Siyakwazi lokho.

"O," bathi, "uma elele, wenza kahle, ephumula."

210 Wathi, "Kodwa ufile," wabatshela ngolwimi lwabo. "Kodwa Ngiyahamba ngiyomvusa." O!

211 Wakhuphukela lapho ayekhona, o, ngiyakubona lokhu. Ungena emzini, sengiyawezwa amaJuda ethi, "Hhe-e, nangu umphulukisi ngokukaNkulunkulu! Hhe-e. Futhi bashiya ibandla labo, yonke enye into, ukuba baMlandele. Futhi lapho udaba lwangempela lungena, ngisho umngane waKhe, Wathi nyelele waphuma emzini. Wathumela, manje Usebuyile." UJesu wahamba waqhubeka.

212 Kodwa uMartha omncane, into ethize phansi enhliziyweni yakhe, into ethize. Wayehlala njalo ewuhlobo olulibele, wayefuna ukugcina indlu ihlanzekile nakho konke, futhi uMariya walalela iZwi. Kodwa yilapho akhombise khona ubunjalo bakhe, wathi nyelele waphuma ngqo futhi wehlela ezansi lapho. Manje, yena, niyazi engikukholwayo, wayefunde ngalowo wesifazane waseShunemi, owaseShunemi, niyazi, eBhayibhelini. Manje, wathini na? Waphuma, wathi, "Nkosi." Yilokho Ayeyikho. Kubukeka sengathi wayenelungelo lokuMthethisa, athi, "Awuzanga ngani na? Ngani, asizuku… Siyakholwa manje ukuthi Ungumgingqiki ongcwele ngempela." Niyabo, lesosimangaliso sasingeke senzeke.

213 Futhi yingalesosizathu kungeke kwenzeke namhlanje. O, Ulapha esimweni soMoya, hhayi ukuthi uyaMbona, kodwa lokho: UnguMoya neZwi laKhe. Niyabo? O, impela. Ukhulekela imvuselelo, futhi ibhobokela ebandleni, into ethize noma okunye kwenzeka, futhi omunye umuntu ampongoloze "udumo kuNkulunkulu, haleluya," ubungalivala ibandla. Awazi ukuthi imvuselelo iyini. UKristu uza ebandleni, bese kuthi-ke awumenzi ngisho amukeleke Yena. Enze isimangaliso futhi aphulukise omunye umuntu, futhi uthi, "Awu, kungenzeka ukuthi bekungukufunda umcabango." Akumangalisi Engeke asebenza phakathi kwenu. Akumangalisi ibandla laseLawodikeya, Ungaphandle, uyangqongqotha, uzama ukubuyela ebandleni laKhe uQobo. Yilowo nyaka esiphila kuwo manje. Lamahlelo aMkhiphele ngaphandle waze Waba ngaphandle, ezama ukubuyela ngaphakathi. Kunjalo, ukhishelwe ngaphandle!

214 Manje, sithola ukuthi uMarta wakhuphukela kuYe, wathi, "Nkosi, uma Ubulapha, umnewethu nga engafanga. Kepha nakalokhu, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona."

215 Mbhekisiseni, Wamhlola. Wathi, "Umnewenu uyakuvuka."

216 Wathi, "Yebo, Nkosi. Ubengumfana olungile, uzokhuphuka ovukweni lwabantu bonke. Uzovuka ngosuku lokugcina."

217 Wathi, "NgingukuVuka nokuPhila." Lapho wabeka ukuhlola. INdoda imi lapho ithi…WayeyiNdoda kuphela eyake yaphila, iNdoda kuphela eyoke iphile eyayingasho lokho, iNdodana kaNkulunkulu, yathi, "NgingukuVuka nokuPhila."

218 IBhayibheli lathi, "Akukho buhle ukuba siMbuke." Mhlawumpe amahlombe aKhe amancane eqhothele phansi, ebampunga, ngenkathi Wayeneminyaka engamashumi amathathu ubudala futhi Wahlulelwa ngokuthi unamashumi amahlanu.

219 Wathi, "Uneminyaka engamashumi amahlanu kuphela ubudala, futhi uthi Ubone u-Abrahama. Manje siyazi

ukuthi Uyahlanya." Niyabo? Umsebenzi waKhe mhlawumpe Wamehlisela phansi.

220 Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, Ngikhona." Amen. Babengakwazi. Lapho Wembulwa enyameni yomuntu.

221 Wathi, "NgingukuVuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efile, nokho uyakuphila. Ophila futhi akholwe yiMi akasoze afa. Uyakholwa yilokhu na?"

222 Wathi, "Ya, Nkosi. Ngiyakholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni."

"Nimmbelephi na?"

223 Nginento encane lapha ebengihlala ngiyisho, niyazi, ngiyethemba uma ngilimaza imizwa kanoma ubani angikuqondile. Owesifazane weChristian Science wangitshela ngesinye isikhathi, wathi, "Mfowethu Branham, uqhosha kakhulu ngoJesu."

224 Ngathi, "O, qhabo, qhabo." Ngathi, "Angiqhoshi ingxenye ngokwenele. Ngifisa sengathi ngabe benginolunye ulwimi ngaphezulu ebengingaqhosha ngaYe ngalo." Niyabo?

Futhi wathi, "Awu, umenza uNkulunkulu."

Ngathi, "WayenguNkulunkulu! UsenguNkulunkulu. Uzoba nguNkulunkulu kuze kube phakade."

Wathi, "Wayengofayo. Wayengumuntu."

Ngathi, "Wayeyikho kokubili uMuntu noNkulunkulu."

225 Wathi, "Ngizofakazisa kuwe ukuthi Wayengumuntu ofayo nje kuphela, ngeBhayibheli lakho uqobo."

Ngathi, "Ake ngikuzwe ukwenza."

226 Wathi, "UJohane oNgcwele, isahluko 11, uJesu waya ethuneni likaLazaru futhi Wakhala."

Ngathi, "Ngabe lowo ngumBhalo wakho na?"

Wathi, "Yebo."

227 Ngathi, "Dadewethu!" Angiqondile lokhu ukuthuka okungcwele. Lena akusiyo indawo yamahlaya, kodwa ngavele ngasho ngenzela yena. Ngathi, "Lokho kuncane ukwedlula umhluzi owenziwe ngesithunzi senkukhu ebulawe yindlala." Ngathi, "Ngani, wazi kahle kamhlophe ukuthi bekungeke kube yinto enjengaleyo." Ngathi, "Ake ngikutshele okuthile."

228 Nangu Ehamba, amahlombe eqhothile, ekhala, Ukhala izinyembezi nawe lapho ukhala izinyembezi. Uyabuzwa ubuhlungu bakho. UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka benu. Ekhala izinyembezi, ehlela ethuneni, azi ukuthi uYise wayeMtshelile. Ngokuba Wathi Akenzanga lutho kwaze kwathi uYise WaMkhombisa. WaYelapho-ke, niyabo, ehamba. Wayezomvusa, kodwa Wayengakhala izinyembezi

njengomuntu nabantu. Eya ethuneni, ekhala izinyembezi. Kodwa ngenkathi Wayemi lapho, o, he, wathi, "Susani itshe."

229 Wathi, "Useyanuka!" Ikhala lakhe selivele liwele phakathi. Amahora angamashumi ayisikhombisa nambili, niyabo, noma izinsuku ezine nobusuku. Niyabo, ubuso bakhe base buvele buwele phakathi, usonakele, ubolile.

230 Wathi, "Susani itshe." Wama emuva lapho wayesethi, "Baba, NgiyaKubonga ukuthi Uhlale uNgizwa, kodwa ngi— ngivele ngasho lokhu nje." Niyabo, Wayesevele eMtshelile. Wathi, "Ngisho lokhu nje ngenxa yalaba abami ngapha." "Lazaru, phuma!" Amen. Futhi indoda eyayikade ifile izinsuku ezine, yama ngezinyawo zayo yaphinde yaphila futhi. Lokho kwakungaphezu komuntu. Lokho kwakungaphezu komuntu. Impela kwakunjalo.

231 Lokho kwakungaphezu komuntu ehla esuka entabeni ngobunye ubusuku, elambile, efuna ayezokudla. WayenguMuntu, Wayelambele ayezokudla. Kodwa lapho Ethatha izinhlanzi ezinhlanu, noma amabhisikidi amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wondla izinkulungwane ezinhlanu, lokho kwakungaphezu komuntu. Kunjalo. Yiqiniso. Yebo, mnumzane.

232 WayenguMuntu lapho Wayelele ngemuva kwalesosikebhe ngalobobusuku, ekhathele kakhulu, amandla esukile kuYe, eshumayela futhi ephulukisa, nodeveli uyakhuphuka, futhi mhlawumpe amademoni ayizinkulungwane eziyishumi olwandle, athi, "SizoMminzisa manje, Ulele." Njengoba benza kuPawulu phandle laphaya esivunguvungwini. "SiMtholile manje, siMthole ebhajiwe. Ulele, sizocwilisa lowomkhumbi." Udeveli ephephetha umoya wakhe wasolwandle ngaphesheya lapho, futhi wona uqhasha phansi naphezulu kanjalo. Amagagasi awaMvusanga ngisho. WayenguMuntu elele emuva lapho, ekhathele, elele.

233 Kodwa ngenkathi Ephaphamiswa kanye, o, he! "O, hamba uyovusa uJesu!" Ubeka unyawo lwaKhe. . . O, bandla, yilokho ofanele ukwenze. Ngifisa sengathi ngabe benginesikhathi engingashumayela manje, niyabo, ngalokho. Niyabo? Ubeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe, wabheka phezulu, wathi, "Thula, uthi udu." Niyabo? Futhi amagagasi nemimoya kwaMlalela. Lokho kwakungaphezu komuntu, kwathatha uNkulunkulu ukwenza lokho.

234 Ya, Wakhala esiphambanweni, ecela umusa. Kunjalo. Omile esiphambanweni. Wafa njengomuntu. Kodwa ekuseni ngePhasika, ngenkathi iNgelosi igingqa itshe, noMuntu owayefile, wakunqoba kokubili ukufa, isihogo nethuna, waphuma, wanqoba ukufa, isihogo nethuna. Wathi, "NginguYe owayefile, futhi ngiyaphila kuze kube phakade." Lokho

kwakungaphezu komuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu kulowoMuntu. Yebo, mnumzane.

235 Ukukholwa akuliphiki iQiniso laKhe. O, njengokuthi, "INsika yoMlilo, lokho kwakungalungile. Futhi izimangaliso zikaMose zazingalungile," babehlale besho. Akunandaba ukuthi kuhlekisa kangakanani, kuhlala ncamashi neZwi. Impela. O, ungaba—ungaba nonesineke. Ungaphikelela noma nini lapho ubamba ngempela iZwi likaNkulunkulu, lapho ubambelela kuLo.

236 Njengoba uMikhaya wayenjalo, uMikhaya khona lapho, ngenkathi abaprofethi abangamakhulu amane bemi lapho, bethi, "Khuphuka, Ahabi, khuphuka." UMikhaya wayazi ukuthi umbono wakhe wawuhambisana neZwi likaNkulunkulu. Wakhuluma iZwi noma kanjani. Bathi, "Sizokuvalela ejele, futhi sikunike amanzi osizi nesinkwa sosizi."

237 Wathi, "Ngivaleleni uma nifuna." Wayeyini na? Wayephikelela. Wayelazi iZwi likaNkulunkulu. Wayeyazi intando kaNkulunkulu. Wayewubonile umbono. Wayazi ukuthi kwakuyini. Umbono uvela kuNkulunkulu, ngoba imibono iqhathaniswa neZwi likaNkulunkulu. Namuhla, lonke ikholwa lifanele lilwe, futhi ufanele ulwe, nawe.

238 Indoda lapha esikhathini esithile esedlule yayingitshela, yathi yaya e. . . yathi, "Uyazi, u—udeveli omncanyanyana othi akabe mkhulu kangako wasukuma phambi kwami ngesinye isikhathi ephusheni." Wathi, "Lowodeveli wathi, 'bhuu'; futhi ngahamba, 'hhi.' Futhi," wathi, "njalo lapho ngigxumela emuva, wayekhula futhi ngibe mncanyana." Wathi, "Into yokuqala uyazi, 'bhuu,' futhi ngigxumela emuva. Futhi yena. . . ngaso sonke isikhathi ehamba, 'bhuu, bhuu,'" egxumela kuye. Wathi uzobuyela emuva, abuyele emuva, abuyele emuva. Wathi, "Waba mkhulu kunami." Futhi wathi, "Ngangazi ngangizodingeka ngilwe naye. Ngakho angi—angitholanga lutho, ngakho-ke ngavele ngacosha iBhayibheli, futhi ngi. . . wahamba 'bhuu'; ngahamba 'bhuu,' nami." Wathi, "Uthola ukuba mncane." Kunjalo.

239 Yilokho ozofanele ukwenze, thatha iZwi likaNkulunkulu. Awudingekile ukuthi "bhuu," kodwa thani "ISHO KANJE INKOSI!" Yiba ngonesineke, yima eZwini! LiyiQiniso. Siyalikholwa iZwi namuhla. SiLikholwa njengoba uMikhaya alikholwa. SiyaLikholwa njengabo bonke balikholwa. Akunandaba ukuthi bangaki othi Liyiphutha, Lisalokhu liqinisile. UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Ngabe noma yimuphi umuntu angakuphulukisa na? Qhabo, mnumzane. Sekuvele, usuvele uphulukisiwe. Noma yimuphi umuntu angakuphulukisa na? Sekuvele kwenziwe. Bangaki okukholwayo lokho na? "*Ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko

zethu. *Ya*chotshozwa ngenxa yobubi bethu." Ngabe kunjalo na? Kunjalo. "Futhi ngemivimbo yaKhe *sa*philiswa," inkathi edlule. Konke Angakwenzela khona sekuvele kwenziwe.

240 Manje Uhlezi ebandleni, ukugcina ibandla lihambisana neZwi, ini? Abaphostoli, abaprofethi, othisha, abelusi, abavangeli, izikhundla zebandla. Othunywe nguNkulunkulu, hhayi indoda ebiziwe. Athunyelwe nguNkulunkulu, abamadoda aphefumulelwe ukugcina ibandla emgqeni. Manje, kuyini na? Iziphiwo zikaMoya ebandleni. Hhayi isigejane sobuhlanya, kodwa iziphiwo zangempela zoMoya ebandleni. Kunjalo, zigcina ibandla. Uma ibandla langempela lagcotshwa nguNkulunkulu, lagcwaliswa ngempela ngoMoya oNgcwele, uma isono besingavela ebandleni, bekungaba njengomunye u-Ananiya noSafira. Lapho ibandla langempela . . . Ngingathanda ukungena kwelilodwa, ngibone bonke abesifazane nabesilisa ngaphansi kwaMandla kaMoya oNgcwele. Uma umuntu othile enze okuthile okungalungile, uMoya oNgcwele uyavuka ngqo futhi ukwembule. Bazodingeka bakuhlanze. Lokho yiziphiwo zikaMoya ebandleni. O Nkulunkulu, sithumelele ibandla elinjalo, sithumelele elinjengalelo. Uyakukholwa na? UKristu, ngabe Ufile na? Uyaphila.

Wayenjani na? Washo lapho kowesifazane . . .

241 Wathi, ngenkathi umFarisi emcela isibonakaliso, Wathi, "Nina sizukulwane esiphingayo nifuna isibonakaliso." Ngabe kunjalo na? Esibi nesiphingayo! Wathi, "Bazosithola. Bazosithola isibonakaliso, leso esibi nesiphingayo." Kwake kwaba khona nini esinye isizukulwane esibi nesiphingayo kunoma sinaso manje na? Kwakunini lapho kwakunesinye isono na? Sinabantu abaningi emhlabeni khona manje, bayasitshela, njengoba kunabantu abaningi emhlabeni khona manje abake baba semhlabeni kusukela ku-Adam, osemhlabeni khona manje. Lesi yileso sizukulwane esibi nesiphingayo. Ongqingili, ukuphendukezela, konke, ekwandeni ngezinkulungwane nezinkulungwane. Amabandla ayahlubuka, "Abanamawala, abakhukhumele, abathanda izinjabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abangenakuthuliswa, abahlebi, abangazithibi, abazonda abalungileyo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu," njengoba uMoya washo, "kepha aMandla bewaphika. Labo wobagwema!" Niyabo? IBhayibheli lathi, "Gwema!" Siphila kulolosuku.

242 Manje, khumbulani, kunabantu abazulazulayo, abathi, "Nginamandla okukuphilisa." Lowo mfo ukutshela amanga. Akanawo amandla okukuphilisa. UKristu usevele ukwenzile! O, ngokuvuma izono, nokunye nokunye, futhi umpristi othile noma kube ngumfundisi ethethelela izono zakho na? Qhabo, mnumzane, izono zakho sezivele zithethelelwe. Lapho uKristu efa esiphambanweni, Wathi, "Kufeziwe." Ini na? Uhlelo oluphelele, yonke into. UKristu wakwenza

esiphambanweni. Usuvele usindisiwe. Sonke isoni sisindisiwe, kodwa akusoze kwakusiza ngalutho uze ukwamukele. Ufinyelela phansi lapho e-altare bese uyamemeza kakhulu, ukhale uze ube mpunga nezinwele zakho ziwele ngaphandle, akusoze kwakusiza ngalutho uze ukholwe, ukholwe ukuthi uKristu wafa esikhundleni sakho, futhi wena . . . Wafa eyinhlawulo ngenxa yezono zakho, uma umamukela Yena njengoMsindisi wakho. Khona-ke insindiso iza kuwe. Into efanayo ngokuphulukisa. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina."

243 Yinye kuphela into uKristu abengayenza namhlanje ukukhombisa ukuthi Unguye. Into yokuqala, ngukuthi, ufanele ukholwe phezu kwesisekelo seZwi laKhe. Kunjalo impela, iqiniso leZwi. Kodwa uJesu wathi, "Imisebenzi eNgiyenzayo!" Manje, Akazange athi, "Ngiphilisa" noma ngubani. Uma uJesu athi, "AkusiMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi ohlala kiMi," manje uma uJesu ubengeke athathe igama lika "mphilisi ngokukaNkulunkulu," kuthiwani ngesidomu bandla esithile esinjengami, noma omunye umuntu, noma ubani omunye umuntu, futhi azame ukuba ngumphilisi ngokukaNkulunkulu na? Ungaba kanjani ngumphilisi ngokukaNkulunkulu uma sekuvele, wonke umuntu ubengaphiliswa osephilisiwe na? Ufanele ukwemukele, kukholwe. Manje, ngabe yiqiniso na? Yilokho esifuna ukukwazi. Ngabe kuyiqiniso na?

244 Manje, uma ubungeke uthathe izwi lami, ubuzofanele uhambe, noma okwakho . . . bengingeke ngithathe izwi lakho, bekuzofanele kuhambe. Kodwa uNkulunkulu akasiyo leyondlela, Uthumela iziphiwo ebandleni, abaphostoli. Uyini umphostoli na? Yisithunywa senkolo. Isithunywa senkolo, igama *isithunywa senkolo* lisho "lowo othunyiweyo." *Umphostoli* kusho "lowo othunyiweyo." *Umprofethi,* lowo ngu "mboni". Umelusi, uthisha, umvangeli, zonke lezozinto, ngokufanele bahlukanisa iZwi likaNkulunkulu, baLibeke phansi, bese kuthi-ke i—iziphiwo zikaMoya ukuba zisebenze ebandleni, ukuqinisa iZwi, ukukhombisa ukuthi uJesu Kristu uhlala ebandleni.

245 Manje, sonke sikwejwayele, leli yiqembu lethu nje lebandla. Angazi njengoba kukhona noma . . . angikho lapha kakhulu ukwazi ukuthi ngabe kukhona izivakashi noma ngabe akukho zivakashi, nokunye nokunye. Kodwa, bangane, namhlanje, nina bantu abagulayo manje, uma bekukhona noma yini okungenziwa ukuba nginisize, bengizokwenza. Uma bengazi ukuthi umuntu othize lapha ogulayo, ikakhulukazi lodadewethu lapha ngiyabona embhedeni omncane, uma bengazi ukuthi bekukhona into engingayenza, njengokuthatha, ngiphushe ikota ngekhala lami phansi ngasebangeni lendlu, nxazonke, bengiyokwenza. Bengiyophuma lapho futhi ngithi, "Ungadonsi isambulela phezu kwami, uma belina, mangiphushe nje. Ngifuna ukukhombisa uNkulunkulu ukuthi ngiqotho." Manje, lokho

bekungeke kusize ngalutho. Ngike ngaba se-Afrika, futhi ngazi lapho belele ezinsinjaneni ezicijile e-Ndiya, nalo lonke uhlobo lwezinto, benza imihlatshelo konkulunkulu, futhi benikezela ngabantwana babo ezingwenyeni, nakho konke okunye. Lokho akusikho lokho; lobo ubuqotho, kodwa umuntu ngobuqotho uthatha ikhabholikhi asidi enze umuthi. Niyabo? Niyabo, u—une. . .Into eyiqiniso yilokho esifuna ukukwazi, futhi uNkulunkulu ufakaza ngeQiniso laKhe. "Okholwa kiMi, imisebenzi engiyenzile Mina uyakuyenza." AmaHeberu 13:8, "UJesu Kristu onguye!"

246 Ubeyoba yini uma ubuMfumn namhlanje na? Uma ngikutshela ukuthi uKristu ukimi, uKristu ukuwe, yini esingayifuna na? Ubungafuna umuntu onokhololo wakhe ophendukezelwe, nento ethize na? Qhabo, qhabo, Akaziphathanga kanjalo, Wayegqoka njengabobonke abantu. Uma ubenezibazi esandleni sakhe na? Noma yimuphi umuntu angazenza izibazi esandleni sakhe, imilobo yameva. Banamadazini abo ezweni lonke manje, abazifanisa nabanye, negazi nomlilo nentuthu, yonke into. Lokho aku—lokho akusilo iZwi! "Imisebenzi eNgiyenzayo!" UJesu wathi, "Uma ningeke ningikholwe Mina, kholwani yimisebenzi eNgiyenzayo. Izofakaza ngaMi. Yiyo eshoyo ukuthi NgiNgubani."

247 Manje asikhuleke umzuzwana nje. Yibani nezicelo zenu enhliziyweni yenu. Baba waseZulwini, ngiyazi lokhu kube ngubuluhlaza nobunzima. Ngikhuleka kuWe ukuba ube nomusa. Angiqondile. . .Uyayazi inhliziyo yami, Nkosi, kodwa ngiyakhuleka nje ukuthi Uzongisiza manje. Ngiyakhuleka ukuthi Uzovumela lawamazwi, nakuba ephukile futhi enqanyuliwe, futhi—futhi hhayi njengoba umfundisi ezofanele enze, Nkosi. Nami lapha, ngingafundile, ngingazi ukuthi ngikhulume kanjani kubantu, kodwa konke engikwaziyo ukuthi nje Wethembisile uma ngiyovula umlomo wami Ubuyowugcwalisa. Lokho sekube yiminyaka engamashumi amathathu nanye ngiKwethembile kulokho. Ngakho-ke, Baba, ndawo ndawo, mhlawumbe abanye babantu baqoqe amaZwi ambalwa, labo abagulayo, noma labo abadinga uKristu. Ba—baphandle lapho ndawo ndawo. Ba—badinga Wena, Nkosi, futhi ngethemba ukuthi okuthize kushiwo okuzovusa ukukholwa kwabo ezithembisweni zaKho. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha lesosibusiso.

248 Manje sisakhothamise amakhanda ethu, ngabe bakhona lapha abangamazi uKristu njengoMsindisi, abangathi, "Mfowethu Branham, bengi—ngingeke ngifune ukufa kanjena. Angi—ngikulungele ukufa. Uma ngifa, ngizolahleka. Angikaze ngizalwe kabusha. Impela ngi—ngiyawufisa umkhuleko wakho khona manje. Ngikhulekele, ngiyisoni"? Vele uphakamise nje isandla sakho, uzokwenza, uthi, "Khumbula nje. . ." UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. UNkulunkulu

akubusise. Kusho ngempela lokho ngokusuka enhliziyweni yakho. UNkulunkulu akubusise. Idazini noma izindla ezimbili kuleliqembu elincane labantu lapha. Lelidlanzana elincane labantu lapha, cishe ikhulu noma amabili, into ethize efana naleyo, futhi nanti idazini lezandla. Khona lapho okhona. Ama-altare ahleli agcwele abantwana. Ayikho indlela kimi ukunikhuphulela e-altare, kodwa, khona lapho okhona, khuleka kanye nami.

249 Baba waseZulwini, ngiletha kuWe lababantu abaphakamise izandla zabo. Ngiyakholwa ngobuqotho obujulile bakwenzile. Mabazi ukuthi bephule yonke imithetho yesayensi khona lapho. Isayensi iyafakaza ukuthi izingalo zethu zifanele zilenge phansi, ngoba amandla adonsela emhlabeni asigcina phansi. Kodwa kuyakhombisa ukuthi bekukhona uMoya kubo onokulawula, amandla aleyo ngalo, ukuthi bayiphakamisele ngakuMdali owayenzayo. Lokho kukhombisile khona lapho. Bekungeke kufakazelwe ngokwesayense, ngoba uMoya waziwa kuphela . . . Ngukukholwa. Siyakholelwa kuWo. Futhi lapha uMoya ufikile kubo futhi wabatshela ukuba baphakamise izandla zabo, ukuthi bebefuna ukusindiswa.

250 Manje, Baba Nkulunkulu, ngiya reco- . . . Ngicaphuna izethembiso zaKho. INkosi uJesu Kristu yathi, ngenkathi Yayilapha emhlabeni, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi bonke uBaba aNginike bona, bayakuza kiMi. Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe nguYe oNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade. Odla inyama yaMi futhi aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuPhakade, futhi Ngiyomvusa ngosuku lokugcina." Lezi yizithembiso. Manje, lababantu bebengeke baphakamise izandla zabo ngaphandle uma bekukhona uMoya lapho obatshele ukuthi bebenephutha. Bebengeke bakwenze lokhu ngaphandle kokuthi Ububamisele ngaphambili. "Konke uBaba anakho," *anakho,* inkathi edlule, "aNginike khona, kuyakuza." Simiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade. Labo Ayebazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, ubangcwelisile kakade ebusweni bukaNkulunkulu. Kungumbono nje omkhulu kaNkulunkulu uhambisana, ugcwalisiwe. Lababantu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Wena Ongenasiphelo ubuwazi umhlangano kulokhu ukusa, futhi ubuwazi ukuthi bebezoziphakamisa izandla zabo, futhi manje baphakamise isandla sabo.

251 Yilokho kuphela engikwaziyo ukudlula ngakukho, Nkosi, yiZwi laKho. Khona-ke, eGameni likaJesu Kristu, nginikeza Wena laba ophakamise izandla zabo, njengemiklomelo yeZwi laKho. Bagcine, O Nkosi Nkulunkulu, akekho ongabahlwitha esandleni saKho. Banikeze ukuPhila okuPhakade. Kwangathi bangathola ibandla, noma bahlale khona lapha kulokhukusa futhi babhaphathizelwe kukho ukuthethelelwa kwezono zabo,

noma ukuvuma kokukholwa kwabo. Kwangathi bona, lapho benyuka emanzini, njengoMoya oNgcwele ekuqaleni wahamba phezu kwamanzi, kwangathi uMoya oNgcwele ungaba lapho ukugcwalisa izinhliziyo zabo nemiphefumulo. Siphe khona, Nkosi. Sengathi bangaphila ngokumesaba uNkulunkulu zonke izinsuku zokuphila kwabo, futhi banikelwe njengemiklomelo namatshe ayigugu emqheleni waKho ngalolosuku. NgoJesu Kristu iNkosi yethu, siyakucela. Amen.

252 INkosi ikubusise. Manje, ngempela ngifanele ngabe kade ngihambile ehoreni eledlule. Kodwa manje sizobiza umugqa womkhuleko. Lindani, ngabe akhona amakhadi omkhuleko aphumile na? Ngabe ukhona onamakhadi omkhuleko na? Uphi uBilly, ingabe uBilly ukhona na? Elokuqala kuya kwelamashumi amahlanu na? Uthe ukhipha amakhadi omkhuleko angamashumi amahlanu. Awu, manje, asikwazi, baningi kakhulu abamile. Manje, nonke nizosipha isikhashana nje semizuzwana embalwa manje na? Uma u. . . Manje, konke engikushilo. . . Manje, nje—nje umzuzwana, ngiyazi ukuthi idina angeke lishe. Yimani umzuzu, *Lokhu* kungaphezulu, *Lokhu* kungcono kunedina (kufanele kube njalo): iZwi likaNkulunkulu.

253 Lalelani bangani, ngifuna ukunibuza lombuzo ngaphambi kokuthi ngisho lokhu. Siyela ini esontweni na? Kumayelana nani konke na? Uma kungekho ukuvuka kwabafileyo, uma kungekho ukuvuka, khona-ke masidle, siphuze, futhi sijabule, ngokuba asilutho kodwa izingodo, izinja, kanjalo njalo, noma kanjani. Asikukholwa lokho. Siyazi ukuthi kukhona uNkulunkulu ophilayo. Impela. Awu, uma enguNkulunkulu ophilayo, ngifuna ukunibuza okuthize. Khona-ke lamaZwi engiwashilo, ningahle nivumelane nami, ningahle ningavumelani nami. Kodwa uma nivumelana nami, khona-ke nokho ni—nisengabuza lokho nize nikubone kubonakalisiwe. Kunjalo. Uma kuyiZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu uzofanele aligcine iZwi laKhe. Uma EngaLigcini, awu, khona-ke akusiye uNkulunkulu, khona-ke kade ngi—ngingowamanga, kade ngi. . . Ngenze ukubonakaliswa okungamanga, bengi—ngingumprofethi wamanga. Kodwa uma uNkulunkulu esho njalo, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Khona-ke uma uNkulunkulu eligcina iZwi laKhe, iZwi elilodwa, ungaba nonesineke-ke. Ungabambelela esithembisweni sakho futhi usigcine. Ngabe kunjalo na?

254 Manje, bukani, ngabe nginitshelile ukuthi benginganiphulukisa na? Qhabo, mnumzane. Bengingeke nginitshele ukuthi benginganisindisa kungengaphezu kunoma nanisindisiwe ngaleyonkathi. Ngiyakholwa ukuthi nisindisiwe. Ubungeke usiphakamise isandla sakho ngaphandle kokuthi uNkulunkulu akutshele ukuba ukwenze. Manje kukhona amanzi lapha, ongabhaphathizwa nganoma yisiphi isikhathi ofisa

ngaso. Uma ufuna ukubhaphathizwa ngelakho...ebandleni lakho uqobo, qhubeka uye phambili, noma yini. Asinabo ubulungu nhlobo lapha, niyabo, nje si—siyisonto elincane nje lapha. Umelusi wethu olungile lapha, uMfowethu Neville, wayeyiMethodisti, futhi ulapha nje...Singabangakhethi-hlelo. Thina...noma ngubani wemukelekile. Sinebandla nje elingenayo. Siyashumayela, sikhulekela abagulayo. Siyakholelwa ekwenzeni abafundi kuKristu, kungesikho ukuhlela lutho. Niyabo? Asikholelwa kulokho. Qhabo, mnumzane. Manje, ufuna ukuhle-...ufuna inhlangano yakho, hamba nje uqhubekele phambili. Lokho ngu—lokho kuphelele kahle, kodwa ungenciki kukho. Ungathembeli kukho. Qhabo, mnumzane. Yana lapho uyele inhlanganyelo, kodwa uthembele kuNkulunkulu.

255 Manje, manje, nansi into eyodwa. Uma uKristu esaphila... Manje, asithathe umBhalo owodwa omncane futhi manje. Sifuna ukuqiniseka manje ukuthi konke kucacile. Into encane ebengizoyisho esikhashaneni esedlule, Wathi, "Isizukulwane esibi nesiphingayo be—besingathola isibonakaliso." Leso kwakuyisibonakaliso sikaJona, uvuko. Ngabe kunjalo na? Bangaki okholwayo ukuthi lelo yiQiniso na? Manje ngifuna ukubona nje. Leso esibi...Niyakholwa ukuthi lesi ngesibi, isizukulwane esiphingayo na? Awu, besiyoba yini isibonakaliso sikaJona na? Bekuyoba ukuvuka kukaKristu. Ngabe kunjalo na? Ukuvuka kukaKristu, bekuyofakazisa kulesi esibi isizukulwane ukuthi uKristu usaphila, okungukuthi, Uvusiwe manje iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ngakho-ke bekuzoba ubufakazi bovuko.

256 Awu, kunomningi wethu maProtestani ezweni lonke ongakholelwa ekuvukeni kokwenyama. Amakhulu amabandla awakholelwa kulokho, ukubuya kokwenyama, noma yini. Niyabo? Ngiyakholelwa ekuzalweni kwangempela, ukufa, ukumbelwa, ukuvuka, ukuFika kwesiBili, konke uKristu Jesu. Yebo, mnumzane. Ngiyakholwa ukuthi UnguKristu ngokuphelele. UJesu ofanayo othathiwe, uJesu ofanayo uzobuya. Futhi ngiyakholelwa eBuntwini bukaMoya oNgcwele, Ulapha manje, uMoya waKhe, ukuPhila kwaKhe kuhamba eBandleni.

257 Manje, uma lokhu kungokukaKristu...Manje ngizoveza lokhu. Ngiyethemba ani—anikuthathi kanjalo. Ngizokuveza lokhu manje, ngesiphiwo esanikezwa. Okungukuthi, Lokhu, eWashington lokhu kuKhanya kuyalenga, iNsika yoMlilo eqinisekiswe iminyaka emhlabeni jikelele, kanjalo kanjalo. Manje, uma lowoMoya uphakathi lapha, khona-ke Uzo... Uma KunguMoya kaKristu, Uzokwenza imisebenzi kaKristu. Manje, lowo ngumBhalo. Futhi Uqinisile. Uma leloZwi selifikile, khona-ke leliZwi enginitshele lona namhlanje ekuseni liyiQiniso. Ngoba uKristu ubengeke angene kimi kanje...

258 Angi—angenzi—ngihlekisi ngani bantu abayiKatolika, kodwa nithi lowo ngumoya kaPetru owawusebandleni lenu emuva lapho. Nicabanga ukuthi umJuda ubeyomisa izithixo na? Nicabanga ukuthi umJuda ubeyowuphika uMoya oNgcwele futhi enze isinkwa esiwucwecwena esiyidilinga sibekwe e-altare, lapho amagundwane namabuzi ayengasicosha, bese uyahamba uyedlula uthi lokho nguNkulunkulu na? Yini indaba na? Niyazi lowo akusuye uNkulunkulu. UMoya oNgcwele nguNkulunkulu ehla evela eZulwini, uMoya. Uzilalisa qobo lwakho phambi kwezithixo, uzama ukuthwebula i—impilo kulokho. Uyisithixo, uNkulunkulu uletha uMoya waKhe ngaphakathi kuwe futhi ungokumelele okuphilayo kwaKhe. Niyabo, uNkulunkulu ukuwe, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.

259 Manje sizobiza umugqa womkhuleko. Uthi ubanikeze kuphi, kusuka kwelokuqala kuye kwelamashumi amahlanu na? Asiqale, asiqale kwelokuqala. Ngakho-ke uthini na? Kulungile, sizofanele sibize abambalwa ngasikhathi, ngoba awabo. . . Ake sibone, asibize cishe abayisishiyagalombili noma abayishumi ngesikhathi. Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Manje musa. . . Nje, phakama nje lapho inombolo yakho isibiziwe, ngoba lena akuyona inkundla manje, leli yibandla. Kulungile. Uthini? U A—u A, elokuqala. Ubani onalo na? Ubungeza ngapha, nenekazi, noma ngapha ndawo ndawo na? Khona lapha, yima khona lapha ngaphambi kwe-altare. U A, elesibili, ubani onelesibili na? Ikhadi lomkhuleko lesibili. Manje, bamba isandla sakho masinyane ukuze si—sizo. . . Kulungile, yana emva kwenenekazi, uma uthanda. Elesithathu, elesithathu. Awu, dadewethu, awukwazi ukusukuma, ngakho-ke lala lapho nje, futhi ngizoza ngizokukhulekela khona lapho. Elesine, u A, elesine, phakamisa isandla sakho. U A, elesine, elesine. Emuva le, le, emuva le. Kulungile, niyabo, behlela phansi lapha, futhi noma ngubani owafunayo, baxubanisa lamakhadi bese bewanikezela kubantu kanjena, lapho uwafuna. Asazi. Kulungile, elesine, woza lapha, nenekazi. Elesihlanu, ngubani onelesihlanu na? Ikhadi lomkhuleko lesihlanu, ubungasiphakamisa isandla sakho masinyane. Manje angeke sithathe isikhathi esiningi manje, uzogeja ithuba lakho. Elesihlanu, elesithupha, kulungile, elesikhombisa.

260 Manje, asibone, ma—ma—ma—ma—makuthi bonke abanye beze. Singabathola lawa ngalendlela. Elesishiyagalombili, ikhadi lomkhuleko lesishiyagalombili, ngubani onelesishiyagalombili na? Ngabe uyikhadi lokukhulekelwa lesishiyagalombili, nenekazi, unelesishiyagalombili na? Kulungile. Phakamisa isandla sakho ukuze ngizokubona, uyabo, ngenkathi. Elesishiyagalolunye, ubani onelesishiyagalolunye na? Kulungile, lokho kuhle, nenekazi. Eleshumi, ikhadi lomkhuleko leshumi, ngubani oneleshumi na? Ubungasiphakamisa isandla sakho, noma ngabe kuyini. . . Kulungile. Ngiyaxolisa. Kulungile,

lendoda ngapha. Kulungile, mnumzane, woza ngapha. Eleshumi nanye, eleshumi nanye. Ngiyacela phakamisa isandla sakho, eleshumi nanye.

261 Ungalimukeli ikhadi ngaphandle uma uzolisebenzisa, bangani, ngoba uma u—u—u—u—u . . . Uyabona, uma usukuma futhi uphume, futhi ungalisebenzisi ikhadi lakho lomkhuleko, khona-ke—khona-ke—u . . . awufanele wenze lokho. Eleshumi nanye, eleshumi nambili. Kulungile. Khona ngapha, dadewethu, hamba ubuyele emuva ngqo ngale ngemuva. Eleshumi nantathu, khona ngapho. Eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Lokho kuhle, leyo yindlela yokukwenza. Eleshumi nesithupha. Manje uyakwenza. Eleshumi nesikhombisa. Thathani nje izindawo zenu emuva lapho. Eleshumi nesikhombisa. Asibone ukuthi mangaki amanye esinawo manje. Uthini? Woza ngapho ngaleyondlela uma uthanda, mfowethu, ngakho-ke siyaxubana ngapha. Eleshumi nesikhombisa, eleshumi nesishiyagalombili, eleshumi nesishiyagalolunye, elamashumi amabili, elamashumi amabili. Kulungile. Ngicabanga ukuthi cishe sengikwenza kufike lapho nje, okwe—okwesikhashana. Asibone ukuthi sifinyelela kanjani phansi lapha emgqeni, sizobona. Elamashumi amabili, elamashumi amabili nanye, elamashumi amabili nambili, elamashumi amabili nantathu, elamashumi amabili nane, elamashumi amabili nanhlanu. Manje asibone ngabo, sibone ukuthi bangaki ophakathi lapho manje. Elamashumi amabili nanhlanu. Futhi ngiyakholwa ukuthi sizocishe siminyane phandle lapha, anicabangi kanjalo na? Elamashumi amabili nanhlanu, ngiyacabanga, elamashumi amabili nanhlanu. Kulungile, manje sinabanye abangamashumi amabili nanhlanu abezayo masinyane nje lapho leli—leliqembu seliphelile. Sinabanye abangamashumi amabili nanhlanu abezayo. Kulungile, amashumi amabili nanhlanu.

262 Kulungile, manje asibone ukuthi bangaki phakathi lapha abanamakhadi omkhuleko. Bangaki phakathi lapha abangenawo amakhadi omkhuleko futhi nisalokhu nifuna uNkulunkulu ukuba aniphilise, phakamisani izandla zenu. Kholwani. Ukuthi nine . . . Aninawo amakhadi omkhuleko kodwa nifuna uNkulunkulu aniphilise, phakamisani isandla senu.

263 Manje, ngenkathi besashayisa ulayini labo, nginakeni manje, ngoba uma ugeja lokhu manje—angeke wazi ukuthi wenzeni. Manje, sizothatha isikhathi sethu, sithathe nje isikhathi sethu. Manje, ningabi ngabangajahile. Ngifanele ngithule, qobo lwami, ngoba uMoya oNgcwele kuloluhlobo lwezinto ubungeke uwugcobe ngaleyondlela yokwenza.

264 Manje, bangaki kuleligumbi, noma lomugqa womkhuleko abami lapha, owaziyo ukuthi—ukuthi . . . Ngiyabazi abanye balababantu. Ngikholwa ukuthi ngiyabazi. Ngiyazi ngiyalazi lelinenekazi khona lapha, lelinenekazi lapha. Lisonta lapha

ebandleni, angikwazi ukubiza igama lakhe. [Udadewethu uthi, “Baker.”—Umhl.] Baker, e-hhe, ngiyamazi. Anginasiqiniseko, angi . . . Ngiyakholwa lomfo omkhulu omude omi khona lapha, ngikholwa ukuthi ngiyamazi. Angilazi igama lakhe, kodwa ngimbonile lapha.

265 Awu, empeleni, yilowo nalowo kini emgqeni, futhi yilowo nalowo kini ezethamelini ogulayo, owaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani isandla senu, owaziyo ukuthi angazi. Ya. Niyabo? Qhabo. Angazi lutho ngawe. Ngiyisihambi. Manje asibone umugqa womkhuleko, phakamisa isandla sakho, owaziyo ukuthi angazi lutho ngalokho okungalungile ngawe manje. Kulungile, kulungile, kulungile, cishe nje amaphesenti ayikhulu, ngiyacabanga. Kulungile, nasezethamelini manje, manje phakamisani izandla zenu, wena ogulayo futhi phakamisa isandla sakho futhi usazosho ukuthi ngi . . . “Akangazi noma lutho ngami.” Uyabo, kunenqwaba yabantu lapha. Ngiyangena futhi ngiphume, futhi abanye abantu engibaziyo futhi abanye angibazi. Niyabo? Futhi a—angazi. Kodwa labo engibaziyo, bengingeke ngazi ukuthi yini ebingalungile ngabo.

266 Manje ngifuna ukunibuza okuthize. Manje uma . . . Manje, bukani, kwakukhona owesifazane omncane. Nina bantu eningeke nibe semgqeni womkhuleko, niyabo, nina bantu eningeke nibe semgqeni womkhuleko. Manje, kunowesifazane omncane, ngesinye isikhathi, wayengeke abe semgqeni womkhuleko naye, futhi wayenomopho. Kodwa wayekholwa ukuthi lowo kwakunguMuntu omesabayo uNkulunkulu. Manje, lalelisisani manje, ningakugeji. Wayekholwa ukuthi uJesu wayenguKristu, futhi wathi, “Uma kuphela ngingathinta umphetho wengubo yaKhe.” Manje, wayengenawo umBhalo walokho, niyabo, kungengaphezu nje mhlwawumbe njengoba u-Eliya wathathwa . . . noma wathatha udondolo lwakhe futhi walala phezu komntwana, noma okuthize, niyabo, noma wathinta amathambo ka-Eliya emva kokuba wayesefile. Kepha wakholwa ukuthi uma wayeMthintile wayezokuthola ayekucelile. Wathi nyelele esixukwini futhi wafinyelela ngale. Manje, uma noma ngubani owake waba sePalestine, banengubo yangaphansi nengubo yangaphezulu, futhi ishwibeka ngokudedeleka. Yingalesosizathu benokugezana izinyawo nezinto, nothuli luphakamela ezinyaweni zabo. Futhi wathinta umphetho wengubo yaKhe. Manje, uma ethinta ibhantshi lami, *kanjalo*, bengingeke ngikuzwe, futhi kulengela eduze kwami ngqo. Kodwa wathinta phansi ephethweni, umngcele, okungukuthi mhlawumpe kwakuyi *lobo* kude ukusuka ezinyaweni zaKhe, noma, umzimba waKhe. Wathinta umphetho wengubo yaKhe, futhi wabuyela emuva futhi wahlala phansi, noma ngabe yini ayenza. UJesu wama.

267 Futhi, khumbulani, sonke isixuku sasinezingalo zaso . . . “Sawubona, Rabi!” “Ngiyajabula ukuKubona!” “Ngabe

UngumProfethi na?” “Si—siyajabula ukuKubona.” “O, Wena mzenzisi!” “UyiNdoda elungile!” O, ukuzizwakalisa okwehlukahlukene nje.

268 Manje lalelisisani ngempela. Khona-ke lona wesifazane omncane, wathinta ingubo yaKhe, wayesebuyela emuva ngoba wayenelisekile ukuthi wayethinte uNkulunkulu. UJesu wama, wathi, “Ubani oNgithintile na?”

269 UPetru waMkhuza, wathi, “Bonke uyaKuthinta. Kungani Usho into enjengaleyo na?”

270 Wathi, “Kodwa Ngiyabona ukuthi ngiphelelwe amandla, amandla aphumile kiMi.” Waqalaza nxazonke ezethamelini Waze wamthola lowo wesifazane omncane, futhi Wamtshela mayelana nomopho wakhe, futhi wase unqamukile. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, manje, manje kubambe lokho. Manje, wena uthi “amen” kulokho, lokho kusho ukuthi “makube njalo.” Manje, qaphelani manje, ngabe iBhayibheli liyasho, kinina bafundi abangamaKristu, ukuthi uJesu Kristu manje ungumPristi oMkhulu ongathintwa ngobuthakathaka bethu na? Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? [“Amen.”] Awu, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubengeke yini enze ngendlela efanayo Enza ngayo ngaleyonkathi na? Awu, khona-ke, uma uhlezi ngaphandle lapho ubungaMthinta phezulu lapho, futhi uma ngizoba ngomele Yena, iPhimbo laKhe lapha manje, Ubengeke asho into efanayo kunaleyo Ayenza ngaleyonkathi na? Ngabe lokho akuzwakali ngokomBhalo na? Akunjalo na? Niyabo? Wazi kanjani ukuthi uMthintile uma Engenzanga ngokufanayo na? Niyabo? “Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyoyenza.”

271 Kulungile, manje nina eningenawo amakhadi omkhuleko, khulekani nje futhi nithi, “Nkosi Jesu, angifikanga lapha ngesikhathi ukuthola ikhadi lomkhuleko, kodwa ngi—ngiyakhuleka kuWe, futhi ngiyakukholwa lokho lendoda ekushilo kuyiQiniso. Ngakho-ke ngizo. . . Ungangivumela nje ngithinte ingubo yaKho, Nkosi Jesu na? UngumPristi wami oMkhulu. Angibhekile kuleyondoda encane enempandla emi lapho emsamo. Ngibheke kuWe, futhi ngithinta Wena, futhi ngiyakholwa ukuthi Uzongisindisa. Ngakho-ke, ngithinta Wena, Wena khuluma kuMfowethu Branham futhi wenze into efanayo lapha njengoba Wenza kulowo wesifazane. Futhi ngizoKukholwa ngenhliziyo yami yonke.” Uzokwenza lokho na? Bangaki abazokwenza lokho, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngi—ngizokwenza.” Kulungile, khulekani nje. Manje nansi indawo yokusebenzisa ukukholwa kwenu. Kukholweni, ningakungabazi. Kukholweni ngayo yonke inhliziyo yenu. Amen.

272 Bese kuthi-ke nina enisemgqeni womkhuleko, manje ku . . . Ubani umuntu wokuqala na? Woza lapha nje umzuzu. Manje, yima nje khona lapho. Lokho—lokho kuhle ngokwanele, niyabo, yima khona lapho. Ngiyakholwa, esikhashaneni esedlule, ubuphakamise isandla sakho, bengingakwazi. Kunjalo. Siyizihambi omunye komunye. Kulungile.

273 Manje ngifuna ukubuza lezizethameli. Nazi izandla zami ziphakeme phambi kukaNkulunkulu, futhi uphakamise isandla sakhe ukuthi siyazi ukuthi asazani. Manje, ngabe lesi akusiso isithombe seBhayibheli sikaJohane oNgcwele 4, ngenkathi uJesu ehlangana nowesifazane emthonjeni na? INdoda nowesifazane bahlangana okokuqala ngqa. Futhi wenzani uJesu na? Wahamba wayokhuluma naye. Wayenzani na? Manje, Wathi, "UBaba . . . "

274 Wayeswelekile ukuba akhuphukele eJerusalema, noma enyukele eSamariya. Manje, niyabo, a—amaJuda ayesibonile lesosibonakaliso, ngokuba WayengumProfethi futhi Wakhombisa isibonakaliso somprofethi. Futhi kune—kunezinhlanga ezintathu kuphela zabantu, lowo ngabantu bakaHamu, Shemu, noJafete. Manje, amaJuda ayesibonile isibonakaliso sawo, ngoba ayebheke uMesiya. Basibona. Manje amaSamariya afanele asibone, ngoba ayebheke uMesiya.

275 Hhayi abeZizwe, akakaze nakanye ake Akwenze lokho kwabeZizwe, kodwa Waprofetha, "Ezinsukwini zokugcina," njengoba Enza, "njengoba kwenzeka ensukwini zikaNowa nangezinsuku zikaLoti," ngenkathi leyoNgelosi iza yakhuluma noLoti, yatshela uSara ukuthi wenzani ethendeni emva kwaYo. UJesu washo ukuthi kuzophinda futhi ngosuku lokugcina. Bangaki abafundi beBhayibheli abakwaziyo lokho na? Niyabona, kunjalo. Niyabo? Manje sisezinsukwini zokugcina, yisikhathi sabeZizwe. Uma Yena . . . Niyabo, ngishilo ekuqaleni kwentshumayelo yami, uma uNkulunkulu enza noma yini, Ezenza aziwe ngesinye isikhathi, Uzofanele ahlale ngaleyondlela.

276 Ngakho-ke wazi kanjani—kanjani uNathanayeli ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu na? Ngenxa yokuthi Wamtshela lapho ayekhona, okuthize ngaye.

277 Wazi kanjani lona wesifazane na? Bukani, ake sithathe ingxoxo yakhe, sibone ukuthi kuningi kangakanani—kangakanani ayazi ngakho kunabo bonke labo bashumayeli ezansi lapho. Waphuma phandle lapho. Kungahle ukuba wayengowesifazane omuhle. Wayezokha ibhakede lamanzi. Wadonsa ibhakede lamanzi. WayengumJuda, yena owesifazane wayengu—ngumSamariya. Futhi ngakho-ke, wadonsela phezulu ibhakede lamanzi, futhi ngaleya maqondana nendawo encane ebonakala ndawo zonke lapho lapho umthombo ukhona. Usekhona lapho eSikari. Ngakho manje-ke Wayehlezi lapho kanjalo, Wathi, "Sifazane, Ngiphuzise." Waphenduka. Manje,

wayengowesifazane onesimilo esibi, niyazi, wayekade eshadile izikhathi eziningi kakhulu. Futhi wathi, "Ngiphuzise." Yena . . .

278 Wathi, "Akusilo isiko kini maJuda ukucela owesifazane waseSamariya into efana naleyo."

279 Ingxoxo, niyabo. UBaba wayeMthumele phezulu lapho. Manje khumbulani, Akenzanga lutho waze uBaba waMkhombisa. Niyabo? Ngakho-ke manje Wahlala lapho, ngakho-ke Wayenzani na? Wayezama ukuthola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, ukuze ezokwazi ukuthatha umlayezo awuyise kulabobantu. Wathi . . . Wayefuna ukuthola inkathazo yakhe, uyazi. Wathi, "Ngiphuzise."

Wathi, "Akusilo isiko."

280 Wathi, "Kodwa uma bewazi ukuthi uBani obukhuluma naye, ubuzocela kiMi amanzi."

281 Wathi, "Awu, umthombo ujulile, Awunalutho lokukha amanzi. Uzowakha kanjani amanzi lapha na?"

282 Futhi bahamba baqhubekela phambili nokukhuluma, kwaqubuka ingxoxo, mayelana nokukhonza eJerusalema. Wayenzani na? Wayezama ukuthola umoya wakhe, ukubona ukuthi yini eyayingalungile. Wakuthola. Niyazi ukuthi kwakuyini na? Wayenamadoda abayisihlanu. Futhi Wathi, "Hamba ulande indoda yakho uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

283 Wathi, "Usho kahle, usho kahle, ngokuba ubunayisihlanu nale ohlala nayo manje akusiyo indoda yakho."

284 Manje bukani. Manje, akazange athi, "Ungumbhuli," njengoba benza labobashumayeli. Akazange athi, "UnguBelzebule." Wathi, "Mnumzane," lalela, "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika Uzositshela lezizinto." Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya.

UJesu wathi, "Nginguye okhuluma nawe."

285 Wagijimela emzini, futhi wathi, "Wozani nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Lona akusiye uMesiya impela na?"

286 Awu, uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya kumaJuda, kumaSamariya, bekungeke yini kube yisibonakaliso sikaMesiya kwabeZizwe na? Bekungeke kube-ke uMesiya, uma Evukile kwabafile futhi ehlala eBandleni laKhe, ezibonakalisa Yena uqobo edlule, Ubengeke enze imisebenzi efanayo ngenkathi Eyethembisile ukuthi Uyoyenza na?

287 Manje mina ngimi lapha ngikhuluma nawe, angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Uyabo? Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela into ethize oyizele lapha, uyazi ukuthi iyiqiniso noma qha. Uyabo, ingitshele okuthile okwenzile, okuthize obungafanele ukwenze. Uma Engakutshela okwenzile esikhathini esedlule, impela Uzokwazi ukuthi ikusasa

beliyini. Kunjalo, uma Ubengakutshela lokho na? Impela. Futhi uma ezongitshela ukuthi yini oyizele lapha, uzoMkholwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, ukukholwe na? Bangaki ezethamelini abazokukholwa lokho na? Futhi mina nalona wesifazane lapha nezandla zethu ziphakeme, thina—asi... thina, niyabo, siyisihambi. Anginalwazi, uyazi anginalo. Wena umile lapho, njengesihambi nje kimi. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu...ngikhuluma nawe ukuze ngithole uMoya uqale ukugcoba abantu, niyabo, futhi khona-ke kuvele kubhoboke ngqo. Futhi ngi—ngibuka wena nje ukubona Azongitshela khona, ngoba angazi lutho ngakho. Kodwa uma Ezokutshela okuthize, khona-ke uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, angeke na? Ngabe wonke umuntu uzokholwa, uma Ezokwenza na?

288 Baba wethu waseZulwini, akusekho okungaphezulu engingakwenza manje. Kukulesisikhathi, kuzothatha Wena ukusuka lapha kuqhubeke, Nkosi. Ngilethe abantu eZwini laKho. Yilokho kuphela engikwaziyo. Wazethembisa lezizinto. Futhi bekungathatha amaviki namaviki, besisengaba kukho, sikhuluma ngezithembiso zaKho zazo kanye lezizinto zezinsuku zokugcina. Njengoba besikade sisemhlabeni jikelele ngazo zonke lezizikhathi, Awukaze usiphoxe, Nkosi. Manje lapha kumi izethameli zabantu. Ngiyazi ukuthi owodwa walemibono uzosenza buthakathaka. Ngiyakuqonda. Amandla aphuma kuWe, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu engaxutshwe nalutho. Bekuzoba kukhulu kangakanani kimi, isoni esisindiswe ngomusa waKho na?

289 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzokuvumela kwenzeke manje, ukuthi loMlayezo kulokhu ukusa ungeke ungatheli, kodwa laba abaphendukile abasebasha, mhlawumbe amashumi amabili noma abangamashumi amathathu abo abasanda kuphakamisela izandla zabo kuWe, ukuthi bazoneliseka, Nkosi, ukuthi uNkulunkulu wabo uvukile kwabafileyo futhi Uyaphila ingunaphakade, Ezenza aziwe, uNkulunkulu impela owazi imfihlo yenhliziyo, futhi wethembisa ezinsukwini zokugcina kuyokwenzeka futhi. Silapha, ukuphela kwesikhathi. Futhi abeZizwe sebebe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili, njengoba nje kwenza amaJuda, ukufunda ngoNkulunkulu, futhi manje bathola isibonakaliso esifanayo futhi bayaSenqaba njengoba nje kwenza amaJuda. AmaJuda enqaba uMesiya wawo, ngoba ayenakho konke kuhleliwe. Futhi benze kanjalo nanamuhla, Nkosi, benze into efanayo. Kodwa angeke safakaza ngalokho. Sizofakaza kuphela, Nkosi. Njengemvu nje, ayikhiqizi lutho, ithela uvolo ngoba yimvu. Futhi, Nkosi Nkulunkulu, asithele uMoya kaNkulunkulu, ngoba singamaKristu. Sikholelwa kuWe. Siyakholelwa eNdodaneni kaNkulunkulu. Manje, Nkosi, angifanele, kodwa thatha... Ubani ofanele na? Ubani ofanele, Nkosi na? Akekho kithi.

Sonke sizalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sifika emhlabeni sikhuluma amanga. Sithethelele ngokungcola kwethu—kwethu, Nkosi. Futhi manje sisebenzise kulolu usuku lokugcina ukuthi Usebenzana nohlanga lwesintu. NgeGama likaJesu. Amen.

290 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya ngaphansi kwalapha, phakathi lapha, ngaphansi kokulawula kwami. Niyabo? Manje hloniphani. Ngingikwazi, ngingazi lutho ngawe. Kuyisiphiwo. Indlela nje ozidonsela kukho, phambi kukaNkulunkulu, zithulule. Yena makenze ukubuka. Angazi, kodwa ngiyazi ukuthi Ulapha. Ngiyazi Umi lapha. Yebo, memu, nansi inkathazo yakho. Ufuna umkhuleko womdlavuza. Lowo mdlavuza usebusweni bakho; awunakwangwa, njenge, kodwa uphezulu ngasesweni lakho. Kunjalo, phakamisa isandla sakho.

291 Ngikuzwile lokho kuqhamuka ngqo kuphuma lapho ezethamelini, wena uthe, "Ukuqagelile lokho noma ukubuke ebusweni." Angikwenzanga lokho. Yima uthule. Mangi... Sathane, unephutha. Yima uthule, dadewethu. Umvumela aqale, uma eqalile, khona-ke uzoqhubeka nokudlanga. Siyamkhuza lowodeveli, eGameni likaJesu Kristu, futhi simfaka ehlazweni.

292 Unokungaphezu kwalokho okungalungile ngawe. Unenkathazo yenhliziyo, futhi. Izifo ezilakanyanayo, sonke nje isimo sokwethuka, kade kungaleyondlela iminyaka. Kunjalo impela, okukhandlayo, ukuzwa okudinanayo, nakho konke. Lokho yi...Uma lokho kuliqiniso, phakamisa isandla sakho. Manje usuphulukisiwe. Ukukholwa kwakho kukusindisile. Ungaya ekhaya manje uphile. Sekwedlule konke. Hamba nje, ukholwa, konke okufanele ukwenze. Ubonge uNkulunkulu.

293 Uyakholwa na? Yima lapho nje, nenekazi, buka ngapha. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? UNkulunkulu angayiphulukisa inkathazo yenhliziyo na? [Udade uthi, "Yebo. Angakwenza."—Umhl.] Kulungile, Useyiphulukisile eyakho, khona-ke, uma uzokholwa. Hamba, ukholwe.

294 Uyakholwa ukuthi Uyawuphulukisa umdlavuza na? Khona-ke buyela emuva esihlalweni sakho, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

295 Bekungathiwani uma ngingashongo nelilodwa igama kuwe kodwa nje...Ubungakholwa uma ngithe kuwe uphulukiswe ngenkathi ukhuphukela lapho emgqeni na? Ubungalithatha izwi lami ngakho na? Unjalo, futhi asikho isidingo sokukutshela lokhu, usuvele uphulukisiwe. Angikaze ngithinte muntu.

296 Angeke, akudingeki ukuba ubenokuhlinzwa uma uzomkholwa uNkulunkulu. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ithumba alisekho. Yana ekhaya futhi uphile.

297 Bheka ngapha, dadewethu. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Umzuzwana nje. Manje, kukhona owesilisa olokhu evela phambi kwami lapha, unento efanayo lo wesifazane anayo, ndawo ndawo ezethamelini. Futhi

niyakubona lokho kuKhanya esithombeni, Okumi khona lapha. Anikuboni lokho na? Yilendoda ehleli lapha. Unalo ikhadi lomkhuleko, mnumzane na? Mfo osemusha, ngiyakholwa ukuthi unguMfowethu Hupp, awusuye na? Ngisanda kukubona nje. Anga—angazi ukuthi yini engalungile ngawe, Mfowethu Hupp. Uyazi angazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Unenkathazo. Ubuhlezi lapho, ukholwa. Ufanele ukholwe ondabeni lwendodakazi yakho lapha maduzane. Uyakholwa, awukholwa na? Lona wesifazane unesifo samathambo; uyakholwa, nawe. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kholwani ngenhliziyo yenu yonke futhi nobabili ningaphulukiswa. UNkulunkulu akubusise. USathane ucabange ukuthi ubezozedlulela naleyondoda, ukugejile. Yiba nokukholwa manje. Ungangabazi. Manje, lendoda lapha, njalo . . . Mfowethu Hupp, awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo, Mfowethu Hupp na? Ya, uhlezi nje lapho, ukholwa. Buka ukuthi kwenzekani kuwe. Kholwa nje manje ngayo yonke inhliziyo yakho.

298 Wonke umuntu emkhulekweni. Uyakholwa manje na? Manje, uyabona lezizinto zingenza ngibe buthakathaka kakhulu ngivele ngi . . .

299 Uyakholwa ngenhliziyo yakho na? Uma bengingakutshela ukuthi uzosinda, ubunga—ungalithatha izwi lami ngakho futhi ukukholwe na? Khona-ke hamba futhi uJesu Kristu uyakusindisa. Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

300 Ucabanga ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa ukwethuka futhi akusindise na? Hamba, kukholwe. Ngiyakholwa ngi . . . anginasiqiniseko, ngicabange ukuthi ngiyamazi lowo wesifazane. Bengingaqinisekile. Umbono ubhobokele phezu kwakhe kodwa ngi—ngiwumisile, ngivele ngabuka emuva nje ngenye indlela; ngoba ngiyakholwa ngi—ngiyamazi owesifazane, kodwa bengi—ngingaqinisekile.

301 Manje hloniphani, wonke umuntu. Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, nginomugqa omude omkhulu womkhuleko lapha, angifuni . . . Yimani nje. Futhi, khona manje, ngishumayelile kini cishe amahora amabili noma amathathu, kodwa khona manje ngibuthakathaka ngokuphindwe njengoba benginjalo ngakho konke ukushumayela. Niyabo, kuthena nje impilo yami. Kodwa, laba, besingaqhubeka nokukhuluma nabantu, lokho bekuzolunga, lokho akwenzi nomncane umehluko. Ungama, ukhulume kade njengoba ufuna kubantu, yini enye eqhubeka nokwenzeka, kepha ngimile ukuze ngizokwazi ukonga amandla ami kancanyana ngenxa yabanye abeza emgqeni. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Bangaki abake bakubona lapho izikhathi eziningi ngiyama futhi ngikhulume nabantu, Kubatshela konke ngabo, nangokuthi bangobani nokuthi bavelaphi na? He, kade usemihlanganweni futhi ukubonile, niyazi.

302 Lona—lona olandelayo, nguwe olandelayo na? Kulungile, mnumzane, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Awu, kuhle. Singamakholwa, siyakholwa ngayo yonke inhliziyo yethu. Futhi ngingakwazi, iNkosi uJesu izongitshela okuthize okungalungile ngawe, uzokwazi ukuthi ngabe bekuqinisile noma qha, ubungeke, mnumzane na? Yebo, mnumzane. Lokhu ngokuba ngokwethu. . . Ngiyacabanga siyizihambi omunye komunye. Angibukhumbuli ubuso bakho. Singabefundisi ndawonye, futhi si. . . kodwa asazani siqu nje njengabangane. Kulungile mnumzane. Khona-ke buka ngalendlela, mnumzane, futhi uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaKristu ngayo yonke inhliziyo yakho. Kulungile, mnumzane. Lendoda ihlushwa yisimo senanzi. Kusenanzini yayo. Yinkathazo yenhliziyo futhi onayo. Ungumfundisi, lelo yiqiniso, ungowe-United Brethren Church. Uvela eRamsey, e-Indiana. Igama lakho nguMnu. Beanblossom. Mfundisi ohloniphekile uBeanblossom, lelo yiqiniso. Ngabe kunjalo, phakamisa isandla sakho. Khona-ke yiya ekhaya futhi usinde, mnumzane. UJesu Kristu uyakusindisa. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

303 Isifo samathambo asisiwo umsebenzi kuNkulunkulu. Niyakholwa ukuthi Angakusindisa na? Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? Hamba futhi uMkholwe ngenhliziyo yakho yonke futhi ungaba nakho ngakho konke. . . kholwa nje ngakho konke. . .

304 Mfowethu, ngiyakwazi, ngiyasazi isimo sakho. Uyakholwa khona manje, ngenkathi ngisengaphansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa futhi akusindise na? Hamba futhi ukukholwe, Mfowethu Collins, futhi uphiliswe. Kulungile.

305 Ngi—ngi. . . kubukeka sengathi ngikubonile, kodwa anginasiqiniseko. Kodwa uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma inceku yaKhe—yaKhe na? Uyakukholwa na? Kulungile. Uhlushwa yisimo sokwethuka. Yilokho ufuna umkhuleko. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma kunjalo. Yana ekhaya, uphile. Kukholwe. Kugibele ngaphezulu manje. Yiba nalokho kukholwa okuncane okukwenza uphile ngempela.

306 Uyakholwa ukuthi uKristu uzokusindisa khona manje ngenkathi nisamile lapho na? Kukholweni, futhi niye ekhaya futhi nithi, "UJesu Kristu uyangisindisa khona manje." Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ufanele ukholwe, ukuze uphile. Uyakwazi lokho, awukwazi, dadewethu na? Uma ungakwenzi, ufanele ufe. Uyakwazi lokho. Kodwa Uphulukisa zonke izinhlobo zezifo, umdlavuza, noma yini enye, futhi uyakusindisa. Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke hamba futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uphiliswe, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

307 Kulungile, mfowethu, uyazi ngiyakwazi, futhi ngakho-ke ngizama nje ukubamba, noma kunjalo. Kodwa uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa khona manje ngenkathi usengaphansi kogcobo lobuNkulunkulu bukaMoya oNgcwele na? Hamba futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

308 Manje ini na? Kulungile. Umzuzwana nje manje. Ngime kusukela kuphi, yikuphi lapho engime khona esikhashaneni esedlule na? Amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili nesithupha, amashumi amabili nesikhombisa, amashumi amabili nesishiyagalombili, amashumi amabili nesishiyagalolunye, amashumi amathathu, hambani nikhuphukele phezulu futhi ningene emgqeni. Amashumi amathathu, amashumi amathathu nanye, amashumi amathathu nambili, amashumi amathathu nantathu, amashumi amathathu nane, amashumi amathathu nanhlanu, amashumi amathathu nesithupha, amashumi amathathu nesikhombisa, kuqhubeke phezulu kuze kufike emashumini amahlanu, shayani ulayini khona lapho manje, labo abanamakhadi enu omkhuleko, ngakho-ke anikezeni umngenisi noma abafowethu njengoba beza bedlula.

309 Manje asithathe nje isikhathi esiwumzuzwana sokuphumula, umzuzu nje. Niyakholwa na? Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

310 Mfowethu noDadewethu Spencer, ngiyakwazi kusukela ngisengumfanyana. Ngiyazi ukuthi iyini inkathazo yakho, futhi ngiyazi ukuthi yini oyimele lapho. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa, umile lapho na? O Nkulunkulu waseZulwini, yipha izibusiso zaKho phezu kwalezizithandani esezikhulile, uzithumele ukuba ziphile, Baba. Phezulu le eminyakeni lapha, kodwa basaKukhonza. Ngiyababusisa eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen. Buyela kokwakho... uNkulunkulu akubusise, dadewethu. Uzothatha amashumi ayisishiyagalombili nantathu, uneminyaka eminingi ezayo, kukholwe ngenhliziyo yakho yonke futhi uNkulunkulu uzoba nawe. Futhi nawe, futhi, Mfowethu Jess. UNkulunkulu akubusise lapha.

311 Uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na? Linda, ngiyakholwa ngimgejile lodade ezansi lapha. Kulungile. Sinezinhlaka ezimbili, sizofanele sifinyelele kubo emzuzwini nje. Awunankinga yokulinda umzuzwana, udadewethu lapho, noma ngabe lowomuntu ungubani na?

312 Manje hloniphani ngempela futhi nime nithule, wonke umuntu akahloniphe. Niyabo, nifanele ngempela, nihloniphe ngempela. Manje ake siphumule umzuzwana nje, niyabo, emibonweni, umzuzwana nje. Futhi yiba nenhlonipho ngempela. Manje wonke umuntu bhekani ngapha, futhi asicule ngokuthula,

*Kholwa kuphela*, manje. Sonke sindawonye manje. (Makuthi mina.)

Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

313 Manje, ungicele ukuthi ngihambe ngiyobakhulekela manje, kodwa ngithe ukukhululeka kancanyana nje manje. Angiqale umugqa futhi, emzuzwini nje ngizoma. Manje, uphi abantu abazokhulekelwa, lelo nenekazi lapho esihlalweni na? Kulungile, umzuzwana nje, ngizo—ngizothola. . .ngizoza kulo, niyabo, umzuzu nje. Kulungile, umzuzwana nje. Manje, wonke umuntu akahloniphe ngempela. Ngiqinisekile impela ni—niyabona ukuthi yini engiphansi kwayo lapha. Niyabo? Kungesikhona lapha kuphela, kodwa, emazweni angaphandle, ngezinye izikhathi izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane.

314 Ngizwe okuncane, ngizwe ukucasuka okuncane esikhashaneni esedlule, kwegama lomuntu othile elibiziwe. Awuqondi ukuthi uJesu uyalazi igama lakho na? Awukaze ukubone lokho na? Kufanele kube yizihambi phakathi lapha, azikaze zikubone. Ngani, he, ngezinye izikhathi lapha emsamo Utshela abantu zonke izono zabo, futhi azimbe ziphume ngqo. Niyakwazi lokho. Njalo. . .UJesu akamtshelanga yini uPetru ukuthi, "Igama lakho unguSimoni. Igama likayihlo kwakunguJona. Indodana kaJona"? Niyabo? Ukukhombisa nje ukuthi Ulapha. Manje, noma ngubani uyazi, wonke umuntu lapha ubophezekile ukusho ukuthi kukhona uhlobo oluthile loMoya olwenza lokho. Manje, ungathi, "NguBelzabule," noma ungathi, "UKristu." UNkulunkulu uzokwahlulela noma ngabe kuyini. Niyabo? Ngiyanitshela ukuthi leso isithembiso seBhayibheli, iBhayibheli eliNgcwele likaNkulunkulu lapha likunikeza isithembiso.

315 Manje, manje hloniphani ngempela. Manje, umzuzwana nje. Ngabe lena yindoda elandelayo na? Kulungile, phuma ngapha, mnumzane. Angiyazi indoda. UNkulunkulu uyayazi. Kodwa, mnumzane, uma uNkulunkulu ezosho kimi ukuthi yini oyizele lapha, awu, kuzokwenza ukholwe. Bekungeke na? Impela bekungakwenza. Bangaki abanye laphaya obekungenza bakholwe na? Nampa abantu ababili behlangana, indoda incane kunami. UNkulunkulu uyondlile yonke impilo yayo. Imile lapho ivale amehlo ayo. Kodwa uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi indoda izele ini lapha, noma okuthize ngakho, bekufanele kunenze nonke nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Anicabangi kanjalo na?

316 Lapha, umzuzwana nje, khona emuva lapha, ohlezi ohlwini emuva khona lapha, yindoda, ekhulekayo. Inento eyinqaba

kakhulu. Ngibona ukubaneka. Ya, ishaywe ngumbani. Ya. Yiba nokukholwa, mfowethu. Ngiyisihambi kuwe, mnumzane. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, asazani. UNkulunkulu uyakwazi. Yiba nokukholwa manje.

317 Manje wena uthi, "Wenzani, Mfowethu Branham na?" Ngibuka lokho kuKhanya. Kuyahamba.

318 Inkathazo yesinye, uhlezi lapho ukhulekela . . . nenkathazo yesinye, indoda ingibuka. Siyizihambi omunye komunye, asiyizo na? Ngitshele ukuthi leyo ndoda ithinteni. Inkathazo yakho yesinye ihambile, mnumzane. Ithinteni na? Iqhele ngamafidi angamashumi amathathu ukusuka kimi. Ithinte umPristi oMkhulu ongathintwa ngokuzwa.

319 Leyondoda ehleli eduze kwakho, iyakhuleka, futhi. Nakhu ekukhulekelayo, "Nkosi, makube yimi olandelayo." Usho lokho njengamanje. Kunjalo. Ngikwaze kanjani okhuleka ngakho na? Lowo ophendula umkhuleko. Leso sibhono osikhulekelayo, yilokho onakho, isibhono. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile, uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke, into izophulukiswa.

320 Ngiphosela inselele ukukholwa kwenu. EGameni likaJesu Kristu, kholwa! O, he, umuzwa onje! Ulapha. Yebo. Manje akwenzeke. Manje uzobona ukuthi Ngubani uBasi. UnguBasi. Ake umphikinkolo asho okuthize manje, ongakholwayo. INkosi uJesu Kristu, ukufakazisa kuwe ukuthi isikhathi sokuphela sesilapha, lowo nguMoya waKhe kimi. Lowo nguYe. Akusimina, angikwazi. NguYe. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

321 Le ndoda, ngiyakholwa ebingolandelayo, le ndoda lapha. Mnumzane, ngi—ngifanele ngibheke indlela Okuhamba ngayo. Angikwazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini oyizele lapha, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Ungumuntu oyiqhawe. Umele omunye umuntu lapha, kunjalo, osonta nawe, izilonda emathunjini. Kunjalo. Awusuye owalapha. Leli akusilo ikhaya lakho. Uvela kude impela. Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi uvelaphi na? EMissouri. Kunjalo impela. Mnu. Friels, manje uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaya ekhaya futhi uphiliswe, nazo zonke ezinye izinto zakho ozicelayo. Hamba futhi ukholwe yiNkosi uJesu Kristu.

322 Uyakholwa na? Kubonakala sengathi bengifanele ngikwazi. Ngikubukile ndawo ndawo. O, ngiyazi, ngiyazi ukuthi wawukuphi. Wena u . . . Manje, awume kancane. Angihlanyi, kodwa lolu ugcobo. Wena u . . . Manje, awume kancane. Waphulukiswa eLouisville, eKentucky, noma udadewenu waphulukiswa. Uyilokho . . . Hupp, intombazane kaDadewethu Hupp. Kunjalo. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuba uphulukiswe njengoba udadewenu aphulukiswa na? Yana ekhaya, kwamukele, uJesu Kristu uyakusindisa.

323 Mfowethu, kholwa ukuthi lokho kwethuka sekuhambile unomphelo, futhi yiya ekhaya nje, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu, ngiya ekhaya, ukuba ngisindiswe." Futhi Uzokwenza.

324 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, mnumzane na? Uma-ke bengingehlela ezansi futhi ngibeke izandla kuwe, ngalolugcobo na? Ubungakholwa ukuthi bekungabanjalo, kwenzeke kuwe na? Ngizokwehla futhi ngikwenze, eGameni likaJesu Kristu. Uzofa ulele lapho, ugula kakhulu, kakhulu, akukho okungenziwa. Unoketshezi emaphashini. Kunjalo. Uzofa ulele lapho, ngokuqinisekileyo njengezwe. Manje, kungani ungaMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Sukuma, eGameni likaJesu . . . ? . . . [UMfowethu Branham uyakhuleka—Umhl.] Nkulunkulu, siphe khona. Uwuzwile umkhuleko wami eGameni likaJesu. Nkulunkulu, siphe khona.

Mawungangedluli, O onobubele . . .

325 Khulekani, wonke umuntu, manje, kanye kanye, sizobeka izandla. Ugcobo lukaMoya oNgcwele lulapha, ngizobeka izandla kubantu. IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kulungile.

[Ibandla liyacula *Mawungangedluli* ngenkathi uMfowethu Branham eqhubeka nokukhulekela abantu—Umhl.] . . . ? . . . Phuma kuye, Sathane, eGameni likaJesu Kristu . . . ? . . . EGameni leNkosi uJesu . . . ? . . . EGameni leNkosi uJesu . . . ? . . . Baba waseZulwini . . . ? . . .

326 Asikhulekele manje lezizindwangu lapha. Baba wethu waseZulwini, bathatha emzimbeni kaPawulu oNgcwele, amaduku, noma izindwangu, futhi Lathi "Imimoya engcolile yaphuma kubo." Siyaqonda ukuthi asisiye uPawulu oNgcwele, kodwa siyazi ukuthi UsenguJesu ofanayo, ngokuba Uyaphila nje namuhla njengoba Wawunjalo ezinsukwini zikaPawulu oNgcwele. Ngikhulekela lezizicelo, Nkosi, lamaduku azimele. Izindwangu ezincane namaduku, namabhuzu amancane ezingane. Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi Uzosipha khona.

327 Sifundiswa ukuthi u-Israyeli wayesemashini yakhe eya ezweni lesithembiso, iNsika yoMlilo enkulu yahamba phambi kwabo, umprofethi wayebamele, wamela uNkulunkulu, ngenxa yabo emhlabeni. Futhi ba . . . lomprofethi wabahola wabakhipha oLwandle oluFile, futhi lwavala umgwaqo. Kwakukhona okuthile endleleni ngenkathi besahamba emgqeni womsebenzi. UNkulunkulu wabuka phansi esemaZulwini ngaleyoNsika yoMlilo, nolwandle lwesaba, futhi lwagingqika lwabuyela emuva futhi lwavula umgwaqo ngqo odabula olwandle, ukuba u-Israyeli ahambe aqhubeke endleleni yezinyawo yomsebenzi, futhi baya ezweni lesethembiso.

328 Nkulunkulu, lapho lamaduku ebekwa phezu kwabagulayo nabahluphekileyo . . . USathane weqe umugqa wabo, uyabavimba endleleni yezinyawo yomsebenzi. Makuthi

aMandla avusa iNkosi yethu, Ekhona manje, eze phezu kwalamaduku. Futhi, noma nini lapho bethinta abagulayo, sengathi udeveli angesaba, ngenkathi Esabuka phansi ngeGazi likaJesu Kristu, futhi kwangathi bonke bangaphulukiswa futhi baqhubeke endleleni yezinyawo yomsebenzi. Siphe khona, Nkosi. SiyaKubonga. UBukhona bakho bulapha. O, lolugcobo olukhazimulayo loMoya waKho olunyakazisa thina izidalwa ezifayo, Nkosi. SiKubonga kanjani ngokulunga kwaKho! Busisa lawa manje, eGameni likaJesu.

329 Amakhanda enu ekhotheme, wonke umuntu olapha. Ningakhothamisi amakhanda enu kuphela, manje ngizonicela ukuba nikhothamise izinhliziyo zenu nalo. Yini enye uNkulunkulu abengayenza ukunivumela nibone ukuthi Ulapha na? Manje thathani izwi lami. Lolugcobo lukhulu kakhulu njengamanje ngize ngibe nesiyezi lapha. Angisilo uhlanya. Niyazi angisilo. Anginikezwanga ngokweqile ekuzikhohliseni. Nginitshela okuyiqiniso kuphela. KungokomBhalo. Lokho kuKhanya empeleni kusabalale yonke indawo, kubukeka sengathi Kukuyo yonke indawo ngalapha. Isidingo esikhulu kakhulu! Ngikholweni.

330 IBhayibheli lathi, kuMarku 16, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Mangaki amakholwa alapha, thanini "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ukuze nizokwazi ukuthi akusimina, ningena kakhulu kukho njengoba nami nginjalo. Lesi nje yisiphiwo esivela kuNkulunkulu, ukubonakalisa Yena, Sisho izinto. Futhi ngithatha noma yikuphi ukuqopha, kudabule eminyakeni, ngabe seKwake kwasho noma yini ngaphandle kwalokho okufezekayo nje impela na? Iqiniso ngokuphelele, ngaso sonke isikhathi. Ku—kuzofanele kube njalo, ngoba nguNkulunkulu. Manje, ungathi ukukweqa uhhavu nje, funa into ethize ele ngaleya. Bukani, Ulapha manje, khona manje!

331 Manje, uma uyikholwa, beka isandla sakho komunye oseduze kwakho, futhi bazobeka isandla sabo kuwe. Ungazikhulekeli, bakhulekele ngoba bazobe bekhulekela wena. Manje ukuze uzokwazi, futhi—futhi uma uzokwenza lokhu, ngizokuqinisekisa. Awu, akusekho zinhlaka noma imibhede emincane esele, bonke sebehambile. Kodwa ubulapha ngenkathi izinhlaka nemibhede emincane ibibekwe lapha, abakhubazekile, izishosha, izinyonga, izimpumputhe, akukaze ngangesisodwa isikhathi kodwa konke okunci kwakho. Manje, indlela okhuleka ngayo ebandleni, uma uyiMethodisti, khuleka njengoba kwenza amaMethodisti. Uma uyiBaptisti, khuleka njengoba kwenza amaBaptisti. Uma ungumPentecostal, khuleka njengoba enza. Noma ngabe uyini, khuleka. Kodwa khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye. Khona-ke kholwa.

332 Manje, khumbulani, iBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo kwabagulayo, bayakusinda." Manje khulekelanani, njengabantu ngabanye. Ngizonikhulekela, ngokuhlanganyela, kusukela emsamo. Manje, yilowo nalowo ngendlela okungeyakho.

333 Baba wethu waseZulwini, sisondela emiseni yaKho. Besingeke size ngegama lethu uqobo, asinikwezwanga isithembiso ngalokho. Kodwa sinikezwe isithembiso ngeNdodana yaKho uQobo ethandekayo, ukuthi, "Uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngizokwenza." Leso kwakuyisethembiso saKho. Manje, Baba, ngiyakhuleka ukuthi UzoZibonakalisa nalamakholwa. Babeke izandla zabo phezu kwabagulayo, omunye komunye, futhi siyeza manje esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu, siyabaletha. EBhayibhelini, kuMarku, isahluko se 11, ivesi le 23, kuthi, "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuzofezeka, ungaba nakho okushilo. Uma nihlala kiMi naMazwi aMi ekini, celani enikuthandayo, futhi niyakuphiwa."

334 Manje, Baba, kuwo wonke umthetho weZwi laKho, ngiLemukele kungakhathalekile ukuthi abanye bathini. NgiLikholiwe nje ngendlela eLilotshwe ngayo. Ngokuba aLichasiselwa ngumuntu ngokwakhe, siyatshelwa, kodwa ngendlela nje eLilotshwe ngayo. Uma Uzosehlulela ngaleNcwadi, impela Ukubonile lokho Kuza kithi esimweni esikahle, ngoba sizokwahlulelwa ngeNcwadi. Futhi manje, Baba, ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke, futhi ngale ngisho nesiphiwo soMoya wesiprofetho Osazisayo. Futhi yingalesosizathu ngazi ukuthi SinguWe, ngoba Sifana nse nomBhalo. Manje siyeza, Nkosi, futhi ngiyaKubonga ngaSo. Futhi sigcobe manje. Sisondela ezinkundleni zesitha.

335 O Sathane, uyisidalwa esehluliwe. Awunamandla. INdodana kaNkulunkulu yathatha amandla akho, yakuhhundula yonke into owawunayo, eKalvari; kwafakazelwa ukuthi Yayinathi, ngovuko. Futhi njengalabo ababevela e-Emawuse, Ibonakele kithina namhlanje ekuseni futhi yenze okuthile ngendlela Eyakwenza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaYo, ngakhoke siyazi ukuthi Ivukile kwabafileyo. Futhi, Sathane, siza ngeGameni laKhe, iGama likaJesu, ngamandla kaKristu. Futhi wehluliwe, futhi ungumkhohlisi kuphela. Futhi uma sizokwamukela ukukhohlisa kwakho, uzosibulala ngaphambi kwesikhathi. Kodwa angeke ukwenze. Siyeza, sikuphonsela inselele lokho ngeZwi likaNkulunkulu, ngokuhlupheka okubambelayo kukaJesu. Sehlula ukukhohlisa kwakho. Sibiza isandla sakho, Sathane. Futhi siyaphuma silandela leyomvu, njengengonyama ngezinsuku zikaDavide. Siyeza ukubuyisa leyomvu empilweni ekahle nasemandleni. Bakhulule, eGameni likaJesu Kristu! Phuma kulendawo! Phuma kulababantu,

Sathane! Siyakukhuza, eGameni likaJesu Kristu. Badedele bahambe, ngenxa yeGama likaKristu, sibabuyisela esiHlalweni sobukhosi sikaBaba kulokhukusa, ngempilo namandla, ngeGama likaJesu Kristu.

336 Nonke nina bantu manje enikholwayo ukuthi umkhuleko wokukholwa usukhulekiwe, ukuthi senizibekile izandla zenu komunye, ukuthi nikholiwe, futhi niyakholwa ukuthi uKristu ubaphulukisile, futhi niyakholwa ukuthi niphilisiwe ngoba umuntu ukukhulekele, futhi uyakwemukela khona manje ukuthi usuphilisiwe, angikhathali ukuthi ukhubazeke kanjani, uyimpumputhe kanjani, uyisithulu kanjani, noma ngabe uyini, ukuthi ubuthakathaka kanjani, ukuthi ugula kanjani, yima ngezinyawo zakho, eGameni likaJesu Kristu, futhi ukwamukele. Amen. Sukumani, yonke indawo, kungakhathaleki ukuthi yini engalungile. Sukumani nime ngezinyawo zenu, phakamisani izandla zenu futhi nidumise uNkulunkulu ngobuhle baKhe. Amen.

